


KUNGANI SINGESILO IHLELO?

 Nginenhlanhla ukubuyela lapha epulpiti futhi, emva cishe, ngiqagele, cishe impela izinyanga ezintathu ngingekho. Izingwejeje ibe nesikhathi esilukhuni, kanjalo nami. O, isiphumule, nokho, manje, futhi uzizwa kakhulu njengokungena enkonzweni futhi. Futhi ngibheke manje ukuqala leliviki elizayo, lobubusuku bangoLwesithathu oluzayo, kube yi—yimvuselelo khona lapha etabernakele. Futhi uma uNkulunkulu evuma, nginohlobo lokuthi... INkosi ingethembise uhlobo olusha nolwehlukile lwenkonzo. Futhi uma kuMthokozisile ukwenzenjalo, ngethemba ukuqala lolo—lolohlobo olusha lwenkonzo ngaleliviki elizayo, lapha etabernakele, okwendawo yokuqala.

² Bese kuthi-ke, anginamihlangano esohlwini, kodwa nje iAustralia neNew Zealand, ngaloJanuwari ozayo. Bese kuthi-ke uMfowethu Osborn ubiza umhlangano ohlanganyele engathi nje ukumethembisa lapha esikhathini esithize esedlule, eTulsa, kodwa kamuvanyana, kodwa asikabi nasiqiniseko ngalokho okwamanje.

³ Kube kuhle ngempela, Mfowethu Jeffreys, ukuthola ukuthi ngixhawule isandla sakho emuva lapha, nokuzwa futhi umfana wakho ecula leloculo, nawe udlala. Ngithi ukukuthanda lokho, uyise nendodana. Anikuthandi lokho na? “Khulisa umntwana ngendlela afanele ahambe ngayo.” Kunjalo, Mnu. Guenther, u—uyazi ukuthi lokho kunjalo, nobabili. “Khulisa umntwana ngendlela afanele ahambe ngayo, futhi uma esekhulile ngeke asuke kuyo.” Futhi lelo yiqiniso. Kungahle kubekhona ezinye izikhathi angahle asuke kuyo, kodwa yona ngeke isuke kuye. Niyabo? Iyo—iyohlala naye njalo. Lokho kuqeqeshwa kusenesikhathi nakunoma yikuphi akhuliswe ukuba akwenze, kuyo—kuyohlala naye ngempela. Manje lena yi . . .

⁴ Ngihlangane noMfowethu Jeffreys phandle lapho, ngase ngithi, “Mfowethu Jeffreys . . .” Ngicabange ukuthi, niyazi, ngihlala ngijabule njalo ukubona noma yibaphi abazalwane bami abavakashile bekhona, kodwa ubusuku obunje pho bomfowethu ovakashile ukuba afike! Lobu ngubusuku bontanga nje oza etabernakele, ukwandulela nje lemvuselelo. Lobu ngubusuku . . . Sifuna ukuthatha kulobubusuku, nakusasa ekuseni, nakusasa ebusuku, kulokho nje esikukholwayo lapha etabernakele, uku—ukukubuyekeza futhi. Sinezinye izinkolelo eziyinqaba kabi, ezixake kabi ngempela, kodwa ngandlela thize noma enye sizithola kuleliBhayibheli. Zibonakala zilapho zikahle.

⁵ Futhi manje uma kungabakhona umfowethu ongewayeyele noma udade phakathi, osonta ehlelweni elithize, noma—noma ongavumelani, ohleziyo nje phakathi kulena eyalobubusuku, sifuna wazi ukuthi wemukeleke ngokuphelele. Niyabo, wemukeleke nje ngakho konke. Kodwa manje ngithemba... Futhi sikwenza lokhu kube nesihluku ngempela. Ngakho uma kubonakala ukuthi awuvumelani nakho, awu, manje, futhi yenza lokho njengoba ngenza uma ngidla uphaya wamasheri. Futhi uma ngidla uphaya wamasheri, okuyiwona engiwuthandayo, ngithi njalo, uma ngi... Uma ngidla uphaya, uma ngingqamama nembewu, angiwulahli uphaya. Ngi—ngivele nje ngilahle imbewu bese ngiqhubeka nje nokudla uphaya. Ngakho, noma njengokudla inkukhu. Manje, nonke nonke niyayithanda inkukhu, niyabo. Futhi uma uzithela ethanjeni, awuyeki, uyalizungeza nje ithambo futhi ube ulokhu udla inkukhu. Awu, yileondlela owenza ngayo kulobubusuku, engikushoyo lapha, uvele nje... uma uzithela kokuthize, uthi, “Manje, nje a—angi... ngihlezi nje kuleli, njengeMfundiso yebandla elincane, okwalemihlangano emithathu elandelayo. Bathi nje ukubuyekeza aba—abakukholwayo, futhi bayakuphinda.”

⁶ Futhi indlela kuphela ongacishe impela wenze umuntu aYikholwe, ngukuthi uyibethele ekhaya kakhulu impela baze bazi ukuthi Leyo yiyonanto efanele. Yileondlela kuphela ongakwenza ngayo ukuba kunamathele. Njengomngane wami nje, uMnu. Wood ekade nginaye; uma nje ubethela isipikili phakathi uhhafu, nepulangwe libe lixega lonke, umoya uzoliphephula liwe phansi masinyane impela. Kodwa ufanele usibethele phakathi, usenze sinamathele kakhulu. Ngakho manje uma nje lokhu ngikwenza kuzwakale kungubuluhlaza ngempela kwezinye zalezizindawo, nakini zivakashi kulobubusuku ohleziyo, angi—angizami khona ukunilahla. Ngizama nje ukubethela ekhaya kulelibandla lokho esikukholwayo. Wonke okuqondayo lokho manje kahle kakhulu, thana, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Lokho—lokho kulungile. Futhi manje ngisusa lokhu ezandleni zami. Bese kuthi-ke—kuthi-ke i... Bayakuqopha, kanjalonjalo, ukuthi kamuva, uma bebefuna ukuthola—ke ukuthi ngempela yini esiyimeleyo, nokuthi mihlabathi mini esimi kuyo, lokhu okuqoshiwe kuzokusho. Futhi-ke sikwenza lokhu njalo ngezikhathi zonke, ngoba kukhona abantu abasha ongenayo futhi—futhi siqhubeka. Futhi manje ngeke sikwazi ukuba siwelele kuzozonke iziMfundiso zebandla, kodwa nje ezinye zazo esifuna uku—ukukhuluma ngazo. Futhi manje, ngoLwesithathu ebusuku, nokho, kuqala... .

⁷ Manje, ngoMsombuluko nangoLwesibili, ngiyahamba, ukuba ngiyokhuleka, ngilungele inkonzo yokuphilisa. Futhi ningashaya izingcingo, kumbe noma yikuphi lapho enifisa

khona, futhi ningenise noma ubani enifuna ukumngenisa, ngalemvuselelo ezayo. Futhi nibatshele ukuthi bangezi ngokujaha manje, bangezi, bathi, “Awu, manje ngizogijima ngingene bese ngikhulekelwa, kulobubusuku. Nakusasa ebusuku, konke seku...” Anikwenzi lokho. Niyangena bese nilalela isikhashana, ngoba sifuna ukuthatha isikhathi sethu bese sendlala leloZwi lisondele kakhulu ngangokuthi uDeveli angeke ngisho abe nechashaza elilodwa elincane lendawo ukuba ake anyakaze. Bese kuthi-ke uma nidedela ukukholwa kwenu kugijime kuphume kuze kuyofika ekugcineni kwakho, nize niqale ukukholwa, bese-ke nidedela ukuzwa okuncane kukanembeza wenu kusebenza, khona-ke ukukholwa kukaNkulunkulu kuzokwesekela. Khona-ke nizophumelela kahle. Niyabo?

Isizathu, ukukholwa kwenu akuzukwenza okukhulu kangako. Ukuzwa kwenu okuncane kukanembeza kuzofanele kuye ngalapho ukukholwa kwenu kuya ngakhona, bese kuthi-ke ukukholwa kukaNkulunkulu kungene ngemuva bese kukuqinisa konke. Niyabo? Kodwa, uma kungukukholwa kwenu, “O, yebo, sengikwenze kahle manje!” Futhi ngisho nokuzwa okuncane kukanembeza wenu, kusongeka kubuyele lapha, kuthi, “Angazi noma kuzosebenza yini kimi?” Kungeke kukwenze, ngaso lesosikhathi. Niyabo? Ngakho sifuna lena kube yinkonzo yokuphilisa yangempela. Futhi ngaphambi kokuba ngifake noma ngubani emakamelweni, kanjalonjalo, okokuphilisa, noma lena izinkonzo ezintsha, ngifuna baqonde ngempela ukuthi bangenela ukuzokwenzani lapho. Ngakho khumbulani nje, futhi nize futhi nisivakashele, futhi sizojabula ukuba nani.

⁸ Manje khumbulani, manje, ekuseni, sizoqhubeka neMfundiso yebandla. Futhi kusasa ebusuku yindlela efanayo. Manje nemukelekile ukuba nize, futhi noma ubani angeza. Sijabula njalo ukubona noma ubani. Kodwa manje lokhu, kulobubusuku, kuqondiswe ekhaya nje kubantu ongowasetabernakele lapha, o—okhuliswe kuleMfundiso. Ngokuba, ngaphandle enkundleni, inkundla yobuvangeli, sithatha nje ezigqame ngempela, iziMfundiso zokuvangela zemiBhalo. Kodwa lapha etabernakele, sinemicabango yethu uqobo nezinkolelo zethu uqobo, njenge—njenge—njengebandla, futhi yilokho esizohamba phezu kwakho, kulobubusuku.

⁹ Futhi ngaphambi kokuba sivule iZwi laKhe elibusisiweyo, singekhothamise nje amakhanda ethu okumzuzwana womkhuleko.

¹⁰ Nkulunkulu uSomandla nonamandla, Owathi, ngaphambi kokuba izwe lize liqale ukushwibeka kwe atomu lokuqala, WawunguNkulunkulu. Awukashintshi nakancane. Futhi lapho kungasekho ma atomu ukulibamba lime, futhi kungasekho-zwe ukuba limiswe, Uyobe usalokhu unguNkulunkulu.

Ukhona ingunaphakade, futhi kusukela ngunaphakade. Wena unguNkulunkulu. Awukaze ube nesiqalo sezinsuku, nasiphelo sokuphila. Uyoba khona njalo. Futhi, Baba, Wena ungongenasiphelo, futhi thina sinesiphelo, ngakho-ke sicela isihawu saKho sobuNkulunkulu, Nkulunkulu, siqonda ukuthi lomoya wethu uzohlangana thaqa kwiPhakade, uphuma kulento yesikhathi, uyongena kwiPhakade. Ngakho-ke, Nkosi, silapha ukuzohlola ensindisweni yethu, ukubona ukuthi simi kanjani ebusweni beZwi laKho, nokubona ukuthi sihlezi kanjani ezehlakalweni zethu. Ngabe siphila lokho okuthokozisayo kuWe na? Ngabe umoya wethu uyafakazelana noMoya waKho na? Futhi ngabe ukufundisa kwethu kuyafakazelana naleliBhayibheli na? Futhi, Baba, kwangathi singahlola kokubili, ngokusondela, kulezizinkonzo ezintathu ezizayo ezilandelayo. Siphe khona, Nkosi.

¹¹ Busisa umelusi lapha, abadikoni, abaphatheli, nawo onke amalunga, abantu abeza kulelibandla. Kusukela ezinsukwini zami lapha, Nkosi, kunabangingi, abaningi engingazi ngisho amagama abo, noma ukuthi bavelaphi, kodwa ngineqiniso ukuthi Wena wazi konke ngabo. Futhi silapha ngaleyonhloso eyodwa, kulobubusuku, Nkosi, ukuba sihlanganye ngaseZwini elilotshiwe. Futhi siphe uMoya oNgeweze ezimpilweni zethu, ukuthi singahlala ngokuthula, nangesizotha, nasekumesabeni uNkulunkulu, futhi sihlole izimpilo zethu ngeZwi laKhe. Siphe khona, Nkosi.

¹² Nakulendlu, kulobubusuku, Nkosi, kukhona abazalwane bami bemikhakha eyehlukene ye-yebandla. Futhi, Nkosi, ngibonga kakhulu ukuthi balapha ukuba bahlanganye. Mhlawumbe singaphikisana ngemigomo emincane yeziMfundiso. Kodwa kulowo owodwa umgomo omkhulu ongomkhulu, simi njengabazalwane abahlangene ngaphambili. Ukuthi, O Nkulunkulu, kwangathi ungaqinisa izinhlanganyelo zethu-zethu, nowethu... namagoda omusa kaNkulunkulu nothando luphumule phezu kwethu kakhulu. Manje, siqonda, Nkosi, ukuthi lona ngumsebenzi omkhulu kakhulu ukuba umuntu awenze, ngoba sinakho lapha phansi kokunaka, kulobubusuku, isiphethelo semiphefumulo oboshwe yiPhakade. Ngakho sikhulekela ukuthi uMoya oNgeweze uzongena eZwini ngqo, futhi uzoLendlala bese eLichaza ngendlela yaKhe uQobo, kithi, izinto Azothanda ukuba sizazi. Siphe khona, Nkosi. Futhi uma zontathu... izikhathi zenkonzo isiphelile, kwangathi singahamba njengebandla eliqinisiwe, njengabahlangene ndawonye, ukuba sihlanganise izinhliziyi zethu nezinhlolo zethu zonke ndawonye, nezakhamizi ezingabafo bakithi zoMbuso kaNkulunkulu, bese siqhubekela phambili sengathi asikaze ngaphambili.

¹³ Ngifuna ukuKubonga, Nkosi, lapha ebukhoni bebandla na-nakubantu olapha, ukuthi Ungiphe manje amaviki

amaningana okuphumula okuhle. Ngizizwa ngikahle kakhulu kulobubusuku ngenxa yoBukhona baKho nesibusiso saKho. O Nkulunkulu, sikhulekela umfowethu lapha, umfowethu wakithi oya phesheya kwezilwandle, le phansi kulawo amnyama, amazwe amnyama, lapho impilo yakhe impela iyisikhungo sokuhlaselwa. O Nkosi, busisa uMfowethu Jeffreys wethu lapho ehamba, nendodana yakhe, nomkakhe, futhi mandisele kakhulu. Kwangathi angagqobhoza imigodi ebumnyameni kuze kuthi ukuKhanya kweVangeli kuzokhanya ndawo zonke. Sizwe, Baba, ngokuba sicela lesisicelo eGameni leNkosi uJesus, iNdodana yaKho. Amen.

¹⁴ Manje, kulobubusuku, ngifunda eBhayibhelini lami elincane iScofield. Ngisanda kwedlula nje eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu ubudala, maduzane nje. Futhi ngisakwazi ukulifunda, kodwa kuya ngokufiphala impela. Ngakho ngizitholele izibuko zokufunda uma ngitadisha, futhi ngizobona ukuthi zisebenza kanjani kulobubusuku, kungokokuqala kimi.

Manje nginezindaba, ezinjengalena, ukuthi, “Ngabe kufanele iBandla. . .” O, izinto eziningi, uma singafinyelela kuzo. Enye yazo, “Kungani sibizwa ngeBandla? Kungani singesilo ihlelo? Kungani—kungani sikholelwa ekuvikelekeni kwaPhakade komphefumulo wekholwa? Kungani sigxeka abashumayeli besifazane? Sibhaphathizelani ngokucwilisa? Futhi ngabe iBandla liyokwedlula eNhluphekweni?” Nezingi zalezozindaba lapha, ngiqagele ngineshumi-nanhlanu noma ishumi-nesishiyagalombili lazo, okobusuku obumbalwa obuzayo.

¹⁵ Ngakho ngiyacabanga, kulobubusuku, ukuqala ngakho, ukuqalisa ngakho, kubonakala sengathi iNkosi ikubeke phezu kwenhliziyo yami okwalendaba nje, i. . . *Kungani Singesilo IHlelo?* Isizathu sokuba. . . Manje, asimelene ngalutho nabanye abantu abayihlelo. Asimelene ngalutho nabo, kodwa ngifuna ukuchaza ukuthi kungani singazange singene kunoma yiliphi ihlelo. Ngagcotshwa ebandleni elincane lamaBaptisti, njengoba nazi. NeBaptisti ayisilo ihlelo, yayingesilo, kuze kwaba maduzane nje, futhi manje isiphenduka nje iba yihlelo kakhulu njengawo onke amanye. Kodwa, isizathu sokuba singaphenduki neze sibe yihlelo. . .

¹⁶ Manje, siyinhlango. Siyinhlango, ebalwe emabhukwini lapha e—ezinkantolo, njengenhlangano, iqembu labantu elihlanganiswe ndawonye ukuba likhonze uKristu, kodwa asikho ehlelweni. Akekho ozobusa phezu kwethu, niyabo. Akusilo ihlelo. Yi—yinhlango nje, inhlanganyelo phakathi kwamakholwa angamaKristu. Abantu beza lapha ebandleni. Naleli bese kuba yibandla labo lasekhaya uma befisa ukuza, inqobo nje uma bephila.

17 Futhi bangeza lapha futhi baphikisane nakho konke esikushumayelayo. Lokho kulunge ngokuphelele. Usalokhu, inqobo nje uma ungumKristu, unenhlanganyelo, nesandla eselulekile ngokufanayo nje njengabo bonke abanye. Niyabo? Uma ngithe ngikholelwa ekubhaphathizeni ngokucwilisa ngamanzi, futhi ukholelwa ekufafazweni, futhi wahlala kukho ngqo, siyolokhu sisafana nje njengoba besinjalo uma sobabili sivumelanile. Singahle singakwazi ukubona ngaso linye, ngokufanayo. Kodwa inqobo nje uma ungumfowethu noma udadewethu ongumKristu, wemukeleke ngokuphelele, niyabo, wonk'umuntu.

18 Ngakho asinalo noma yiliphi ihlelo, ngoba ngicabanga ukuthi ihlelo lehlukanisa ubuzalwane. Amanye awo ayothi, “Awu, asihlangene ngalutho kuleyomvuselelo. Leyo yimvuselelo yeMethodisti.” “Awu, leyo yiBaptisti. Asina... SingamaMethodisti. Asihlangene ngalutho nalokho.” Mfowethu, uma uKristu ekuyo, sifanele—sifanele sihlangane sonke nayo. Sifanele sifake okwethu...Ngu—nguMzimba kaKristu o—ohluphekayo. Futhi ngiyakubona lokho kakhulu emazweni namhlanje, ukuthi sinakho kanjani. . . Manje, uKristu akazange, nanini, ake ahlele noma yiliphi ibandla lehlelo. Manje, nje lokho makuqiniseke ngempela.

19 Manje, manje, ngizonibuza kusasa ebusuku, uma noma yiyiphi yalezizinto enifuna ukuyazi, njengomuny'umlando engiwucaphunayo, kumbe noma enye into. Anginaso nje isikhathi sokumpompa lokho, ngeke ngangena kwenye indaba, ngoba ubungahlala amaviki kuyo impela leyondaba efanayo. Kodwa uma nifuna ukwazi indawo, noma yini, buzani mina nje, bese nikubeka lapha phezulu e—edeskini, futhi ngizoniphendulela khona.

20 Manje, ihlelo elidala kunawo onke, nebandla lokuqala lehlelo esake saba nalo, yibandla eliKatolika. Futhi lahlelwa eminyakeni engamakhulu amathathu nento emva kokufa komphostoli wokugcina. Futhi kunjalo. Uyakuthola koBaba baseNayisiya basekuqaleni, futhi uyakuthola emibhalweni kaJosephus, futhi, o, abaningi ba—bakasomlando abakhulu. Niyabo? Futhi mayelana ne—ne...noma yimiphi yeminyaka yebandla, kwehle njalo kuze kube sekufeni komphostoli wokugcina, neminyaka engamakhulu amathathu kolunye uhlangothi lwabaphostoli, ayengekho amabandla amahlelo. NeKatolika laba yihlelo lokuqala lebandla.

21 Nebandla lamaProtestane angamahlelo elimonyuke ehlelweni. Inguquko yokuqala iyafika, kwakunguLuther; emva kaLuther kufika uZwingli, emva kaZwingli kufika uCalvini, futhi kwehle njalo nje kunjalo. Futhi kwehle kuye eMvuselelweni kaWesley, bese kwehla njalo kuye kuAlexander Campbell, uJohn Smith, nabanye, niyabo, kwehle njalo. Nenhlangano

yokugcina esinayo equbukile manje yimikhakha ehlukene yonyaka wePentecostal.

²² Futhi ngikholwa wukuthi uNkulunkulu usebenzane nonyaka ngamunye. Kodwa senake naqaphela ukuthi, njalo uma ibandla like laze lehluleka, futhi kuthi nje angahlela ihlelo aqala ukwehluleka ngaso lesosikhathi na? Futhi uma ehleleka, uNkulunkulu akalivusi neze lelobandla futhi. Liba yize ngqo. Manje uvele nje. . . Uma nifuna ukwazi umlando ngalokho, si—singawuveza, ukuthi—ukuthi akukho-bandla, akukaze emlandwini wamabandla, kubekhona noma yiliphi ihlelo elake lawa elake lavuka futhi. IBaptisti, iMethodisti, iPresbyterian, iLuthela, noma kungaba yini, ngenkathi ewa, asephelile. Manje, kunjalo. Manje, lokhu, ngi—nginitshelile manje, fakani ijakhethe, ngoba sizokwenza lokhu kunamathele. Niyabo? Akukaze kube khona, nakanye. Uma umuntu ephuma njengomuntu ngamunye futhi ahlele ibandla, laqala.

²³ UNkulunkulu usebenzana nabantu ngabanye, hhayi nehlelo. UNkulunkulu akukho-nyaka ake aze asebenzane nehlelo. Ubehlala njalo esebenzana nomuntu ngamunye. ETestamenteni eLidala, Wasebenzana nomuntu ngamunye. ETestamenteni eLisha, Wasebenzana nomuntu ngamunye. Kunoma yimuphi unyaka, Ubehlala njalo esebenzana nabantu ngabanye, futhi hhayi amahlelo. Ngakho, ngakho-ke, uma uNkulunkulu engekho ehlelweni, kusizani kimi ukuba ngizihlanganise nalo njengehlelo na? Manje, angikhulumi ngabantu abakulelohlelo, ngikhuluma ngehlelo uqobo lwalo, ngoba abantu bakaNkulunkulu ukuwo onke lawo ihlelo.

²⁴ Manje, uNkulunkulu akavumeli neze noma yini yenzeke ngaphandle kokuthi Anikeze isexwayiso kuyo. Angikholwa ukuthi kukhona noma yini e. . .

²⁵ Manje, njengoba sinezindaba okuphikiswana ngazo ephuma, emabandleni, njengoba sibe nayo eyodwa maduze nje mayelana negazi namafutha, kanjalonjalo. Futhi niyayazi nencwadi ethi “Mfowethu Branham othandekayo,” kanjalonjalo. Kodwa isizathu sokuthi ngama ngaphikisana nalokho, ngoba akukho eZwini. Futhi yingalesizathu sokuthi ngiphikisane nehlelo, ngoba alikho eZwini. Futhi kufanele kube nento ethize esizofanele sesekele ukukholwa kwethu phezu kwayo. Futhi uma singeke sakwesekela phezu kwehlelo elithize, sifanele sikwesekela phezu kweZwi likaNkulunkulu. Ngokuba Yilesi sisekelo kuphela, yiZwi likaNkulunkulu.

²⁶ Futhi manje-ke uma iZwi likaNkulunkulu lingakhulumi ngehlelo, kodwa likhuluma liphikisane nehlelo, khonake sifanele sikhulume neZwi. Kungakhathaleki ukuthi umbhishobhi bani, ukuthi noma ubani uthini, ukuthi noma ubani ucabangani, ukuthi umuntu olungileyo uthini, ukuthi noma yini ithini, uma kungahambisani neZwi likaNkulunkulu,

khona-ke kuyiphutha. Niyabo? Kufanele, iZwi lifanele libe yinto yokugcina. IZwi likaNkulunkulu lifanele libe ngu amen wokugcina ngci.

²⁷ Manje khumbulani, angenzi noma ubani angabi ngumkristu (niyakuqonda lokho) emahlelweni. Kunamashumi ezinkulungwane zemiphefumulo eligugu kuwo wonke lawomahlelo, angabantwana bakaNkulunkulu. Kodwa ukubehlukanisa nokubabandlulula, ngiyaphikisana nakho. NeZwi likaNkulunkulu liyaphikisana nakho.

²⁸ Futhi ngikholwa ukuthi akukho-mfundiso egqamile esezweni namhlanje, akukho-mfundiso egqamile eyake yabakhona ezweni, kodwa ukuthi yayishiwo ngaphambili ukuthi iyeza, ngeZwi likaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu linikeza yonke into esiyidingayo, khona lapha eZwini. Kusukela e. . . ukuqala kwethu kuya ekupheleni, kutholakala ngqo eZwini likaNkulunkulu. Futhi manje-ke ngi—ngikholwa ukuthi uma kuseZwini likaNkulunkulu, khona-ke sifanele. . . Lisho ngaphambili. NeZwi likaNkulunkulu liyisexwayiso.

²⁹ Manje, awulifundi iZwi likaNkulunkulu sengathi nje ufunda iphephandaba. Ufunda iZwi likaNkulunkulu ngoMoya oNgwele, uyabo, ngoba uMoya oNgwele uqobo lwaKhe ekhuluma ngoKristu. UKristu ebonga uNkulunkulu ukuthi Wayekade ezifihlile lezizinto emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi eyokwambulela izingane zona eziyofunda. Ngakho, niyabo, ayikho indlela yokuba uze ufundiswe, ayikho indlela yokuba uze uhlele ihlelo. Yinye kuphela indlela yokuba ube kahle, lokho kungukuthi, holwa nguMoya kaNkulunkulu. Nalesosehlakalo owaba naso sifanele sihambisane naleliZwi. Niyabo? Khona-ke ukutholile. Niyabo?

³⁰ Njengokuthi uma sehlela lapha emizuzwini embalwa manje, sibhekene nabantu aba—aba. . . Abanye babo bangabakaCalvini uqobo, abanye babo bangabaka-Arminuis uqobo, ne—nezindlela ezehlukene. Manje, kukhona njalo, akunandaba ukuthi ukusika kube kuncane kanjani, kunamasayidi amabili kukho. Kunjalo impela. Futhi bobabili banamaphuzu abaphikisana ngawo. Kodwa, into kukho yile, lilele kuphi iQiniso lakho na? Yilapho esiza khona, lapho esicabanga khona, ngomusa kaNkulunkulu, sinikhombisa iQiniso lakho. Manje asithathe nje. . . futhi lokhu yilapho nje enginezinye zalezizimfundiso zebandla ezibhalwe ngokuphelele.

³¹ Asiphenye emaBhayibhelini enu, imizuzu embalwa nje, nonke manje. Futhi asiye ngale eZambulweni, isahluko 1; noma iZambulo, isahluko 17, ukuqala ngaso. Futhi nje asiqale ukufunda futhi sithole manje ukuthi lamabandla aqala kuphi, nokuthi la—laqalwa yini. Manje, iBhayibheli lexwayisa yonke into ingakenzeki. Lexwayisa kungakenzeki

izinsuku esi—esiphila kuzo. Futhi manje, iZambulo, isahluko 17, uma nithanda. Ngithe 13, bengingaqondile lokho, lokho kuse. . . Siyakuthola lokho emva kwesikhashana, futhi, lokho kusesiprofethweni seUnited States. Kodwa lalélisisani manje.

Kwase kuza kimi enye yezingelosi eziyisikhombisa ezazinezitsha eziyisikhombisa, futhi yakhuluma nami, yathi. . . Woza lapha; futhi ngobonisa. . . kubonisa ukwahlulelwa kwesifebe esikhulu esihlezi phezu kwamanzi amaningi:

³² Manje khumbulani, lokhu kuzwakala kuyimfihlakalo. Manje lona wesifazane onegama elibi, manje, uma sizofundisa lokhu, nifanele nithole kuqala ukuthi lezizifanekiso zisho ukuthini. Manje, *owesifazane*, eBhayibhelini, umele “ibandla.” Bangaki okwaziyo lokho, ukuthi singuMlobokazi na? IBandla linguMlobokazi.

³³ “Woza lapha futhi ngizokubonisa ukwahlulelwa.” Manje, kuzoba khona ukwahlulelwa okukhulunywa phezu kwesifebe esikhulu, *owesifazane* ongahlanzekile ohlezi phezu kwamanzi amaningi. Manje, *owesifazane* efanekisa “ibandla,” futhi *amanzi* afanekisela “abantu.” Manje, uma nizokuqaphela, futhi, bukani, ivesi 15 niselapho, ivesi 15, isahluko esifanayo.

Yayisithi kimi, Amanzi owawabonayo, lapho sihlezi khona isifebe, angabantu, . . . zixuku, . . . zizwe, nolimi. Niyabo?

³⁴ Manje, lelibandla elikhulu, *owesifazane* omkhulu, manje khumbulani ungowesifazane onegama elibi. Futhi uma *owesifazane* emele ibandla, (neBandla likaKristu linguMlobokazi, uMlobokazi ongcwele), manje-ke nangu *owesifazane* ongcwele. Manje-ke bekuzoba ngongengcwele, ozenzise sengathi ungumlobokazi. Niyabo? Manje, futhi wenzani na? “Uhlezi phezu,” noma ukuba abenga *phezulu*, kuchaza, “ukuba nokubusa phezu kwamanzi amaningi.” Ngamany’amazwi, unamandla ngazo zonke izizwe nezilimi nabantu. Ungumuntu omkhulu, lona wesifazane unjalo.

Manje, *afeba naso amakhosi omhlaba, . . .*

³⁵ “Ngokuba afeba naso amakhosi omhlaba,” izicebi, amadoda adumile afebile. Ubungakwenza kanjani, ibingakwenza kanjani inkosi, ifeba nebandla na? Ngokufeba ngokomoya. Ngokomoya! Yini ukufeba na? Kungukuthi, awu, kunjengowesifazane ohlala ngokungethembeki kumyeni wakhe. Uhlala nenye indoda abe enomyeni. Nalilibandla, ke, li—lizenzisa sengathi linguMlobokazi kaKristu, ngenkathi lifeba namakhosi ezwe, ngokuphila kwalo okungahlanzekile, ubungcweti obungahlanzekile. O, Lijulile futhi Licebile. Ngiyalithanda nje iZwi. Manje qaphelani.

...afeba nalo amakhosi omhlaba, nabakhileyo emhlabeni badakiswa yiwayini lobufebe baso.

³⁶ “Iwayini” laso yilokho esasikunikeza, ukuvuselela amandla kwaso, “Yithina iBandla! Yithina esinawo.” Niyabo? Manje, lokho nje kudwebeni emqondweni wenu manje. Kulungile. “Yayisiyisa...”

³⁷ Manje, ingelosi yatshela uJohane, “Ngizokubonisa lokhu ukwahlulelwa okuzofika kulelibandla elikhulu.” Manje bhekisisani.

Yayisingiyisa ehlane ngikumoya: futhi ngabona owesifazane ekhwele isilo esibomvu,...

³⁸ *Okubomvu*, eBhayibhelini, kumele “ubukhosi.” Umbala o *scarlet* uchaza “okubomvu.” Ne *silo* simele “amandla.”

Nike naqaphela, ukuthi isilo sikhuphuka siphuma olwandle, lokho kwakuseZambulweni, 13. Futhi uma nibona isilo sikhuphuka siphuma olwandle, kuchazwa ukuthi lamandla ayevuka phakathi kwabantu.

Kodwa eZambulweni 13, ngenkathi leliwundlu likhuphuka, lakhuphuka liphuma emhlabeni, akukho-bantu, iUnited States. Kodwa-ke, emva, kokuba selibe nezimpondo ezimbili ezincane, amandla empucuko nawobufundisi. Kwase kuthi-ke lemukela amandla, futhi lakhuluma njengoba kwenza udrago phambi kwalo. Ngakho nje nifanele nikumake phansi, siza ekuhlushweni kwenkolo nezinto ezifanayo nabazenzayo eRoma lobuhedeni eminyakeni eminingi eyedlula, ngokuba kungu ISHO KANJE INKOSI.

Manje kubhekisiseni. “Sikhwele isilo, amandla.”

³⁹ Nike namqaphela uRebeka na? Ngenkathi uEliyeza emfumana, kwakuyisikhathi sokuhlwa, futhi waphuzisa ikameli. Isizathu, uEliyeza wathi, “Uma intombazane efika iphuzise lelikameli, lokho kuyoba yi...futhi ingiphuzise, leyo kuyoba yiyo Oyikhethileyo, Nkosi, ukuba ibe ngumlobokazi wenceku yaKho, uSaka.” Futhi kwathi nokho esesemkhulekweni, uRebeka uyafika wase ekha amanzi wase emphuzisa, futhi waphuzisa ikameli. Qaphelani, ikameli laliyisilo. Nalesosilo esifanayo ayesiphuzisa, sasiyiso esamthwala samyisa kumlobokazi wakhe, uSaka.

⁴⁰ Futhi, namhlanje, amandla kaMoya oNgewele, iBandla elimphuzisayo nelimkhonzayo, yiyonaNto ezoLithwala lisuka kulomhlaba, ukuhlangabeza uMlobokazi. Impela, uSaka wayengaphandle endle, kusihlwa. Asihlangabezani neNkosi phezulu eNkazimulweni. Kwabase-Efesu, isahluko 5, sithi siyoYihlangabeza emoyeni. O, lokho kwenza amaMethodisti alungele ukumemeza. Kucabangeni! Niyabo! INkosi. . .

UISaka wayephumile endlini kayise, futhi wayengaphandle endle ngenkathi ebona uRebeka eza esekamelini. Futhi

wamthanda, eqala ukumbona, wase egxuma ehla ekamelini futhi wagijima ukuba amhlangabeze. Kunjalo. Sihlangabezana lapho-ke neNkosi. Futhi lona impela ikameli aliphuzisa amanzi, lamthwala lamyisa kumyeni wakhe.

Nawo impela aMandla iBandla eliwakhonzayo, izwe eliwabiza ngobuhlanya, iBandla eliwakhonzayo, kuzoba ngaMandla afanayo azophakamisela iBandla emoyeni, “Ukuhlangabeza iNkosi emoyeni.” UMoya oNgwele! Niyabo? Lapho ku . . .

Futhi, bukani, uRebeka wayeyintombi.

⁴¹ Futhi lona wesifazane uyisifebe, esikhuluma ngaye lapha. Manje, niyathola ukuthi amandla ayini manje na? A—amandla, achaza ukuthini, lawo, isilo. Wayekhwele esibomvu. Manje, nhloboni yesilo obekungaba yiyo na? *Esibomvu*, leso bekungaba ngamandla “acebile.” Nhloboni yebandla leli azoba yilo manje na? Uyibandla elicebile, futhi uyibandla elikhulu, futhi uyibandla elinamandla, futhi uthonya ngokushanela izixuku nabantu. Namakhosi omhlaba afebe ngokomoya naye, lokho okungukuthi, amadoda adumile omhlaba. Manje sizothola ukuthi ugubani, emzuzwini nje, futhi sithole ngalamahlelo.

*Nowesifazane wayembethe okububende
(okwamakhosi), . . . wayembethe okububende
nokubomvu, . . . evunule ngegolide nangamatshe
anenani . . . amaparele, ephethe isitsha segolide
ngesandla sakhe sigwele amanyala nokungcolileyo
kobufebe bakhe:*

⁴² Wayepetheni esandleni sakhe na? Imfundiso yakhe, leyo ayeyibambe abantu, “Yithina iBandla. Siyi *lokhu*.” Futhi wenze amakhosi omhlaba adakwe naye, kunjalo. “Siyi *lokhu*. Singamandla amakhulu! Sishanela zonke izizwe. Siyibandla elikhulu ukwedlula onke elikhona. Wozani, niphuze kwelethu. . . Nakhu, thelani okuncanyanyana kwalo. *Lithathe. Lithathe.*” Kulapho-ke, niyabo. Futhi wayepethe ngesandla sakhe isitsha. Bukani.

*Owesifazane wayembethe okububende nokubomvu,
evunule ngegolide nangamatshe anenani
nangamaparele, ephethe isitsha segolide ngesandla
sakhe sigwele amanyala nokungcolileyo kobufebe
bakhe:*

⁴³ Manje, bangani, asifundi lona iphephendaba lansuku zonke. Sifunda elikaNkulunkulu laPhakade nelibusisiwe iZwi. Onke amazulu nomhlaba kodlula, kodwa leloZwi liyohlala likhona. Kunjalo.

*Nase khanda lakhe . . . kulotshiwe igama, kulotshiwe
igama, njalo, lokuthi IMFIHLAKALO, IBABILONI*

*ELIKHULU, UNINA WEZIFEBE, AMANYALA
OMHLABA.*

⁴⁴ Manje, lapha esikhathini esithize esedlule, angicabangi kusebandleni lapha, kodwa ngashumayela ngendaba ethi, *Isandla Esiloba ODongeni*, futhi nginikeza ukuma komlando waseBabiloni. Manje, yonke imfundiso egqamileyo eke iqubuke, yonke inkolo nayo yonke imfundiso egqamileyo ekhona ezweni namhlanje, yaqala kuGenesisi. Manje, uma nizothola i *Two Babylons* kaHislop, uma nifuna ukukulandela emlandwini, noma ezinye zalezozincwadi ezinhle, ningathola ngisho yonke imfundiso egqamile enifuna ukuyithola. Ngizonibuyisela lapho emizuzwini embalwa, ngabashumayeli besifazane, niyabo, bese nginikhombisa nje ukuthi kukuphi lapho okwaqala khona kuqala, niyabo, emuva kuGenesisi. Nakulezizinto ezehlukene, ukuthi nje ziqubuka kanjani ziphuma kuGenesisi. Ukuthi *Genesisi* kuchaza “ukuqala.” Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisele na? UGenesisi ngukuqala. Ngakho, yonke into ekhona, yayifanele ibe nokuqala.

⁴⁵ Uma ngibuka isihlahla...Ngike ngaba semahlathini ezimbili, ezintathu, cishe izinyanga ezimbili. Ngibona isihlahla, ukuthi sihle kanjani. Ngiyasibona, sishona phansi; esinye sikhuphuke endaweni yaso, impilo enganqamukiyo. Futhi ngicabanga ngalokho. Kodwa ndawondawo lesosihlahla sasinokuqala. Sasifanele sibe nokuqala. Futhi indlela kuphela esasingakhethelwa ngayo ukuba sibe yisihlahla, noma ukuba sibe ngum-oki, noma umuthi ibish, noma ubhabhulini, noma isundu, kumbe noma kwakuyini, kwakufanele kube noBuhlakani bomniniso emva kwaso. Noma uma lapho esisodwa nje, kwakukade kukhona isihlahla som-oki esisodwa, yonke into ezweni kade yonke iyisihlahla som-oki. Kodwa Into ethize, enkulu, uBuhlakani bomniniso, babufanele busibeke ngokohlelo.

Malibusiswe iGama laKhe eliNgewe! NguYe Obeka inyanga nezinkanyezi emgudwini welanga. Ubeka yonke into ngokohlelo lwayo. Futhi Uzobeka iBandla laKhe ngokohlelo. Lizophenduka njengoba nje Efuno Liphenduke; empumalanga, entshonalanga, enyakatho, noma eningizimu, kumbe noma ngabe Uyini. Uma singake sithole ukuthi lemiqondo yamahlelo iphume emqondweni wethu bese siziphosa thina ngokuphelele singene eKalvari. Uzolibeka ngokohlelo, uma nje sizothoba njengezihlahla nenye indalo yaKhe. Awuyiboni neze inyanga ithi, “Angizukukhanya kulobubusuku. Abanye benu zinkanyezi khanyani endaweni yami.” Kodwa thina, o, sehlukile, niyabo.

⁴⁶ Manje, iBabiloni, bhekisisani ukuthi iBabiloni laqhamuka kanjani. Liqhamuka ekuqaleni kweBhayibheli. Liqhamuka phakathi neBhayibheli. Futhi liqhamuka ekugcineni kweBhayibheli. Manje, kukhona into ethize. Manje, liqala

ngoNimrodi. UNimrodi wasungula iBabiloni esiGodini saseShinari, kusondele impela phakathi koMfula iTigrisi neEwufrethi. NeEwufrethi yayedlula. Nokuthi—nokuthi wonke umgwaqo, kulo lonke lelozwe, wawuholela ngqo eBabiloni. Futhi ngalinye lalawomasango ayethi awabe ngamafidi angamakhulu amabili ukuvundla, lawomasango enziwe ngethusi. Futhi uma ungena ngaphakathi kwedolobha laseBabiloni, sonke istradi sasiholela ngqo esihlalweni sobukhosi.

⁴⁷ Manje, ungaya eRoma, namhlanje, futhi wonke umgwaqo uyoholelana eRoma. Futhi kukhona intombi encane uMariya omi kuwo onke amakhona, ejikeni lomgwaqo, nomntwana uKristu esandleni sakhe, ekhomba leyondlela eya ngaseRoma. Niyabo? Liqhamuka ekuqaleni, iBhayibheli; liqhamuka phakathi neBhayibheli; futhi nanti ekugcineni kweBhayibheli.

Manje ngifuna nje ukufunda ngiqhubeka, nje imizuzu embalwa, ukuze nithole isendlalelo salokhu. Niyabo? Kulungile. “Ngase ngibona owesifazane,” manje bhekisisani, “ibandla.” Uma ubona *owesifazane*, nje cabanga nge “bandla.” Niyabo?

... *ngabona owesifazane edakiwe yigazi labangcwele*, ...

⁴⁸ Manje, livelaphi igama elithi *ngcwele* na? Igama elithi *ngcwele* livela “kongcwele,” noma “ongcwelisiwe,” ongcwele. Kulungile.

... Ngambona edakiwe *yigazi labangcwele*, ...

⁴⁹ Manje, uma lona wesifazane eyibandla, uhluphe abangcwele. Futhi uyibandla elikhulu kunawo onke. Unamandla phezu kwawo wonke umhlaba. Uphezu kwamanzi amaningi. Futhi u... Amakhosi omhlaba afeba naye. Awu, ungubani na? Kuthi ukuba yimfihlakalo. Manje uMoya uzo... Niyazi, kufanele kubekhona iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye ebandleni; ekuhlakanipheni, nesinye ekuqondeni, nesinye ukuphilisa, nesinye *sokunjalonjalo*.

... *negazi lawofakazi bakaJesu*: ...

⁵⁰ Kubukeka sengathi babenganaki kangako ngalokho okwashiwo nguJesu. Kwakuyilokho okwakushiyo yibandla. Kunjalo. Futhi lokho kuqinisile, futhi.

... *kuthe lapho ngimbona, ngamangala ngokumangala okukhulu*.

⁵¹ “Ngamangala ngokumangala. Nga... Kwakuyi—yi—yinto emangalisayo ngaye, ukuthi ngamangala kanjani ukuthi u...” Manje ake nje ngithathe indawo kaJohane bese ngizama ukuvula lokho kancanyanyana, niyabo. UJohane wathi, “Nango ehlezi. Uzenzisa sengathi uyibandla lamaKristu. Unakho konke ukungena ezimalini zezwe. Unamakhosi omhlaba asezinyaweni zakhe. Uyinto ecebile nenombala, futhi angadakwa kanjani

yigazi lawofakazi bakaJesu na? Angabahlupha kanjani abangwele na? Angababulala kanjani labofakazi bakaKristu na? Kepha nokho uzisho ukuthi ungumKristu, uqobo lwakhe, ibandla lamaKristu.” Manje bhekisisani.

*Yayisithi kimi ingelosi, Umangalelani na?
Ngizakukutshela imfihlakalo yowesifazane, neyesilo
esimthweleyo, nesasina...makhandla ayisikhombisa
nezimpondo eziyishumi.*

⁵² Manje, lokhu nje kungukufunda okwejwayelekile lapha manje. Niyakubamba lokhu. Lokhu kuzobalula kabi.

*Isilo owasibonayo sasikhona, futhi asisekho;
kepha sesiza kwehla siphuma...kwenyuka siphuma
kwalasha, sizoya ekubhujisweni: nabakhileyo phezu
emhlabeni bayakumangala, labo abamagama abo
angalotshwanga encwadini yokuphila selokhu
kwasekelwa izwe, nxa bebona...nxa be—nxa bebona
isilo ukuthi sasikhona, kepha asisekho, kanti sizakuba-
khona.*

⁵³ Manje, manje lokhu kuzofanele kuncinze, ngakho nakhu. Washo, manje qaphelani, ukuthi, “Nxa bonke,” hhayi abambalwa nje, kodwa, “bonke abakhileyo phezu komhlaba bayakumangala.” Bonke bayakumangala. Lonke izwe liyomangala ngalona wesifazane. Kukhona iqembu elilodwa nje elingayikumangala ngakho, futhi lowo yilabo ababenegama labo eNcwadini yokuPhila yeWundlu.

⁵⁴ Manje, ngingahle nje vele ngikumpintshe lokhu phakathi khona lapha, ngoba sizongena kukho emizuzwini embalwa. Niyabo? Afakwa nini amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu na? Kusukela ngenkathi emvuselelweni yokugcina abethamela ngayo na? Ngobusuku abaya ngabo ealtare na? Ngobusuku abajoyina ngabo ibandla na? Angizami ukunilimaza. Kodwa, ngiyantshela, iBhayibheli lathi, “Amagama abo afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu selokhu kwasekelwa izwe.” Impela! Lapho uNkulunkulu, ekuqaleni, ebona ukuthi Wayezothumela iNdodana yaKhe, futhi Yayizothatha indawo yesoni, lapho iGazi leNdodana kaNkulunkulu lachitheka khona. IBhayibheli lathi iGazi laYo lachithwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho, ukuthi, “iGazi likaKristu lachithwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe na?” Lapho leloGazi lichithwa, lonke ilunga loMzimba, amagama awo lalotshwa ngaleloGazi, eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ekusekelweni kwezwe. Nesabani pho kangaka? O, mfowethu! Lokho kuvula izihluthulelo zeminyango, akuzivuli na?

⁵⁵ Awu, manje asifunde lokhu nje khona lapha, futhi sibone uma ukuthi lokho kusho kahle. Niyabo? “Yayisithi kimi

ingelosi, ‘Ngakho-ke wa . . .’” Ngikholwa ukuthi yivesi 8, “Isilo owasibonayo . . .” Kulungile. Yilelo.

Isilo owasibonayo sasikhona, futhi asisekho; kepha sizakwenyuka siphuma kwalasha, . . .

Manje, sibuyela kulokho, kodwa ngifuna ukuthola lokhu okunye, ngoba sizongena kukho.

. . . sizoya ekubhujisweni: nabakhileyo phezu emhlabeni bayakumangala, labo abamagama abo angalotshwanga encwadini yokuphila selokhu kwasekelwa izwe, . . .

⁵⁶ “Kuzoba nesigejane emhlabeni,” ngamany’amazwi, “esizodukiswa,” ngokuba sabadukisa. Futhi kwakukhona iqembu elilodwa kuphela elingadukiswanga, futhi kwakuyilelo ababenegama labo eNcwadini yokuPhila selokhu kwasekelwa izwe. Siyangena kulokho kamuvanyana.

⁵⁷ Manje qaphelani owesifazane, ibandla, wayeyi “*Mfihlakalo, iBabiloni*.” Simbona eqhamuka ngoNimrodi. Kwakuyini inhloso kaNimrodi na? UNimrodi wasungula umuzi futhi wabangela ukuba yonke eminye imizi ithole intela kulomuzi. Besingayibona into enjalo namhlanje na? Ngabe ikhona yini indawo enjalo namhlanje na? Ngabe likhona yini ibandla elinokubusa phezu kwazo zonke izizwe ezweni na? Impela. Ngabe ikhona yini indawo namhlanje eyenza zonke izizwe zithele intela kuyo na? Ngabe ikhona yini indawo na?

Ake siqhubeke bese sikufunda konke okusele kwalokhu, kancanyana nje, ukuze nithole sonke isithombe sakho. Kulungile.

. . . obone isilo esasikhona, . . . asisekho, kanti sizakuba-khona.

Futhi nansi ingqondo enokuhlakanipha.

⁵⁸ Manje, bangaki owaziyo ukuthi ukuhlakanipha kungesinye seziphwiwo zikaMoya na? Manje, nhloboni yeqembu Akhuluma kulo, ke na? Kufanele ukuthi ukhuluma eqenjini labantu eline—neziphwiwo zikaMoya zisebenza kuleliBandla.

. . . nansi ku ingqondo enokuhlakanipha.

⁵⁹ Manje, yimani, kutholeni lokho kuyo yonke leminyaka yebandla lapha. Ihosheka, uMoya oNgcwele ekhuluma ngokusobala, ukuthi lezoziphwiwo ziyobe zisebenza kanjani ngosuku lokugcina. Manje, sineziphwiwo zokuphilisa zisebenza. O, ku—kuhamba kahle. Awu, mfowethu, zikhona ezinye iziphwiwo. Leso nje ngesinye sazo. Leyo nje ngencane yento encane. Awu, nasi isiphwiwo esikhulu ngokwedlula ezinye kude khona lapha. Esingaba ngesihle kunazo zonke, isiphwiwo sikaMoya oNgcwele sokuhlakanipha, ukuhlanganisa iZwi likaNkulunkulu ndawonye nokukhombisa iBandla lapho

esimi khona, kunokuba nje uthole umuntu ophiliswayo na? Sonke siyathanda ukuba siphile. Kodwa ngingaqoka ukuba umphefumulo wami uphile, kunoma umzimba wami uphile, noma ngasiphi isikhathi. O, he!

Zwanini uMoya oNgcwele ekhuluma ngoJohane, ePatmose, wathi, “Nakhu kukho ukuhlakanipha. Makalalele Lokhu.” Manje sithola isithombe sidwetshwe sagqama lapha. “Nakhu uku . . .”

Futhi nansi ingqondo enokuhlakanipha. Amakhanda ayisikhombisa ayizintaba eziyisikhombisa, lapho owesifazane ehlezi phezu kwazo.

⁶⁰ Munye kuphela umuzi, engazi ngawo, ezweni . . . Mibili imizi, engazi ngayo, onezintaba eziyisikhombisa noma ngaphezulu kuwo. ICincinnati ingomunye wayo, ofanele ukuba yindaba eyingane kwane kaCincinnati. Ngumama mpisi, niyazi, lokho . . . kanjalonjalo. Kodwa unokungaphezu kwalokho kuwo. Kodwa akukho-bandla elilodwa elibusa iCincinnati.

Yinye kuphela indawo emhlabeni jikelele, enebandla elihlezi phezu kwamagquma ayisikhombisa, elibusa umhlaba wonke. Manje, ngisanda kubuya lapho. Zonke lezozinto.

Futhi ngibonile lapho lapho okwathi, “Nakhu ekuhlakanipheni.” IZambulo 13. “Onokuhlakanipha makabale izibalo zesilo, ngokuba yisibalo somuntu.” Hhayi isigejane sabantu, iqembu labantu, kodwa “u” muntu. “Nesibalo sakhe singamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha-nesithupha.”

⁶¹ Bengihlale njalo ngikuzwa, lokho, phezu kwesihlalo sobukhosi sikaphapha waseRoma, kubhalwe ukuthi, “VICARIVS FILII DEI.” Bengihlale njalo ngimangala ukuthi ngabe lokho kwakuyiqiniso yini. Dweba umugqa, bese uwudweba wenyuke ngezibalo, ngezinombolo zamaRoma, bese ubona ukuthi kunjalo yini. Kuyiqiniso impela. Ngama eduzane *kangako* emqhelani okathathu kaphapha, esibukweni esiyiglas, “Amandla esikhundla phezu kwesihogo, izulu, nesihlanzo.” Niyabo? Ngakho, lezozinto, ngisanda kubuya lapho nje, ngisanda kubuya nje eRoma futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. Manje siyazi ukuthi kwenziwe isithombe esigqamileyo.

Futhi lapha amakhosi ayisikhombisa: ayisihlanu asewile (eyayikhona ngalesosikhathi), neny eikhona (yileyo ezayo manje, okwabe kunguKesari), neny ayikafiki (okwabe kunguHerodi, owayemubi); . . .

⁶² Manje bhekisisani. Bhekisisani ukuthi kuphelele kanjani.

. . . nanxa isifikile, kumelwe ikuba ihlale isikhashana.

⁶³ Ngabe ukhona umuntu owaziyo ukuthi uHerodi wabusa isikhathi esingakanani na? Izinyanga eziyisithupha. Wadonsela unina estradini, egibele ibhaxa lenqola yehashi. Futhi washisa

umuzi; wase ethi kwenziwe ngamaKristu. Wase etikalita emmangweni ngenkathi be...ngenkathi beshisa umuzi. Izinyanga eziyisithupha—sithupha. Futhi niyabo, “Nesilo...” Manje bhekisisani, bukani ukuthi wayeyishinga elinjani. Niyabo? Manje bhekisisani.

Nesilo esasikhona, kepha esingasekho, singeseshiyagalombili, sikuwo eyesikhombisa (imvelo yeyesikhombisa), siya ekubhujisweni.

⁶⁴ Noma ubani uyazi ukuthi kusho ukuthini ukuthi *ukubhujiswa*, yisi “hogo.” Futhi bhekisisani ukuthi sakhuphuka siphumaphi, “esihogweni.” Kuyini na? Kwalasha. Akukho-sisekelo emfundisweni yamaKatolika. Akukho-Bhayibheli lemfundiso yamaKatolika. Ayikho into enjalo yanoma yiliphi iBhayibheli lanoma yiyiphi imfundiso yamaKatolika, alikho nhlobo. Abazisho ukuthi banalo. Umpristi wahlala phezulu lapho, lompristi omncane phezulu lapha ebandleni iSacred Heart ufika laphaya. Wathi, “O, u...” Ngangimtshela ngokubhaphathiza uMary Elizabeth Frazier. Wathi, “O, wambhaphathiza ngendlela ibandla eliKatolika lasekuqaleni elalibhaphathiza ngayo.”

Ngathi, “Kwakunini lokho na?”

Wathi, “EBhayibhelini, iBhayibheli lakho.”

⁶⁵ Ngathi, “Ngabe ibandla eliKatolika labhaphathiza kanjalo na? Ngabe lokho ngukufundisa kwebandla eliKatolika na?”

“Ya.”

⁶⁶ Ngathi, “Ekungaphosisini kwebandla eliKatolika, kungani sekushintshe kakhulu kangaka na?” Niyabo?

⁶⁷ Wathi, “Awu, uyabo, nonke nikholwa yiBhayibheli. Thina sikholwa yibandla.” Niyabo? “Asinandaba ukuthi iBhayibheli lithini. Kuyilokho okushiwo yibandla.” Kunjalo impela. Uma uke uze kwelamanqamu, kulo, ake ulizame, niyabo. Abanandaba ukuthi iBhayibheli lithini; lokho akuhlangene nalo. Banendaba nokuthi ibandla lithini. Niyabo?

⁶⁸ Kodwa asinandaba ukuthi ibandla lithini. Sikholwa ukuthi uNkulunkulu uthini. Amen. Ngokuba iBhayibheli, lilotshiwe, “Wonke amazwi omuntu awabe ngamanga, futhi awaMi abe yiQiniso.” Yingakho singesilo ihlelo.

⁶⁹ Manje bhekisisani. Lalelani lokhu, umzuzu nje. “Amakhosi amahlanu, okwayayo, amakhosi amahlanu.” Uma nifuna lokho emlandwini, ngizonikhombisa khona. “Enye ikhona, nanye isazoba khona.”

Manje bhekisisani, “isilo.” Manje, isilo sasingsesiyo inkosi. Sasi “yiso esikhona, esingekho; kanti sikhona, kanti asikho; kanti sikhona, kanti asikho.” Kuyini na? Ukulandelana kophapha, amandla, isilo sibusa. Kungaleyonkathi lapho iRoma

lobuhedeni laphenduka ukuba lenze iRoma lobuphapha. IRoma lobuhedeni laphenduka, manjena-ke seliba ngubuphapha, okungukuthi, base benophapha esikhundleni senkosi, nophapha uyinkosi yokomoya. Yingalesosizathu ethweswe umqhele, inkosi yokomoya, ezisho ukuthi ungumbambeli kaJesu Kristu. Nakho lapho okhona. Manje qaphelani.

⁷⁰ Futhi sizoyikhipha lapho leyomfundiso yamaKatolika bese nginikhombisa ukuthi ingenise okukhulu kanjani yaqonda ngqo phansi emabandleni amaProtestane, niyabo, ukuthi iyobe isalokhu ilele kanjani khona impela ebandleni lamaProtestane, inqwaba yayo. Iphambene, impela, neBhayibheli, iphambene ngokoqobo. Manje, “Isilo esasikhona, esingekho.” Manje khumbulani, “Bonke bayodukiswa, phezu komhlaba, abagama labo lingalotshwanga kusukela ekusekelweni kwezwe.” Ake sibone.

Nesilo esasikhona, kepha esingasekho, (ivesi 11) kanti singesesishiyagalombili, sikuwo eyesikhombisa, siya ekubhujisweni. (Siyoghubeke njalo size siyoshayeka kwalasha ekupheleni komgwaqo.)

Futhi izimpondo eziyishumi owazibonayo zingamakhosi ayishumi, . . .

Manje bhekisisani lapha. Uma nifuna ukubona okuthize okwethusayo, bhekisisani lokhu.

. . . zingamakhosi ayishumi, angakamukeli umbuso; kepha amukeliswa amandla njengamakhosi ihora linye kanye nesilo.

⁷¹ Awasiwo amakhosi athweswe umqhele; angondlovu kayiphikiswa. Niyabo, awakaze nhlobo abe yinkosi ethweswe umqhele, kodwa amukeliswa amandla njengamakhosi, ihora linye, ekubuseni kwesilo. Lokho nje kukulesisikhathi esincane samathunzi khona manje lapho ondlovu kayiphikiswa bevuka khona. Niyabo? “Amukeliswa amandla njengenkosi, ihora linye kanye nesilo.” Manje, kulungile.

Lawa anomqondo munye, futhi ayakunika isilo amandla nokubusa kwawo.

Lawa ayakulwa neWundlu, neWundlu liyakuwanqoba: (udumo!) ngokuba liyiNkosi yenkosi, noMbusi wababusi: nabakanye nalo ababizweyo, nabakhethiweyo, nabathembekileyo.

⁷² Ngifisa sengathi bengingashumayela intshumayelo khona manje kulokho, “Abakhethiweyo, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, nabazibophe ngokwethembeka ekubizweni kwabo.” Haleluya! Yilokho. “Babizwa, ngabakhethiweyo, nabathembekileyo.” U na yisihlanganiso, niyabo, “Abakhethiweyo, nabathembekileyo.” Bayoyinqoba. Akunandaba ukuthi athola ukuba makhulu kangakanani.

⁷³ Nalobu ubukhomanisi obukhulu, umnyakazo wamakhomanisi esinawo namhlanje, ningakhathazeki ngalokho. Lokho kusebenza ngqo ezandleni zikaNkulunkulu. Ngingakufakazisa ngaleliBhayibheli. Uzosenza sihlupheke ngenxa yabo bonke ofakazi abangabafelukholo esake sababulala. Yebo, mnumzane. Bhekisisani lamakhosi onke avumelana kanyekanye, futhi ayosizonda. Nesizwe sonke, umhlaba wonke, ushanela ubukhomanisi. Ngani, buzofanele kube ngumnyakazo kaNkulunkulu, ukulijezisa. Wena uthi, “Awulinde umzuzu, Mfowethu Branham. Ubukhomanisi, umnyakazo kaNkulunkulu na?” Ngokoqobo, impela, bungumnyakazo kaNkulunkulu. IBhayibheli lasho njalo. Kodwa buyangena ukumemezela ukwahlulela phezu kwabantu abangamavezandlebe nabangamesabi uNkulunkulu ngokuhlazisayo. Yini esasele kulelizwe na? Sinani na? Lapha ngoluny’usuku . . .

⁷⁴ Ngizoma endabeni yami umzuzu nje, uma kunokwenzeka. Ngangifunda esiqeshini somBhalo lapho khona ivezandlebe lingayikungena ebandleni leNkosi ezizukulwaneni eziyishumi nane. Bangaki okwaziyo lokho na? Kunjalo, uDutoronomi 23; ivezandlebe. Uma owesifazane ebanjwe endle, lokho okungukuthi, engekho ekuvikelweni yindoda, nendoda imehlule lowo wesifazane, leyondoda iyofanele iganwe nguye. Futhi kungakhathaleki noma uba yisifebe, uzofanele ahla naye aze afe. Futhi uma lo wesifazane emgana, ezenzisa sengathi uyintombi, futhi engesiyo, khona-ke angabulawa ngenxa yakho. Futhi uma owesilisa nowesifazane abaganene, futhi bezala ivezandlebe, ukuthi, ibandla leNkosi aliyikungena, ezizukulwaneni eziyishumi nane. Futhi iminyaka engamashumi amane yisizukulwane. Kuyoba yiminyaka engamakhulu amane ngaphambi kokuba lesosono size siphume kwaIsrayeli.

⁷⁵ UNkulunkulu uyasizonda isono! Ukulindele kanjani ukuthi ugxambuze phezu kweGazi eliNgcwele leNkosi uJesu, ngoba nje usonta ehlelweni elithize, ulindele ukuthi ungene na? Uzoza ngezinkundla zikaNkulunkulu kungenjalo awuzi nhlobo. Kunjalo. Idikoni, umshumayeli, noma singaba yini, akahlanganise lutho nakho. Uza ngesikhathi sikaNkulunkulu.

⁷⁶ Izizukulwane eziyishumi nane. Umuntu uhlezi ukhona manje owayexoxa lokho nami. Wathi, “Sazi kanjani ukuthi ubani oyoke asindiswe-ke na?”

⁷⁷ Ngathi, “Yilapho-ke ofanele ube ngomuhle okaCalvin.” Igama lakho lafakwa eNcwadini ngaphambi kokusekelwa kwezwe. UNkulunkulu uthatha lowomgudu wegazi. Lokho kukuYe. Niyabo?

“Kodwa lokho kunani . . .”

⁷⁸ Lalelani. Nina bantu abasha, namhlanje, angazi noma niyaye nize kulelibandla, kumbe noma niza kuphi, nina

bafana namantombazane enisebasha. Nike naqonda yini, izinto enizenzayo, uma kukhona esinye isizukulwane, abantwana benu bayokwahlulelwa ngalokho enikwenzayo na? Aninanhlonipho yobuqotho na? Nina mantombazane ophumele lapha nigqoke lezizikhindi ezindadlana nezinto nijikeleza, niyazi, lokho kubonakaliswe endodakazini yakho. Ubuwazi ugogo wakho wayeyi—yisimukanandwendwe, nomama wakho eyintombazane yomdanso ekhorasini kumnyuziki ohlekisayo, futhi yingalesosizathu wena ungohundula izingubo namhlanje na? Impela. Bayoba yini abantwana bakho na? Yebo, mnumzane. UNkulunkulu wathi Uyohambela ububi babazali phezu kwabantwana nabantwana babo, kuya esizukulwaneni sesithathu nesesine.

⁷⁹ Futhi uyaqonda yini, mfowethu, njalo uma wenza lokho okulungileyo, lokho kuyohanjelwa kubantwana bakho na?

⁸⁰ Bukani lapha, asithathe amaHeberu, isahluko 7. IBhayibheli lasho, lapho—lapho uMelkisedeki ehlangabezana noAbrahama ebuya ekubulaleni inkosi, futhi wambusisa, futhi Kwathi, manje, u “Levi...” Ukhuluma ngokuthela okwezishumi. Wathi, “ULevi wayenomyalo ovela eNkosini ukuba emukele okwezishumi kubafowabo.” NoLevi owemukela okwezishumi, wathela okwezishumi, ngokuba wayesesokhalweni luka-Abrahama lapho ehlangabezana noMelkisedeki. NoAbrahama wayengukhokho wakhe. UAbrahama wazala uIsaka, uIsaka wazala uJakobe, uJakobe wazala uLevi; uLevi, ubaba, umkhulu, ukhokho. Futhi uLevi esesokhalweni luka-Abrahama, iBhayibheli lathi wathela okwezishumi kuMelkisedeki. Haleluya!

⁸¹ Ungavumeli-muntu ukuba akutshela ukuthi noma yiluphi uhlobo lomnyakazo ezweni lungake luze luphazamise izinyo lesondo elikhulu likaNkulunkulu. Liqhubeka njalo ngqo! Kwaplanwa emuva lapho ekuqaleni. Abekho odeveli noma odeveli abenele abangaphazamisa uhlelo lwaKhe.

⁸² Manje, iBhayibheli alishongo ukuthi “kungashiwo nje” ukuthi wakuthela. IBhayibheli lathi, “Wathela okwezishumi,” esesokhalweni lukakhokho wakhe. Udumo! Leyo yiNkosi yami. O, Yayikwazi, ngisho, ngaphambi kokuba kuze kubunjwe izwe. Yayiyazi yonke into. Futhi ikuAbrahama yathela okwezishumi.

⁸³ Futhi dadewethu, mfowethu, ungaphuma kanjani ugijime lapha, nabantu baphile futhi bagijime bejikeleza nabafazi bendoda, nabafazi bebhidliza amakhaya, futhi niphila ngendlela eniphila ngayo, nilindele ukuthi esinye isizukulwane sibe njani na? Nakhu esiyikho. Sesiphenduka manje singabi lutho kodwa nje isigejane sevezandlebe, esizalwe sonakele, isigejane sokonakala. Futhi yinye kuphela into esele kuso, futhi lolu wusuku lwe atomu esiphila kulo. Kunjalo impela. Sisesikhathini sokuphela.

⁸⁴ Kuhlezi kulokhu ukusa, le emuva ngaleya emagqumeni aseKentucky, umfana omdadlana, okwakul'khuni ukuthi wawungangena efidini eliyishumi kuye, ekwenzeni utiligi wamabele. Mhlampe wayengazi impela ukuthi kwakuyisiphi isandla sokudla noma esokunxele. Ngenkathi ezwa... Ngase ngeqile ezinkundleni ezifakwe izigxobo. Ngangingazi ukuthi ngangikuphi. Ngangikwabanye nje babampongoloji. Futhi ngangenyukela lapho ukuba ngiyozingela izingwejeje. Futhi lapho ngihlala phansi phezulu lapho, ngathola ukuthi ngikhulume naye. Futhi lomfana wathi wayeya empini. Futhi sengithola ukuthi, sasesithola ukuthi sikhulume ngeNkosi, wayesethi, "Mshumayeli, awukholwa ukuthi sisesikhathini sokuphela na?" Le emuva phezulu lapho kulezontaba.

⁸⁵ Ngathi, "Impela, sikuso. Impela, ndodana, sisesikhathini sokuphela."

⁸⁶ Nakhu lapho esikhona. Yilelihora esiphila kulo, mfowethu. Sisendaweni. Aniboni ukuthi bakanjani omama emuva ngaleya, nobabayi, ukuthi babephila kanjani, nomkhulu nogogo na? Aniboni ukuthi ubaba nomama uphile kanjani na? Akumangalisi sisekonakaleni namhlanje. Akumangalisi, ubungashumayela uze unqamuke ikhanda; bayogqoka izikhindi ngokufanayo nje, futhi bakuphimisele ebusweni. Bayobhema osikilidi futhi bawuphafuzele kuwe ngqo, futhi bathi, "Naka izindaba zakho." Ngani na? Ngoba yilesosizwana abaphuma kuso. Ngizofika kulokho, ngqo, *INzalo YeNyoka Enobuqili*. Sizothola lapho engena khona, sibone ukuthi kungani beziphatha kanjalo. Bangabantwana bakaDeveli selokhu kwasekelwa izwe. Kunjalo. Futhi asiyilutho kuso, okukusalele, ngakho nje ukwahlulelwa yiyonanto kuphela esele. Ngeke saba nalutho olunye kepha ukwahlulelwa. UNkulunkulu uyovele nje ayishaye kanzima yonke into iphele. Futhi umuntu ukwenzile qobo lwabo. UNkulunkulu wayengahlosile ukuthi kube ngaleyondlela, kodwa Wayazi ukuthi kwakuyoba ngaleyondlela. Yingalesosizathu Athi uyo, "Dukisa bonke labo abaphila ebusweni bomhlaba, ngaphandle kwalabo abamagama abo afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe."

⁸⁷ Ake sikubhekisise. Sifunde siqhubeke kancane manje. Manje, manje ngikhulwa ukuthi sikwele 12.

Futhi izimpondo eziyishumi owazibonayo zingamakhosi ayishumi, angakamukeli umbuso; kepha amukeliswa amandla njengamakhosi ihora linye kanye nesilo.

Lawa ayoba nomqondo munye, futhi ayakunika isilo amandla nokubusa kwawo.

Futhi lawa ayakulwa neWundlu, neWundlu liyakuwanqoba: ngokuba liyiNkosi yenkosi,

noMbusi wababusi: nabakanye nalo a—ababiziweyo, abakhethiweyo, nabathembekileyo.

Yayisithi kimi, Amanzi owawabonayo, lapho sihlezi khona isifebe, angabantu, . . . zizuku, . . . zizwe, nezilimi.

. . . izimpondo eziyishumi owazibonayo esilweni, lezi ziyakusizonda isifebe, . . .

⁸⁸ Bhekisisani lokho manje, lezi “izimpondo eziyishumi,” lemibuso eyishumi. Niyabo, lokho yiyo yonke into iwela phakathi, ukuthi lab’ondlovu kayiphikiswa bayini. Bhekisisani indlela ondlovu kayiphikiswa abencike kuyo. Kwencika kuphi na? Nje—nje ngitshele undlovu kayiphikiswa onganciki ngasebukhomanisini. Niyabo? Futhi ziyo (ini?) zonda “isifebe,” owesifazane, ibandla. Kodwa ini? Bhekisisani ukuthi yini okuzoyenza.

. . . lezi ziyakusizonda isifebe, futhi zisenze incithakalo sibe-yize, zidle inyama yaso, zisishise ngomlilo.

⁸⁹ Ziyoyiqhumisa leyonto isuke emephini, ngempela nje njengoba ngimi lapha. Besinesikhathi nje ukucaphuna leyondaba lapho yalelobandla, futhi siyehlise njalo ngomBhalo, lapho Owathi, fundani, “Onke amakhosi alomhlaba, nabo bonke abaninimkhumbi, nabo bonke, bayalila, ngokuba iBabiloni elikhulu lihlangabezane nencithakalo yalo ngehora.” Ihora linye, isikhathi salo sase sifikile! Futhi, o, ukuthi Kwasho kanjani ukuthi, “Jabulani, nina-bangcwele, nani nonke nina-baprofethi abangcwele, ngokuba uNkulunkulu uliphindisele igazi labangcwele nabazalwane benu phezu kwaso.” Niyabo, kunjalo. Impela, ubukhomanisi busebenza impela ezandleni zikaNkulunkulu. NjengeNkosi uNebukadinezari nje wasebenza impela ezandleni, ukuba afike athathe lawomaJuda, ngenkathi esuka ehamba! . . . ? . . .

⁹⁰ Futhi isono singalokhu siqhubekile sonakala, imbewu elungile ingasala phakathi lapho nembewu ingacina ukonakala, ilokhu yonakala ilokhu yonakala kuze kuthi emva kwesikhashana iphele. Ifika endaweni, ngoba onina noyise kanjalonjalo uphile kanjalo phambi kwethu, nakuleyondlela, kuze akusekho lutho olusasialele. Futhi niyazi ukuthi uJesu wathini na? Ukuba Akawufinyezanga umsebenzi, bekungebebikho ngisho nayiyiphi inyama ebingasindiswa.

⁹¹ Ningabona na? Ningabona ukuthi kungani sinalezi na? Angenzi kuphawula. Ezika Arthur Godfrey nawo wonke umuntu, niyazi, niyabo, nezika Elvis Presley, futhi—futhi enza izinqulu zehle, i ovaloli, nezinwele zilenge zehlela entanyeni yabo, nayo yonke lezi indlela amatshitshi namabhungu enza ngayo. Kwenzani na? Kuyini na? [UMfowethu Branham ungqongqoza epulpiti kashumi nanye—Umhl.] Ngoba kuphuma esigejaneni sabantu abaphila ngaphambili,

abangamavezandlebe. Akusekho okusele! O, bayosukuma bese becula, “Mangisondezwe, Nkulunkulu wami, kuWe,” njengomcoshi kaphizi uErnie nabo bonke labo abanye kanjalo, bacule uhlobo oluthile lwehubo, nokunye kanjalo. Mfowethu, uyazi uk’thini? Lokho, lokho kungukuzenzisa ngokoqobo. Yebo, mnumzane.

⁹² Umuntu akanamsebenzi kulelipulpiti ophumela lapho bese ecula umculo wokuzibinya nodum-dum nayo yonke leyonhlobo yezinto. Akanawo nomnci umsebenzi emva kwalapha. Leli liqondene nobupristi, ababizwe nguNkulunkulu. Abefundisi ababizwe nguNkulunkulu bangabasemuva kwalapha. Futhi abasibo abasemuva lapha kokunjengalokho. Yileyo-ke indaba ngakho namhlanje, benze ibandla alangahlukana nokuthi liyidlangala elithize. Ilangala lilungile, nifuna ukwenza lokho, lokho kukini. Kodwa ake nginitshela, kunomninginingi umehluko ngokuzama... phakathi kwedlangala nebandla. Yebo, mnumzane. Nifuna ukwenza lezozinto edlangaleni, futhi nibe nazo zonke lolohlobo lwamadili kanjalonjalo, lokho kukini. Kodwa, mfowethu, ibandla belifanele ukukhucululwa kusuka epulpiti yonke indlela kuya ekamelweni elingaphansi. Kunjalo. Angiqonde khona ukukhuculula ngamafastela amasha kanjalonjalo. Ngiqonde ngefeshini endala, imvuselelo ethunywe nguNkulunkulu ezohlakaza into kusukela ngapha kuya ngapha. Yebo, mnumzane. Njengokukhanyisa ilambu, ilambu likagesi esixhekeni samaphela ezungeze isigaxa se apula. Yebo, mnumzane, ayohlakazeka uma ilambu likhanya bha.

⁹³ Manje bhekisisani, “Anomqondo munye, anikela ngamandla awo.” Sengingezansi kwalokho manje. “Izimpondo eziyishumi.” Yebo, manje.

Ngokuba uNkulunkulu ukufakile ezinhliziyweni zazo ukuba zigcwalise intando yakhe, (uya lapho-ke), ziyenze intando yinye, zinike isilo imibuso wazo, aze agcwaliseke amazwi kaNkulunkulu.

Manje, owesifazane owambonayo ungumuzi omkhulu, obusa phezu kwamakhosi onke omhlaba.

⁹⁴ Manje, akukho-sidingo sokulokhu kufuqwa, siyazi ukuthi lokho ngukubusa kweKatolika ezindabeni ezingewe. Akukho-sidingo sikanoma ubani... Ngi-ngiyakukholwa lokho ngokuqinisa impela nje njengoba ngikholwa ukuthi ngemukele uMoya oNgcwele. Ngiyakukholwa lokho kahle nje njengoba ngikholwa ukuthi ngingumKristu ngimi lapha namhlanje, ukuthi lokho kubusa kweKatolika ezindabeni ezingcwele kuyi-kuyi... Ingumuzi waseVatican i-ingumuzi ohlezi emagqumeni ayisikhombisa. Ukubusa kwebandla ezindabeni ezingcwele kuyisilo esasikhona, esingasekho. LiyiBabiloni. Konke kwenziwe isithombe impela nje, ngokuphelele nje yonke indlela emiBhalweni. Yibandla eliKatolika.

⁹⁵ Manje, manje nanti iphuzu lakho elishaqisayo. Uthi, “Awu, awushayi mina, Mfowethu Branham.” Kodwa ake nje ngikubuze okuthize. Ake sibuyele emuva ngqo manje evesini 5.

*Nase khanda lakhe . . . kulotshiwe, IMFIHLAKALO,
IBABILONI ELIKHULU, UNINA WAMANYALA . . .
UNINA WEZIFEBE NOWAMANYALA OMHLABA.*

⁹⁶ Wayeyini na? I-s-i-f-e-b-e-k-a-z-i. Futhi wayengu n-i-n-a. Ini? U-n-i-n-a. Kukhona ayekuzalile. Unina wamadodana na? Wezifebe! Yini isifebe na? Into efanayo njenge—njengesifebekazi, owesifazane onesimilo esibi. Yini eyamenza abe nesimilo esibi na? Imfundiso yakhe. Wazenzisa sengathi uyibandla lamaKristu, kodwa wayenikana ngemfundiso engaphikiswa eyenziwe ngumuntu. Futhi uyasho lapha ukuthi wayene . . . Uma wayeyinhlango yokuqala, manje-ke kubonakala sengathi kukhona ezinye izinhlangano eziphuma kuye. Wayengunina wezifebe. Kunjalo na? Unina wezifebe. Engeke aba ngunina, manje, wabafana. Engeke waba ngunina . . . Kwakufanele kube ngunina wabesifazane. Futhi, uma babengabesifazane, babengamabandla. Manje ake sithole. Kuphumani e . . .

⁹⁷ Kwakuyiyiphi inhlangano yokuqala na? Ibandla eliKatolika. Kwakuyiyiphi inhlangano yesibili na? ULuther. Kwakuyiyiphi inhlangano yesithathu na? UZwingli. Kwakwehlele kuphi na? UCalvin. Bese-ke kuzongena eSheshi, neSheshi kwehlele njalo kumaMethodisti. IMethodisti, yakhiqizani iMethodisti na? Lapho kuphuma uAlexander Campbell. KuAlexander Campbell kuphuma uJohn Smith. Phuma . . . Alexander Campbell yibandla lamaKristu; base-ke, babeba namane noma amahlanu, ichurch of Christ nazo zonke lezo zimfundiso ezigqamile ezinye ezincane ezaphumayo. Manje-ke nakhu kufika ibandla lamaBaptisti, lalinenqwaba yamancane aphumayo. Futhi ebandleni lamaMethodisti kuphuma . . . ebandleni lamaMethodisti kuphuma, kufika, kuqala kufika iMethodisti kaWesley, base-ke beqembuka kane noma kahlanu. Manje-ke sebefika kolunye uhlobo lweMethodisti, kwase kuthi-ke bayaphuma futhi, bese-ke befika kwiFree Methodisti. Bese—bese-ke bephuma kulokho baya kumaNazareth. Futhi ukusuka kumaNazareth kuya kwiPilgrim Holiness, nePilgrim Holiness kwehlele njalo. Izimfundiso ezigqamile ezincane nje ziphuma kanjalo, zilokhu zehla njalo, ngamunye walabo baqali abancane—abancane emuva lapho beza njalo ngqo. Futhi bonke benzenjani na? Kwathi ekugcineni kwaphethela kwiPhentekoste.

⁹⁸ Futhi yenzani iPhentekoste na? Into efanayo umama wabo ayenzayo, babuyela emuva ngqo base behlela. Futhi kwaphenduka kwaba yini na? I—ihlelo. Hamba ungene kwelinye, into yokuqala, “Yini imfundiso yakho na?” Mfana, bakukama

ngekama elihle lamazinyo, niyabo, ukuthola ukuthi uyini, ukuthi yini oyikhohwayo. Futhi uma nje ungamatani kahle nabo, mfowethu, uyaxoshwa ebandleni khona manje. Futhi kunjalo.

⁹⁹ Futhi ungacabangi ukuthi ngoba nje wena uthi uyiPentecostal ukuthi uvikelekile. Mfowethu, kuyobakhona amaningi impela nje amaPhentekoste aphuma emgwaqeni njengoba likhona emgwaqeni, ngineqiniso. Niyabo?

¹⁰⁰ Manje, zonke lezozinhlango, ukuba nje zazingayeka isibusiso sePentecostal siqhubeke, zingasihleli, zisigcine nje ebuzalwaneni futhi zidedele uMoya oNgcwele wenze ukwehlukana. UMoya oNgcwele uyehlukanisa. UAnaniya noSafira bayangena ngesinye isikhathi, bathi *ukuthi-nokuthi*; noMoya oNgcwele wathi, “Niwaqambeleni amanga na?”

¹⁰¹ Kodwa thina sithi, “Manje, lowo nguMfowethu Jones, ungasho lutho olubi ngaye manje, ungumkhokhi obedlula bonke esinye ebandleni. Ngiyazi unoMoya oNgcwele; ngimzwile ekhuluma ngezilimi, futhi ngimbonile ememeze eMoyeni.” Lokho akwehlukene nokuthela uphizi esikhumbeni senkomazi esomileyo. Niyabo? Akukho lutho ongakwenza ngakho. UNkulunkulu nguye oshoyo. Ufanele asho noma nguye noma qha. Ngokoqobo. “Kodwa sikuwelisele ehlelweni lethu. Awu, simkhahlele samkhipha ku—kuma Assemblies, i Oneness iyamcosha.” IOneness ithi ukuqhubeka naye isikhashana, base bemkhahlela bemkhipha. Ngoba, bamthatha bemwezela lapho, neJesus Only imcoshe. IJesus Only iyamqokula okwesikhashana, bese kuthi-ke into elandelayo emcoshayo yichurch of God, imcoshe. IChurch of God of Prophecy imcoshe, bese inhlango kaTomlinson iyamthola. O, he! Mfowethu, uma singenakho ukuphela! Lokho kusePhentekoste, imvuselelo yokugcina. Futhi manje baneBlue Flame, futhi banabakhonza amafutha, ne—negazi ebusweni. Futhi, o, bakithi, angazi ukuthi sebeshonephi manje.

¹⁰² Into eyodwa nje, kungukuthi yonke into isiphenduke yonakala. Benazi yini ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi iyokonakala na? Benazi yini ukuthi i—iBhayibheli liyakhuluma ngalolusuku, luyoba lapha, lapho ngisho namatafula eNkosi eyogcwala ubuhlanzo na? Wayesethi, “Ubani eNgingamfundisa imfundiso na? Ubani eNgingamenza aNgigonde na? Ngokuba isiyalezelo sifanele sibe phezu kwesiyalezelo, siphezu kwesiyalezelo, phezu komudwa phezu komudwa.” Ubani Angamfundisa imfundiso na? Labo abalunyuliwe ebeleni, umama. Niyabo?

¹⁰³ Manje, akukho—akukho-sifazane, owesifazane onesimilo esibi kulelidolobha ongezale indodakazi eyintombi. Injalo uma izalwa, manje, futhi ingahamba kahle. Kodwa uma ungaqapheli, ngonina obeyileyomvelo, leyontombazane, ngokuphindwe kasishiyagalolunye eshumini, izoziphatha njengoba kwenza

unina impela nje. Manje, niyazi ukuthi lokho kuqinisile. Owesifazane osemdala ophethe indlu enegama elibi, angazala intombazane encane. Ibingaba neminyaka eyishumi nesithupha ubudala, ihlanzeke nje futhi iziphathe kahle njenganoma yimuphi umnduze, kodwa, uma ihlala ngaleyondlela. Kodwa, into ekukho ngukuthi, ibuyela emuva ngqo futhi iziphathise okukanina.

¹⁰⁴ Manje, ibandla eliKatolika laba yisifebe esidala sokuqala esiqubuka nezimfundiso esizenzele sona, izinkoloze, okungukuthi, iBhayibheli lathi, “Siphuma kwalasha futhi siyobuyela ekubhujisweni.” IBhayibheli lakusho lokho. Manje, uma befundisa lokho, kuyiphutha. Kuyiphutha, ngokweZwi likaNkulunkulu. Bese kuthi-ke nakhu kufika ibandla lamaMethodisti, elazalwa yiso, intombi enhle, kodwa yenzani na? Yajika yaphindela emuva ngqo futhi yenza izinto ezifanayo ezenziwa unina. Idedela ibandla layo ligqoke izikhindi. Ibadedela babheme osikilidi. Ibadedela baqhubeke futhi benze njengoba nje befanele. Akukho lutho olushiwoyo ngakho. Umelusi omdadlana obhakwe uhhafu emva kwalapho, ipulpiti emuva lapho, uyesaba ukuthi uzophelelwa yiholo ngoluny’usuku, noma yipani lamabheskidi.

¹⁰⁵ Ake ngikutshale, mfowethu, ngingaqoka ukushumayela iVangeli, futhi ngidle amakhekhe kasoda ahashukile futhi ngiphuze amanzi agelezayo, bese ngikhuluma iQiniso ngalo. Uma bonke abebandla lami besukume baphuma, ngingabatshela iQiniso ngalo. Yebo, impela.

¹⁰⁶ Yin’indaba na? O, yithikithi lokudla. “Awu, niyazi, ngingumelusi webandla elikhulu kunawo onke elikhona edolobheni.” Nina maBaptisti namaMethodisti nilalele umprofethi wamanga. Manje, lokho kunesihluku, kodwa noma yini efundisa okuphambene naleliBhayibheli kungumprofethi wamanga. Angikhathali ukuthi kungapholishwa kanjani, kuyisiprofetho samanga. Kunjalo.

¹⁰⁷ “O, yonke into ilungile inqobo nje uma unegama lakho lisencwadini.” Ungahle ube negama lakho ezincwadini eziyidazini. Uma lingekho eNcwadini yokuPhila, ulahlekile! Ungalokhu nje ukahle kakhulu njalo njalo, ungethembeka nje impela futhi uhlanzeke futhi uziphathe kahle ngakho konke ongaba yikho, lokho ngeke kuhlangele nangokukodwa nakho.

¹⁰⁸ UEsawu wayengumfo ophindwe kabili kulokho uJakobe ayeyikho, uma sekufika ekubeni yindoda, enakekela uyise oyimpumpethe esindala nakho konke okunye. NoJakobe wayengokhohlisayo omncane enamathele esidwabeni sikanina, umfana oyisitabane esidadlana. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Ngiyamthanda uJakobe noEsawu ngiyamala,” kungakazalwamfana. AbaseRoma 8 usho njalo. Kunjalo impela.

109 UNkulunkulu uyakwazi okukumuntu. Futhi Uyakwazi okusebandleni, futhi. Siphila ngeSinkwa sokuPhila, iSinkwa seZwi likaNkulunkulu. Manje, yingakho singesilo ihlelo.

110 Manje ngifuna ukuninika okunye okuncane...Ngifuna ukuninika isibonelo esincane ngomfanekiso engiwubhale ngokuphelele lapha. "Omkhulu..." Manje eZambulweni, ku 19:2. Nginento ethize engiyimake lapha. Ngifuna ukuyibuka bese ngibona ukuthi iyini manje.

Ngokuba ziqinisile zilungile isahlulelo sakho: ngokuba usahlulele isifebe esikhulu, esonakalisa umhlaba ngobufebe baso, futhi uliphindisele igazi lezinceku zakhe esandleni saso. (Lokho ngukuphela kwebandla eliKatolika.)

111 Manje, sifuna futhi niqaphele, futhi lapha, ukuthi ihlelo—ukuthi ihlelo liyatholakala futhi emiBhalweni lapha, ukuthi i... NeBhayibheli alikhulumi neze ngehlelo. Ihlelo livela ebandleni eliKatolika. Lingunina wokuqala wehlelo, futhi ihlelo ngalinye lehle ngqo njalo. Manje, lokhu kuzothi nje ukuba ngokuncinzayo kancane. Kuzothola ukuthi ukuncinza kakhudlwana ngaso sonke isikhathi, niyabo. Kodwa ngi—ngifuna nibone ukuthi amahlelo alizalwanga noma lagcotshwa nguNkulunkulu. Lagcotshwa nguDeveli.

112 IBandla likaNkulunkulu liyi...Asehlukene, sonke singumzimba munye; ithemba elilodwa nemfundiso, simunye othandweni. Lelo yiBandla likaNkulunkulu ophilayo. Kungakhathaleki ukuthi ba, lezozinto, simunye ndawonye! Kunjalo. Noma ngabe uyiMethodisti noma iBaptisti, mfowethu, uma ezelwe ngokusha futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, ungumfowethu. Sihamba sishokene ngamahlombe. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Akwenzi nayimuphi umehluko.

113 UMose. Mhlawumbe ngiyaqalaza bese ngithi, "Uyasazi lesosigejane samaPentecostal ahlanyayo, Mfowethu Branham, wawungaze uphumele ukuyokwenzani esigejaneni esinjalo na?" Niyazi uk'thini? UMose wabuka phezu kwabantwana bakwaIsrayeli. Wabheka phandle efasteleni elifanayo uFaro abuka kulo. UFaro wababuka njengesigejane sababhixa ngodaka, kodwa uMose wababuka ngaphezulu phandle njengabakhethiweyo bakaNkulunkulu. Wayazi ukuthi babenesithembiso. Ngani na? Wayekwazi ngeZwi. Futhi ngokukholwa...Ngonyawo lwakhe esihlalweni sobukhosi, ukuba abe nguFaro, nalo lonke izwe libekwe ezinyaweni zakhe, wahlala lapho wayesethela iwayini emlonyeni wakhe, nabesifazane abahle bemphemphetha ngomoya, njengombusi omkhulu, noma undlovu kayiphikiswa, noma inkosi yezwe, uMose osemncane, enamashumi amane eminyaka ubudala, wayenakho esandleni sakhe. Wabuka ngaphandle phezu kwalesosigejane sababhixa ngodaka, kodwa wayazi

ukuthi wayengomunye wabo. Haleluya! Yilokho-ke. Wayazi ukuthi wayengomunye wabo. Futhi ngokukholwa, kukodwa, wakhetha!

¹¹⁴ Wonke umuntu uzofanele enze ukukhetha. Ufanele wenze ukukhetha. Uzokwenza ukukhetha manje. Uzokwenza ukukhetha ekuseni. Uzokwenza ukukhetha kusasa ebusuku, uma uphila. Ufanele ukhethe ngesinye isikhathi. Mfowethu, kudala ngakhetha. LeliBhayibheli laliyisichazamazwi sami. LeliBhayibheli laliyiNcwadi yami yokuPhila. LeliBhayibheli laliyiZwi likaNkulunkulu. IBhayibheli liyilokho engiphila ngakho. LeliBhayibheli liyilokho engima ngakho.

¹¹⁵ Ngakho-ke, uMose wabuka ngaphandle phezu kwabantwana bakwaIsrayeli. Futhi akusikho kuphela ukuthi wathi, “O, bangabantu abamangalisayo. Angiphikisani ngalutho nabo. O, qha, ngeke ngakhuluma nelilodwa izwi eliphikisana nabo.” Yileyondlela inqwaba yabantu eyenza ngayo namhlanje. “O, lawomaPentecostal nalabobantu onoMoya oNgcwele, nalabobantu abakholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu, o, a— a—angiphikisani ngalutho nakho.” Kodwa lowo kwakungesuye uMose. Walishiya iGibhithe wase eba ngomunye wabo. Waphuma waba phakathi kwabazalwane bakhe. Wayengomunye wabo.

¹¹⁶ Mfowethu, yilapho engithatha khona indlela yami. Ngiyothatha indlela nabayingcosana abadelekileyo beNkosi, uma bengangesandla, kumbe noma ngabe yini. Banesithembiso, futhi ngiyawabona amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Bangabazalwane bami. Kunjalo. Thatha ukukhetha kwakho bese uma nabo. Kulungile noma kungalungile, ume lapho noma kanjani. Uma besephutheni, ubasize babe kahle. Kunjalo. Awubenzi neze babe ngcono kakhulu ngokubakhahlela baye le na le. Niyabo, zama ukubadonsela ngaphandle.

¹¹⁷ Charlie, njengoba basho ngoMfowethu Allen, mayelana nomlilo aba...igazi ezandleni. Ngathi, “Angikaze neze, neze ngimjivaze uA. A. Allen.” Ngathi, “Ukuba ngangingashumayela njengo A. A. Allen, ngangingeke neze ngibe ngisho nenkonzo yokuphilisa.” Manje, uma sekuza ekungavumelaneni phezu kwegazi ngokuthi lingubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele, ezandleni zakho, ngeke ngivumelane nalokho. Kodwa uma sekuza ebuzalwaneni, ungumfowethu. Ngimi sishokene naye ngamahlombe empini. Kunjalo. Uma enephutha, ngizozama ukumsiza. Futhi uma engenalo iphutha, uma nginezophutha, ngifuna angisize. Futhi yileyondlela esithola—thola ngayo sihambisane. Manje bhekisani lapha.

...wayeyi *MFIHLAKALO, IBABILONI...UNINA WEZIFEBE...*

¹¹⁸ Manje niyabona ukuthi ibandla likanjani namhlanje, bangane, ningabona ukuthi lamabandla akanjani namhlanje

aziphilela njenganoma yiyiphi nje indlela afuna ukuphila ngayo na? “Kulungile ngokuphelele, qhubekela phambili impela,” ingulube idla ingulube, unganaki. “Ngani, akukho okulimazayo ekwenzeni lokho. Ngani, uzama nje ukuba yifeshini endala.” Manje bhekisisani imfundiso yabo. Manje ngifuna. . . Manje bhekisisani. Leyo yinjwayelo yabo. Niyabo, ukuthi eminyakeni embalwa edlule, ukuthi ibandla eliKatolika kwakuyilo lodwa kuphela elalivunyelwe ukuya ebhayiskobho na? Ibandla lamaMethodisti lalingacabangi ngento enjengaleyo. Onke lawomahlelo, “Qhabo! Lokho yimisebenzi kaDeveli.” Ngiyamangala ukuthi kwenzekani? Yebo, mnumzane.

¹¹⁹ Futhi niyazi, wawungathatha lawomatshitshi amaKatolika, aphuma nalezi ezincane. . . (Manje, abanye benu bafana asebekhulile usukhule ngangami. . . aphuma bese eqaphela lento encane lapho ayenalokhu okufika emadolweni. Lowomfo, ngiqagele, usesihogweni, kulobubusuku. Angazi. Angisuye umahluleli wakhe. Kodwa ngenkathi enza leloculo lokuqala elincane elingcolile elaputshukela emsakazweni, lingahlolwanga, elithi “Bagingqeni, mantombazane, bagingqeni; bagingqeni phansi futhi nikhombise amadololo enu amahle.” Bangaki okukhumbulayo lokho ngenkathi lelo liqala ukuphuma, eminyakeni eyedlula na? Lelo kwaba ngelokuqala eliputshuka kuqala khona lapho. Kunjalo. Futhi ngenkathi bethola lomfo waseTexas, base bethatha labo besifazane phandle lapho futhi basebenzisa lezozingubo zangaphansi ukubenza babukeke sengathi babeyinto ababengesiyiyo, nezinto ezinjengalezo, futhi babayeke bazedlulele nakho. Futhi manje kwenzani na? Kwahamba kwangena ngesinyelela. Ngumoya.

¹²⁰ Indoda yayikhuluma, ngoluny’usuku. Yathi, “Angazi ukuthi ngizokwenzani. Nginolungileyo, umfana oqotho, nalowomfana usefika lapho esethatha lokho abeka izandla zakhe phezu kwakho.”

Ngathi, “Ngani?”

“Ushomana nesela.”

¹²¹ Uzimatani nomuntu oyisela, uzoba yisela qobo lwakho. Umama wami omdala waseKentucky wayevamise ukuthi, “Ucambalala phansi nenja enamazeze, uyovuka usunamazeze, nawe.” Uthatha o—uthatha owesifazane ongalungile, futhi udedele intombazane. . . bese uyibeka no—nomfana olungileyo nenhlonipho, nento yokuqala uyazi uziphethe kabi njengomdlwane. Kuphenduka kushintshe ngqo. Waziwa ngohambisana nabo. Zahlukanise! “Phumani phakathi kwabo,” kwasho iBhayibheli, “yibani ngabahlukanisiwe!” Kunjalo.

¹²² Uma amahlelo abo ebuyela ekonakaleni okunjalo njengokudedela abantu bawo. . . Awu, lapha ngoluny’usuku, kwelikhulu ibandla lamaBaptisti elihle, badingeka ukuthi baphume. Angashumayela kuphela imizuzu engamashumi

amabili, indoda yenzenjalo, ngoba umelusi wayedingeka ukuba ayobhema. Ibandla lonke laphuma. Bonke bama phandle lapho emaketangweni okubhema, base bebuya futhi, umelusi nabo bonke. Ngaya ebandleni iCongregationalist, lapho indoda imi, ifake ingubo ende enkulu, imi lapho, yathi, incike epulpiti *kanje*, ikhuluma ngohlobo oluthize lwembali eyayithola phezulu egqumeni. Yilokho kuphela okwakukhona kukho, futhi yabuyela phandle. Futhi iminwe yayo yase iyelo ngenxa yentutu kasikilidi. Yebo. Futhi ikhuluma ngokuthi abesifazane, ukuthi indoda yayizodlala...Yini lomdlalo waseJalimane abawudlala ngalokho, okuningi kakhulu o—owaba khona amakhadi, niyazi? Kwakuna...O, bengicabanga ukuthi bengizokukhumbula. Umdlalo wamakhadi ipinokli, babezoba nomdlalo ipinokli. Ngicabanga ukuthi kulungile. Ya, yilapho owaba khona. Kungumdlalo ovamileyo wokudlala amakhadi. Umdlalo ipinokli, ekamelweni elingaphansi! He, bakithi! Silapho-ke isisekelo salo. Akumangalisi! Ini? Bayakwenza lokho, bese-ke bempongoloza ngebandla eliKatolika phandle lapha kulezizindawo zokuGembula futhi lidlala ukuqoqa izimali ngokugembula. Ngani, nina maProtestani ningcole nje njengabo, pho ningathini ngakho na? Ibhodwe ngeke labiza iketela ngokuthi “lingcolile.” Impela ngeke. Nina nenza lokho, bese-ke nithi, “Awu, ngiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti.” Awulutho uze uzalwe kabusha. Kunjalo. Futhi uma wenza lokho, uyazi. Kukhona into ethize phakathi kwakho ekutshela ukuthi lezozinto azifanele, futhi uyophuma kukho impela nje njengoba ungenhla kwamadolo edadeni. Niyazi ukuthi lelo yiQiniso. Impela. Yebo, mnumzane. Lezozinto zihambisana kulokho. Ngani na?

...UNINA WEZIFEBE...

¹²³ Ngolunye lwalezizinsuku, umama omdala uzothi, “Uyazi uk’thini? Empeleni, s’thandwa, sobabili siyafana.” Futhi niyazi ukuthi kuyini-ke na? UMFelandawonye wamaBandla onke azohlangana ndawonye njengoba enjalo manje. Futhi niyazi ukuthi kuzokwenzekani eqenjini elincane njengaleli na? Nizokhokha ngakho, bafana. Kunjalo impela.

¹²⁴ Kodwa ningakhathazeki, iWundlu lizomnqoba. Ngokuba LiyiNkosi yenkosi, noMbusi wababusi, noNkulunkulu uzohamba ukuyohola iBandla laKhe, esikhundleni sehlelo. Uyothulula lawomaFutha egolide kaMoya oNgcwele phezu kwaleloBandla. Mfowethu, uMlilo uyokwehla uvela eZulwini, nezibonakaliso nezimanga ziyokwenzeka, sengathi awukaze uzibone ngaphambili. Yebo, mnumzane. “Ningesabi, mhlambi omcane, kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso.” Yebo, mnumzane. “Ohlala kuze kube sekupheleni!” Uya lapho-ke. Yehla njalo ngomgwaqo. Ikhanda lakho alibheke njalo ngaseKalvari. LeliBhayibheli liqinisile. Ningakhathazeki.

¹²⁵ Manje bhekisisani. Kukhona ezinye zezinjwayelo abanazo. Okunye kokuziphatha abanakho. Besingaqhubeka njalo nje. Into yokuqala niyazi, kwavuzela emabandleni amaProtestane. Kwase kuthi-ke abesifazane abangamaKatolika baqala uku...Ngani, kwakungalimazi ukugqoka izikhindi ezincane, inqobo nje uma babeya esontweni bese bethwala iduku elincane ekhanda labo. Uhlobo oluthize lwesiko, “Ningadli-nyama ngoLwesihlanu.” Futhi, o, uke ukutholephi ukuthwala iduku ekhanda lakho ukuba ungene esontweni na? Ngifuna ningikhombise umBhalo. Kuyisiprofetho samanga. Kukuphi esontweni lapho khona ofanele ukufaka isigqoko esontweni na? Uma ufaka isigqoko ekhanda lakho, uhlazisa uKristu, kunjalo; abesilisa, engikhuluma ngabo. Besifazane, ninaso isembozo, kodwa ngizophosela inselelo noma ubani ukuba angikhombise lapho siyisigqoko khona noma iduku. Yizinwele zakho! Futhi nizigunde nazisusa zonke. Manje nithini ngalokho na? O, bathi, “Lokho kwenzise ifeshini endala.” Uma kunjalo, yiBhayibheli! NeZwi likaNkulunkulu liqinisele.

¹²⁶ Ngikhuluma lapha, kungekudala, ngowesifazane owageza izinyawo zikaJesu, futhi wathatha izinwele zakhe, niyazi, futhi—futhi walwesula ngazo. Ngathi, “Indlela kuphela owesifazane ayengenza ngayo lokho, ngukuba ame ngekhandla lakhe ukuba athole izinwele ezenele phansi lapho ukuba ageze izinyawo zaKhe, ukuzesula ngazo.” Kunjalo. O, kuyikho, khona kuyihlazo ukubona indlela i...Lapha, isimo sezulu esiqandisa okweqhwa, ehamba ejikeleza egqoke ibhantshi eliyisibukuthu kanjalo, nomzimba wabo onqunu ubonakala.

¹²⁷ Manje uthi, “Kungani ukhetha abesifazane na?” Nidinga ukukhethwa.

¹²⁸ Nani besilisa enivumela abesifazane benu benze lokho, mfowethu, a—angazi ukuthi ngizocabangani ngawe. Manje, kunjalo.

¹²⁹ Nani belusi, angiboni ukuthi nikhona lapha. Kodwa uma nibona umfo, nimtshela eze, nisho, angibone. Niyabo? Uma engasenakho ukuhlonipha uKristu kunokudedela ibandla lakhe lizedlulele nalokho ngaphandle...Manje u...Bangahle bakwenze ngaphandle lapho emva kwakhe, kodwa uma engabatsheli ngakho, akakufanele ukuba yinceku kaJesu Kristu. Kunjalo impela. Akafanele ukuba yinceku kaKristu. Inceku kaKristu ifanele ingesabi uma kuyimbangela eya eBhayibhelini. Impela. Kodwa nampo, bayaphuma futhi bakwenze noma ikanjani.

¹³⁰ Bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, amaProtestane adingeka ukuthi akucoshe. Wena Methodisti enhle, nawe Baptisti, nawe Presbyterian, noma iNazareth, Pilgrim Holiness, nani nonke. Into efanayo iphume ngqo, isithupha kwelilodwa, nohrafu wedazini lelinye. Nakho lapho okhona, “Unina

wezifebe.” Ihlelo lakho, “Inqobo nje uma beqale ekomkhulu, kwenza mehluko muni na?” Niyabo? Kwenza inqwaba eningi yomehluko. Akuzange kuqale, *lelo* Komkhulu. Ngahle ukuba baqala ekomkhulu lakho phansi lapha, kodwa hhayi Lelo eliphezulu Lapho. Kuya ngokuthi uvelaphi. Yiqiniso lelo.

¹³¹ Manje, angicabangi ukuthi sinaso isikhathi sokuba sithole lokhu okunye, mhlawumbe kungcono ngikushiyele ikuseni. Kulungile, asithathe nje lokhu okufishanyana. Sinakho, lapha, “umbhaphathizo emanzini.” Futhi sinoku “miselwa ngaphambili,” futhi, o, izinto eziningi. Ngakho asithathe lokha nje, lokhu okuncanyana, lokhu okufishanyana kwa “bashumayeli besifazane,” futhi sithole lokhu.

¹³² Manje, manje, mshumayeli oyinenekazi, angifuni ukulimaza umuzwa wakho, kodwa kukhona engifuna ukukutshela khona. Awunalo ngisho nechashazi elilodwa lomBhalo, akukho nelilodwa eBhayibhelini. Ya, ngiyazi ukuthi uyaphi, futhi sengikwenzile konke okwakho, ya, “Namadodana enu namadodakazi ayakuprofetha.” Manje, uma umelusi wakho engazi ukuthi igama elithi “profetha” lichaza ukuthini, a—akazi lutho. Akanamsebenzi kakhulu impela wokuba abe semva kwepulpiti, ezama ukukutshela ukuba ube ngumshumayeli. Niyabo? Okukubangelayo, ngoqobo, kugxekwa kusuka kuGenesisi kuya eZambulweni. Manje ake nginikhombise lokhu, niyabo.

¹³³ Manje ngifuna ningiphenyele kuThimothewu wokuQala 2:11. Phenyani ngapha nje futhi sizokuthola lokhu manje, futhi sizokuthola lokho lapha, futhi, iZenzo 2 zakho. Ya. Futhi nje—nje lalalani lapha ukuthi umBhalo uzothini mayelana nalendaba.

¹³⁴ Manje, omunye wayelokhu ethi, “Awu, Mfowethu Branham, ungomdala nje ozonda owesifazane.” Angisuye ozonda owesifazane. Ngiyi... Angithandi nje ukubona abesifazane bezama ukuthatha indawo engesiyo eyabo.

Niyakhumbula eHoward Shipyard ngapha, enye yezindawo okwakhiwa kulungiselwe khona imikhumbi enempumemelelo kakhulu ekhona eMfuleni iOhio na? Babeka owesifazane ayengamele. Bukani ukuthi kwenzekani.

Banika owesifazane ilungelo lokuvota. Bukani ukuthi kwenzekani.

¹³⁵ Ake nginitshela khona manje. Akusikho nje ukuhlinza abesifazane. Ngifuna abesilisa baqonde ukuthi ningene nani kulokhu. Kodwa ake ngikutshela okuthize, mfowethu. Lesisizwe siyisizwe sowesifazane. Ngizokufakazisa lokho ngani, ngomBhalo, nganoma yini enifuna kufakaziswe ngayo. Yilokhu. Yini ebonakala emalini yethu na? Owesifazane. Utholalaphi na? EZambulweni, lapha, niyambona. Uyinombolo yeshumi nantathu, futhi, yonke into ayiqalayo; izinkanyezi eziyishumi nantathu, imisho eyishumi nantathu, izifiki eziyishumi

nantathu. Ishumi nantathu, yonke into kwakuyishumi nantathu, kusuka nje. Ubonakala esahlukweni 13 seSambulo. Owesifazane, ishumi nantathu!

¹³⁶ Futhi ngo 1933, ngenkathi iNkosi... Ngenkathi sasinemihlangano ngapha lapho leyochurch of Christ emi khona manje, ikhaya elidala elakhiwe ngaMatshe, umbono weNkosi wafika kimi phezulu lapha futhi wabikezela ukuthi i “Jalimane yayizovuka futhi ibeke lowoLayini weMaginot lapho.” Abanengi benu bayakukhumbula. “Nokuthi onke ayezoqiniswa kanjani phakathi lapho, namaMelika ayezokwehlulwa kakhulu khona lapho kulowolayini. Futhi yasho ukuthi kwakuzokwenzekani, nangoRoosevelt nalezozinto, ukuthi wayezosingenela kanjani leso isikhathi sesine.” Ngokuphelele, ngayo impela nje indlela okufezeka ngayo. “Kanti futhi yasho ukuthi izimoto ziyolokhu ziqhubeka kakhulu nokufana neqanda, kuyoze kuthi ezinsukwini zokugcina ziyoba nje sesimweni seqanda.” Futhi ngathi, “Kuyofezeka ukuthi lezozimoto aziyikuhanjiswa ngesitelingi samasondo. Kuyoba yinto ethize enye ezihambisayo.” Yilezomoto abazikhiphayo khona manje, irimoti khontroli, kwenzelwe ukuphepha. Kuyiqiniso. Ungeke usakwazi-ke ukungena edolobheni... Khona-ke, endaweni enqunyelwe amamayela angamashumi amabili, unгахamba nje amamayela angamashumi amabili. Ungeke uyishayise eny’imoto, ngoba yirimoti khontroli. Niyabo, ihamba kanjalo, futhi khona manje. Ngase ngithi, “Khumbulani, ngalolosuku, ngaphambi kokuba kufike isikhathi sokuphela, ngaphambi kokuba kufike isikhathi sokuphela, ukuthi owesifazane... Manje, nonke kugcineni lokhu kubhalwe phansi. Kuyoba nomkhulu, kuyovuka owesifazane onamandla, kuphakathi kokuthi abe nguMongameli, noma undlovu kayiphikiswa, noma omunye wesifazane omkhulu onamandla kule United States. Futhi uyocwila, phansi kokuthonywa ngabesifazane. Manje, khumbulani, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.” Niyabo?

¹³⁷ Futhi unephutha. Futhi kunikelwe kukuphi na? Ake nginitshele. Yibani ngabakamoya. Makuthi... Vula phezulu. Bukani. Ikwenzelani lokho na? Ukunikeza ibandla eliKatolika indawo yokungena. Niyabo? Nikhonza lezizingcweti zamabhayisikobho nazo zonke lezi ezinye izinto ezehlukene phandle lapha. Niyayikhumbula intshumayelo engayishumayela na? Margie, uyayikhumbula, eminyakeni eyedlula, ngoku—kuhlaselwa kweUnited States, ukuketula uhulumeni waseMelika. Nokuthi ngasho kanjani ukuthi wavuka ePerisi emva kokuba sesibasindisile laphaya kulowo besifazane, iwayini nesikhathi esimnandi. Futhi wakhanyisa khona ezansi eHollywood. Manje, esikhundleni sethu sokuba sithumele ePerisi ukuthola izitayela zezimfeshini, bathumela lapha ukuthola izitayela zezimfeshini. Kwenzani na? Kwathola... Sasingabadedeli abantwana bakho baye ebhayisikobho,

kodwa yangena ngqo kwitelevishini, yaphuma ngqo futhi yonakalisa yonke into, yamkhipha yamgijimisa ngqo. Futhi nakhu lapho esikhona namhlanje, onke amantombazane nabafana abancane, onke ayaluthanda uhlobo oluthize lwalababalingiswa bakwatelevishini. Kuyini na? Kungukwenza indlela. Mfana, oyedwa wesifazane onesimilo esibi angathumela abantu abaningi kakhulu esihogweni kunawo onke amajoyinti otshwala obungekho emthethweni obungawabeka edolobheni. Kunjalo. Mbhekisise ehla ngestradi nezingubo zakhe zonke zikhunyulwe zehliswa, akunandaba ukuthi owesilisa ungubani, uma engowesilisa osile ophile kahle, uma ebuka owesifazane ubophezelekile ukuba abe nento ethize edlula kuye. Manje yiba gotho nje. Anginandaba. . .

¹³⁸ Sengibe noMoya oNgcwele iminyaka. Ungeke wabuka owesifazane futhi yena egqoke uhhafu. . . Ngi-ngiphatha isiphambano esincane emotweni yami, abaningi benu basibonile. Omunye wathi kimi, “UyiKatolika na?” Kukuphi lapho amaKatolika ake athola khona igunya lokuzikhethela esiphambanweni na? Isiphambano sisho “umKristu.”

¹³⁹ Labo abakaCecelia oNgcwele abadadlana nezinto wuphawu lobuKatolika. Asikholelwa ezintweni ezinjengalezo. Sikholelwa kuKristu. Banazo zonke izinhlobo zabantu abafile ababakhonzayo. Kuyisimo esiphakeme sokukhonza imimoya yabangasekho. Konke kungukuthi, ukukhonza abafileyo. Ayikho into enjalo, qhabo.

¹⁴⁰ Ngabuza lowompristi. Ngathi, “Kwakungani, pho, uma. . . uPetru wayenguphapha wokuqala na?”

Wathi, “Kunjalo.”

¹⁴¹ Ngathi, “Kwakungani pho uPetru athi, ‘Akekho omunye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu kodwa lowoMuntu nguKristu Jesu?’ Futhi nina ninezinkulungwane ezinhlanu zabesifazane abafile, nakho konke okunye, enibenza abalamuleli. Manje kwenzekeni na?” Nakho lapho okhona. Awanayo impendulo yalokho. Kunjalo.

¹⁴² Manje enye yezimfundiso zabo, imfundiso yabo yamanga, isigejane sabaprofethi bamanga abangamaProtestane sifike sihambahamba futhi sifundisa lokho, nani bantu abangamaProtestane niyakugwinya. Kunjalo impela. Amahlelo nezinhlobonhlobo zemibhaphathizo, neziyalo ezehlukene nezinto enedlula kuzo, okungekho ngokoqobo emBhalweni. Kuphambene nakho, emBhalweni, nokho nizidela phansi kukho ngqo. Yiqiniso.

¹⁴³ Manje lalalani lokhu ngabashumayeli besifazane. Kulungile. UThimothewu wokuQala, ngifuna uThimothewu wokuQala 2:11. Manje lalalani ukuthi Kuthini lapha.

Abesifazane benu mabafunde ukuthula nokuthobeka konke.

Kepha angimvumeli owesifazane ukuba afundise, noma abuse phezu kwendoda, kodwa makazithulele.

¹⁴⁴ Anginacala lokukufaka lapho. Nginecala lokunitshela ukuthi kuphakathi lapho. Niyabo? Niyabo?

Abesifazane benu mabafunde ukuthula futhi abe kukho konke ukuthobeka. (Uma nake naya ebandleni loMthetho bese nibabhekisisa, niyabo. Niyabo?)

Kepha angimvumeli owesifazane ukuba afundise, noma abuse (abe ngumelusi, idikoni, noma yini enjengaleyo) phezu kwendoda, niyabo, abuse phezu kwendoda, kodwa makazithulele.

Ngokuba uAdamu wabunjwa kuqala, futhi emva kwalokho uEva.

¹⁴⁵ Benazi yini na? Manje lalelani, besifazane. Nina abahle, abesifazane abangamaKristu alungileyo niyinto enhle edlula konke uNkulunkulu abengayipha owesilisa, noma Ubengamnika okuthize okwehlukile. Yebo, mnumzane. Niyabo? Owesifazane wayengekho ngisho kokudaliweyo kwasekuqaleni. Owesifazane akasiwo umkhiqizo odaliweyo kaNkulunkulu. Ungumkhiqizo ovele kamuva wovesilisa. UNkulunkulu wamenza owesilisa, eyikho kokubili owesilisa nowesifazane. Futhi Wabehlukanisa. Futhi emva kokuba owesilisa esevele ehlale emhlabeni futhi waziqamba amagama izilwane, futhi wahlala lapha isikhathi eside, Wathatha ubambo ohlangothini luka-Adamu, njengomkhiqizo ovele kamuva, wase enza owesifazane kulo. “UAdamu wabunjwa kuqala, kwase kuthi emva kwalokho kuba nguEva.” Manje bhekisisani.

Futhi uAdamu kakhohliswanga, kepha owesifazane wathi ekhohlisiwe waphambuka.

¹⁴⁶ UNkulunkulu wathatha owesilisa. UDeveli wathatha owesifazane. Kubukeni, ngqo ebusweni, kwenziwa yini namhlanje. Bukani iBandla likaNkulunkulu langempela, lizothi, “Jesu!” Umphikukristu uzothi, “Mariya!” Bhekisisani leyomimoya. Niyabo? Nanso la ikhona. “Yethi Mariya, nina kaNkulunkulu, ubusisiwe esifazaneni, futhi sikhulekele thina zoni manje osukwini lokufa kwethu. Amen. Mariya, khuleka!” O, he, bakithi! Niyabo, nakho la niya khona, “owesifazane,” isikhonzi sikaDeveli. UKristu, into ekhonzwayo, futhi yena Yedwa! Nakho la ukhona. Nakho la ukhona.

¹⁴⁷ “UAdamu wabunjwa kuqala, futhi emva kwalokho uEva.” UAdamu kakhohliswanga. Futhi ubungaba kanjani nomelusi wesifazane, idikoni na? UAdamu kakhohliswanga, kepha owesifazane wakhohlisiwa. Wakhohlisiwa, empeleni. Akacabanganga ukuthi wayenza okungafanele, kodwa wayenza

khona. “Owesifazane wathi ekhohlisiwe waphambuka.” Ngoba, yena, ngaso sonke isikhathi uma u—umngcwabo wehla ngestradi, kwabangelwa ngowesifazane. Ngaso sonke isikhathi okukhale ngaso ingane kakhulu, kwabangelwa ngowesifazane. Ngaso sonke isikhathi uma kukhona ofile, kwabangelwa ngowesifazane. Zonke izinwele ezimpunga, kwabangelwa ngowesifazane. Yonke into, nokufa, kwabangelwa ngowesifazane. Yonke into engahambi kahle, yabangelwa ngowesifazane. Bese-ke nimbeka abe yinhloko yebandla, umelusi, o, umbhishobhi ngesinye isikhathi. Ngiyamdabukela.

148 Manje ake nginiphenyele kulo, omunye, emzuzwini nje. Niyabo? Manje asiphenye kwabaseKorinte bokuQala 14:32 lapho, bese sibona ukuthi uPawulu uthini ngapha, sizobe-ke sesiwelela kweminye futhi ngqo, emzuzwini nje. Manje-ke asifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu, nize nikhathale kakhulu ekuseni ningakwazi ukubuya. Kulungile. Ngifuna ukufunda. Bangaki okholwayo ukuthi uPawulu wayengumfundisi ophefumulelwe na? Manje, khumbulani, uPawulu waloba lokhu kuThimothewu futhi. Niyabo? Okungukuthi, manje, kwabaseKorinte bokuQala 14:32. Manje asiqale khona phakathi lapha, futhi siqale ukufunda lapha, 14:34, ngiyakholwa.

Abesifazane benu mabathule emabandleni: . . .

149 Nizwile ukuthi wathini na?

*Abesifazane benu mabathule emabandleni:
ngokuba kabavunyelwe ukuba bakhulume; kepha
mabazithobe, . . .*

150 Ninakho la kufundwa khona izahluko emphethweni kulokho na? Uma ninakho, hlehlani ngakho futhi nibone ukuthi akumthathi yini uGenesisi 3:16. Ngenkathi uNkulunkulu etshela uEva, ngenxa yokuthi wayelalele inyoka enobuqili esikhundleni sendoda yakhe, ukuthi isiyobusa phezu kwakhe zonke izinsuku zokuphila kwakhe. Angakwenza kanjani owesifazane ukuba afike abese ebusa phezu kwendoda, kungaba ngumelusi noma idikoni, ngenkathi iBhayibheli lithi “makathobe,” njengoba kwakunjalo nje ekuqaleni na? Ngenkathi Yena . . . UNkulunkulu—Nkulunkulu angeguquke. Ungeke wenza iZwi lisho into eyodwa *lapha* nenye into *ngapha*. Alikwenzi. Yinto efanayo ngaso sonke isikhathi.

151 Ngakho, ekuqaleni, yilapho, ngaphambi kokuba kuphele lokhu, uma ngithola ithuba, ngifuna ukuniquondisela lolodaba lokuthi *UMshado NeSahlukaniso*. Bengingakaze ngikwenze kulelibandla. Kodwa bhekisisani lesisivumelwano esikabili. Omunye uthi owesifazane angagana; omunye wathi bangeganane; nalona usho *lokhu, lokho*, noma *okunye*. Lindani umzuzu nje futhi nibone ukuthi iBhayibheli lithini, uma sifika kulokho. Niyabo? Kulungile. Manje bhekisisani lapha.

*Abesifazane benu mabathule emabandleni: . . .
kabavunyelwe ukuba bakhulume; kepha mabazithobe,
njengokuba usho njalo nomthetho.*

152 Manje-ke, eTestamenteni eLidala, babengavunyelwe ukukhuluma, ngoba uPawulu washo lapha ukuthi babengakhulumi. Kunjalo na? “Abesifazane benu mabathule. Kungukuthoba.” Manje uma uzokulandela ukufunda kwakho kwezahluke ezisemphethweni lapho, kuzokubuyisela kuGenesisi 3:16. Niyabo? Kulungile. “Phansi, njengaphansi komthetho.”

*Futhi uma-ke be . . . funda utho, makuthi awabo . . .
babuze—buze emadodeni abo . . . ekhaya: ngokuba
kuyihlazo ukuba owesifazane bakhulume ebandleni.*

Konje? . . .

153 Manje bukani lolophawu lombuzo kwelinye ngalinye lamaBhayibheli enu, kulokho, “Konje?” Yini eyabangela ukuba uPawulu asho lokho nokuthi akwenze kanjalo na? Manje, uma niyoke nithole izincwadi abaseKorinte abazibhalela uPawulu. Manje, ningazithola kunoma yisiphi isigcina-mabhuku esikahle, niyabo, abaseKorinte abazibhalela uPawulu. Babhala futhi bamtshela, emva kokuba laba besifazane owayesephendukile . . . Babeno—nonkulunkulu wesifazane laphaya, owayebizwa ngo “Diyana.” Futhi wayengowase-Efesu, naye. NabaseKorinte babekhonza okufanayo, ngoba kwakungukukhonza kwabahedeni. Futhi bathola idwala phandle endle ngolunye usuku, lalibukeka linomumo onjengowesifazane. Bathi, “UNkulunkulu ungowesifazane, futhi usiwisele umfanekiso wakhe.” Nethempeli labo laliphambili kakhulu kunethempeli likaSolomoni, basho njalo, osomlando. O, lonke laliyimabula, linamekwe ngegolide; lapho, ithempeli likaSolomoni lalenziwe ngomsedari, linamekwe ngegolide. Niyabo? Futhi lalingaphambili kakhulu kulo. Futhi lokho, manje-ke, uma uNkulunkulu wayengo—ngowesifazane, ngani, impela, wayengaba nabapristi besifazane. Impela, uma uNkulunkulu engowesifazane, khona-ke umshumayeli wesifazane ufanele. Kodwa, uNkulunkulu uyiNdoda. IBhayibheli lathi WayeyiNdoda, futhi UyiNdoda. Niyabo? Futhi uma uNkulunkulu wayeyiNdoda, kusho ukuthi-ke kufanele kube yindoda.

Manje qaphelani lapha, “Konje?”

154 Manje, abanye balabobapristi besifazane, ngenkathi bephenduka besuka ebuhedenini bengena ebuKristwini, babecabanga ukuthi babengasigcina isikhundla sabo njengomshumayeli, bavele bafike nje bawe. Uma babeshumayela laphaya ngoDiyana, beza ngapha futhi bashumayele ngoKristu.

155 Wathi, “Konje? IZwi likaNkulunkulu laphuma. . .” Lalelani Lokhu nje. Mfowethu, abefundisi bangakwenza kanjani lokho na? Ivesi 36.

Konje? izwi likaNkulunkulu laphuma kinina na? nokuba lafika kinina nodwa na?

Uma umuntu ethi ungumprofethi, noma ethi ungowomoya (akadingeki ngisho ukuba abe ngumprofethi; umuntu ocabanga ngokomoya nje), makaqonde ukuthi lokhu enginilobela khona kuyimiyalo yeNkosi. (Niyakukholwa lokho na?)

Kepha uma yena, uma noma ubani engazi, nje makahlale engazi.

156 Manje, lokho kusobala nje njengoba ngikwazi ukukubeka. Niyabo? Wathi, “Uma umuntu engumuntu womoya, noma umprofethi, uzoqonda ukuthi engikuloba lapha kuyimiYalo yeNkosi.” Kodwa wathi, “Uma e—uma engezukungazi, nje makahlale engazi.” Niyabo, into kuphela ongayenza. Bafuna ukuqhubeka kukho, uzofanele ubadedele nje bahambe, ngoba ukubonile kuqala lapho.

157 Nomunye wesifazane wangitshela, wathi, “O, uPawulu wayengozonda abesifazane omdala nje.”

158 Wayengesuye ozonda abesifazane. Niyazi, uPawulu wayengumphostoli, futhi eBandleni labeZizwe. Bukani lapha. Benazi yini ukuthi uPawulu. . .Bangaki okholwayo ukuthi uPawulu yilokho akushumayelayo na? Ngabe yilokho a—akusho lapha na? Futhi uPawulu wathi. . .

159 Wena uthi, “Awu, awulinde umzuzu manje, Mfowethu Branham. Umzuzu nje! Manje, umbhishobhi wethu uthi lokho kulungile. Umbonisi omkhulu, i Assemblies, ithi kulungile. Umbhishobhi we Oneness uthi kulungile.”

160 Angikhathali ukuthi bathini. Kungamanga! Futhi nginitshelile ukuthi besizokunamathisela lokhu kanzima. Nabaprofethi bamanga bayosho njalo. Ngokuba iBhayibheli lathi, “Uma umuntu ethi ungowomoya, noma umprofethi, makaqonde ukuthi lokhu engikushoyo kuyiMiyalo yeNkosi.” Futhi uma umoya wakhe ungalifakazeli leloZwi, ungumprofethi wamanga, kwasekuqaleni nje. Ngiqoka ukuba ngozonda abesifazane kunokuba ngothanda abesifazane, ukuba ngiye izinto ezinjengalezo, ukuhambisana nezinto ezinjalo eBandleni likaNkulunkulu, liphambene nezimiso zikaNkulunkulu. NoPawulu washo. . .Tholani kwabaseGalathiya 1:8. UPawulu wathi, “Uma iNgelosi evela eZulwini iyoshumayela noma yiliphi elinye ivangeli kunalelo enginishumayeze lona, mayibe ngeqalekisiweyo.” Manje nizokwenzenjani ngaLokho na?

161 Manje wena uthi, “Kuthiwani-ke ngalokho lapho Elathi, ‘Amadodana enu namadodakazi ayakuprofetha,’ kuJoweli, na—

nalapho khona uPetru acaphuna ngoSuku lwePhentekoste na?" Kunjalo impela.

¹⁶² Benazi yini, eTestamenteni eLidala, ukuthi indlela kuphela, nendlela kuphela manje, ukuthi noma ubani angangena esivumelwaneni, edlule, ngo Abrahama, kwaba nguye owanikwa isithembiso, no—nophawu lwesithembiso lwalungokusokwa. Bangaki okwaziyo lokho na? Lowo kwakunguNkulunkulu eqinisa.

¹⁶³ Njengomfowethu oyiBaptisti, wathi, "Mfowethu Branham, ngani, thina maBaptisti semukele uMoya oNgcwele."

Ngathi, "NaMthola nini na?"

Wathi, "Ngehora esakholwa ngalo."

¹⁶⁴ Ngathi, "UPawulu wathi, 'Nimamukele uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?'" Niyabo? Ngathi, "Manje, nina maBaptisti wozani nizothola okunye kwaLokho, futhi sizokhuluma ngokuvikeleka kwaPhakade nani." Ngathi, "Kodwa, awu, uKutholaphi kanjalo na?" Niyabo?

¹⁶⁵ Wathi, "NiMamukele *lokhu* nakholwayo na?" Babengamakholwa, futhi benokumemeza nokujabula nakho konke okunye. Babengakamemukeli uMoya oNgcwele. UPawulu wathi babengakamemukeli. Niyabo? "Nimamukele uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

Bathi, "Asazi nakwazi ukuba kukhona uMoya oNgcwele."

Wathi, "Kanti nabhaphathizwa kanjani na?"

¹⁶⁶ Bathi, "Sibhaphathiziwe." Kodwa, ngokwamanga, niyabo. Ngakho wadingeka ukuba aphinde abhaphathizwe, futhi. Kulungile.

¹⁶⁷ Manje qaphelani lokhu manje, ukuthi lababashumayeli besifazane, ngenkathi bengena, babecabanga ukuthi babezothatha igunya labo. Kodwa akuvunyelwe ngokoqobo nguNkulunkulu ukwenzenjalo. Futhi maku...nje sisekhona impela kulendaba lapha, lo abesifazane, niyabo. Futhi khona, manje, wathi, "Uma kuba khona umuntu phakathi kwenu, ongomoya, noma umprofethi, makaqonde ukuthi engikulobayo kuyimiYalo yeNkosi. Kepha uma engazi, nje makahlale engazi." Futhi yingakho i...lelitabernakele alimi futhi ligcobe abashumayeli besifazane, abadikoni besifazane, kumbe noma yini yokuba yenziwe ngowesifazane njengesikhundla salelibandla, yingoba lomBhalo ukubeka lapha futhi kusobala bha.

¹⁶⁸ Manje, iBhayibheli lasho, "Amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha." Manje, lichaza ukuthini igama elithi *profetha* na? Libhekeni. Kungu "kusho into ethize, phansi kokuphefumulelwa," noma "ukusho into ethize ingakenzeki." Yigama eliyinhlanganisela.

169 Njengokungcwelisa nje kuchaza uku “hlanzwa, bese kubekwa eceleni ukuba kusetshenziswe.” Niyabo? Noma, yigama eliyinhlanganisela, lichaza into engaphezu kweyodwa, njengoba sinokuningi kakhulu kwakho esiNgisini lapha.

170 Njengokuthi, sisho igama elithi “ibhodi.” Awu, belingachaza ukuthini *ibhodi* na? Wena uthi, “Awu, uchaza ukuthi ukhokhe *ibhodi* yakhe.” “Qhabo, akazange. Ubechaza ukuthi *ubhole imbobo*.” “Qhabo, akazange. Ubechaza ukuthi *umondlile*.” Noma, niyabo, igama nje, futhi ufanele wazi ukuthi ukhuluma ngani. Niyabo?

171 Futhi yingaleyondlela okuyiyo ngaleligama eliyinhlanganisela, lapho, “Amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha.” Manje, indlela kuphela uNkulunkulu . . .

172 LomBaptisti wathi, “Awu, simamukele uMoya oNgcwele.” Ngathi . . . “Manje-ke ngenkathi sikukholwa.” Ngathi . . . Manje, uyabo, wathi, “UNkulunkulu unika uAbrahama i . . .” Wathi, “UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu.” Yingaleyondlela akubeka ngayo. Wathi, “UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga.” Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Manje bhekisani ukuthi uSathane angakufaka kalula kanjani—kanjani lokho ngesinyelela kumfowethu. Niyabo, kulula nje impela. Manje, lowo ngumBhalo.

173 Mfowethu, ngiyakutshela, kulokhu phakathi phezulu lapha, ufanele ugcotshwe ngaphambi kokuba ungene kulokhu. Ufanele ungene endaweni eyimfihlo futhi ukhuleke. Abantu bathi, “Awuphumi ngani uyobona abantu na?” Mfowethu, uma uzokhuluma kubantu noma ubafundise, ufanele impela uzihlalele ube wedwa, noNkulunkulu, isikhashana, ngaphambi kokuba ungene kulelopulpiti. Impela, niyabo, ngoba uSathane unobuqili, unobuqili impela.

174 Wathi manje, qaphelani, wathi, “UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga.” Kunjalo. Wathi, “Manje, yini okunye futhi uAbrahama ayengakwenza ngaphandle kokuthi akholwe na?”

Ngathi, “Yilokho kuphela ayengakwenza.”

175 Wathi, “Yini okunye futhi ongakwenza kumbe noma ubani omunye angakwenza ngaphandle kokuthi ukholwe na?”

176 Ngathi, “Yilokho kuphela esingakwenza. Kodwa buka, mfowethu, khona-ke uNkulunkulu wabuyisana, noma wakuvuma ukukholwa kuka-Abrahama. Umnika uphawu, isibonakaliso sokusokwa, njengophawu lwesivumelwano. Niyabo? Uyamnika. Wathi, ‘Manje, Abrahama, Ngiyakuvuma ukukholwa kwakho, ngakho Ngizokunika isibonakaliso manje ukuthi Ngikwamukele.’”

¹⁷⁷ Ngakho wamsoka uAbrahama, nalolo kwakuluphawu lwesivumelwano. Namanje kulolusuku...Manje, owesifazane wayengeke abe kulesosivumelwano; kuphela owesifazane oganileyo. Thola, wayengeke asoka isifazane; ngakho, babefanele bangene, ngakho yena nendoda yakhe bamunye. Abasebabili; bamunye. Bangaki okwaziyo lokho na? UmBhalo usho njalo. Ngakho, yena engoganileyo, manje-ke u—uba munye. Futhi qhubekani nehlele lapha futhi nibheke ngapha kuThimothewu, washo into efanayo, wathi, “Manje nokho uyakusindiswa ngokuzala abantwana, uma ehlala ekukholweni nasebungweleni kanye nokuqonda konke.”

¹⁷⁸ Manje, kodwa, manje-ke, ukusoka kwaseTestamenteni eLidala kwakusenyameni, kodwa kuleliTestamente eLisha, uJoweli wathi, “Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama, namadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha.” Manje, igama elithi *profetha* alichazi khona ukuthi fundisa. Ukuthi *profetha* kuchaza phakathi kokuthi “yisho ngokwehlakele, uphansi kokuphefumulelwa,” noma “ukusho into ethize ingakenzeki ezokwenzeka.” Futhi siyazi ukuthi kwakukhona abaprofethikazi eTestamenteni eLidala. Babengakhulumi neze kuzwakale endlini, bakhulume kuzwakale ebandleni, enhlanganweni, njengothisha. Kodwa owesifazane, uAna, nabaningi babo ethempelini, babengabaprofethikazi, futhi babeyibo...UMiriyamu wayengumprofethikazi, noma into efana naleyo. WayenoMoya phezu kwakhe, yiqiniso lelo, kodwa wayenendawo yakhe enemikhawuko. Abesifazane bangaba ngabaprofethikazi namhlanje, ngokoqobo; kodwa bangabi ngabafundisayo, kanjalonjalo, emva komsamo lapha. Uma nikwenza, nenza—nenza iBhayibheli Liziphikise. IBhayibheli ngeke lasho into eyodwa *lapha*, nenye into *ngapha*. Lifanele lisho into efanayo ngasosonke isikhathi kungenjalo Alisilo iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Ngakho, “Amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha,” kuchaza ukuthi ayoba phakathi kokuthi “asho kungakenzeki” noma “afakaze.” Manje, kubhekeni lokho, futhi nithathe isichazamazwi seBhayibheli futhi nibone ukuthi lokho akuqinisele yini. “Amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha.”

¹⁷⁹ Manje, iBhayibheli futhi likhuluma ngowesifazane owazenzisa, ngakho, noma wazisho ukuthi u...Lokhu kuzosebenzela bobabili ibandla eliKatolika, kanti kusebenze futhi nange...ngalendaba esizokhuluma ngayo manje. Asiphenye ngale eNcwadini ye—yeZambulo, futhi asithole cishe i—isahluko 2 nevesi 20, nje sisekhona lapha eduze kwakho, ukuze niqaphele lapha futhi nje nibone ukuthi leyonto ingaba nobudeveli kanjani, ngokukhuluma kulezizinsuku zokugcina ngokuthi kuzokwenzekani, ukuthi bakanjani laba...ukuthi uyoba njani lona wesifazane. Khumbulani, ibandla eliKatolika

lingowesifazane. Sikufundile nje, asikufundanga na? Lalelani lokhu manje, ukuthi Lisho kanjani. ISambulo 2:20, “Manje nokho...” Ukhuluma kulelibandla laseThiyathira, niyabo, “Manje nokho...” Okuyibandla lonyaka ophakathi nendawo lapho, wedlula emiNyakeni yobuMnyama.

Manje kepha *nginalokhu ngawe, ukuthi uvumela lowo owesifazane uJezebeli, ozisho ukuthi ungumprofethikazi, afundise futhi...adukise izinceku zami futhi zifebe, futhi zidle okuhlatshelwe izithombe.* (Niyabo?)

¹⁸⁰ Manje, uma nake naqaphela, bhekisisani leminyaka yebandla, sizobe sesivala-ke. Bese kuthi-ke ekuseni sizocosha lezi ezinye izinto. Bhekisisani. E...Phansi kwe—kwezinti zezibani zegolide zetabernakele lamaJuda, ngaphakathi, kwezinkwa zokubukwa kanjalonjalo, kwakukhona izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide. Nonke niyakwazi lokho. Niyabo? Kukhona iminyaka yebandla eyisikhombisa. Lokho kukhuluma ngeminyaka yebandla eyisikhombisa, ukukhanya. Manje uma niqaphela eZambulweni 1, sithola uJesu emi eminyakeni yebandla eyisikhombisa, izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, ngenkathi ephenduka futhi ebona Oyedwa ofana neNdodana yomuntu, emi, embethe ngokuthi kwakukanjani. KwakunguMlobokazi emi ezintini zezibani, zikhishiwe.

¹⁸¹ Manje, iTestamente eLidala, babethatha i...lesisibani esisodwa, bese besokhela, bathathe esinye isibani bese besokhela kuleso, bokhele lesiya, esinye kwesinye, kanjalo, baze benze zonke izinti zezibani eziyisikhombisa.

¹⁸² Uma nizoqaphela, ekuqaleni, ngenkathi uNkulunkulu eqala ukusebenzana namaJuda, futhi edlula onyakeni wegolide. Kwase kuba-ke ngunyaka omnyama kunawo wonke wokusebenzana namaJuda, uNkulunkulu wayekade eneJuda, kwakusekubuseni kuka-Ahabi. Futhi uma nizoqaphela, ufunda leyominyaka yebandla lapho, Ubuyela ngqo kukho futhi. Wathi, manje, “Izinto ezimbalwa ngokwedlule,” futhi wathi... Manje, khona impela kulowoNyaka wobuMnyama, iminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu lapho, noma esikhathini sika-Ahabi, kuqala, namaJuda. Unyaka omnyama kunawo wonke ababenawo, ngenkathi uAhabi eganwa nguJezebeli futhi wangenisa ukukhonza izithombe kwaIsrayeli, futhi wenza bonke abantu ukuba bakhonze emva kuka-Ahabi...emva kukankulunkulu kaJezebeli. Niyakhumbula, bathatha, bamisa izixhobo zemithi, base bediliza ama altare kaNkulunkulu. NoElisha wakhala kakhulu, waye “nguyena kuphela,” noNkulunkulu wayenamakhulu ayisikhombisa ayengakaguqi neze ngedolo lawo kuBalimi. Niyakukhumbula lokho na? Lowo

yilowomfanekiso waleloBandla elikhethiwe liphuma. Niyabona lapho na? Niyabona ukuthi kunjani na?

¹⁸³ Manje, kulelibandla, uma nizoqaphela ibandla lokuqala, ibandla lokuqala, ibandla lase-Efesu, laliyibandla elikhulu. Wathi, “Usenakho ukukhanya, namanje.” Futhi uma niqaphela, ibandla ngalinye, liqala ukuba lufifi, liba lufifi, liba lufifi, laze langena eThiyathira. Kwase-ke, iminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu. Bese-ke kuphumela kwelinye icala, “Futhi nje unokukhanya okuncane. Qinisa lokho onakho, funa uthi lwakho lwesibani lususwe.” Futhi kwehle njalo ngaleyonkathi kuya onyakeni wabandla laseFiladelfiya, bese-ke kungena onyakeni webandla laseLawodikeya.

¹⁸⁴ Manje, nabu ubuhle. O, he! Ngiyakuthanda nje lokhu, Mfowethu Smith. Niyabo, bukani lokhu. Manje, kulonyaka webandla, njengoba sedlule... Manje bhekisisani lokhu. Unyaka wokuqala webandla wawuyi-Efesu, unyaka webandla lase-Efesu. Manje, ngamunye waleyominyaka yebandla, kwaze kwafika kuleminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu, uma nizoqaphela... Kufundeni manje uma seniya ekhaya kulobubusuku, uma ninesikhathi, noma kusesekuseni ekuseni, ngaphambi kokuba nize enkonzweni, esahlukweni 1, 2, nese 3 seSambulo. Nizothola, ngamunye waleyominyaka yebandla, Wathi, “Unamandla amancane, futhi kawuliphikanga iGama laMi,” waze Wafika kulo iminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu yaseThiyathira, uNyaka wobuMnyama. Bese-ke Ephumela kwelinye icala, wayesethi.

... unegama lokuthi uyaphila, kodwa ufile.

¹⁸⁵ Nalena, akukho nalinye laleminyaka yebandla eminye, lowo noma unyaka webandla leseFiladelfiya, abazange besalicosha leloGama futhi. Abazange balithole leloGama, ngoba laphuma ngalesisikhathi. Manje, o, ukuthi besingakwendlalela kanjani lokho izifundiso zamanga manje, khona phakathi lapho, nginikhombise ukuthi ngunina, ibandla eliKatolika, unina wakho konke okwakho, ukuthi likanjani ngu “nina, imfihlakalo, iBabiloni.” Futhi lokho ngukuthi, bukani, lonyaka webandla lapha ngenkathi liphuma, lalinokukhanya okuncane, lase-ke liya ngokuba lufifi, lufifi, lase-ke lingena enhlanganweni emuva lapha, leminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu. Futhi liyaphuma manje, hhayi njengeBandla leNkosi uJesu Kristu, kodwa njengebandla eliKatolika. Waphuma nani uLuther na? Njengebandla lamaLuthela. Yaphuma nani iBaptisti na? Njengebandla lamaBaptisti. Hhayi iGama laKhe, hhayi iGama laKhe; elinye igama, “unegama.” “Ngokuba alikho elinye igama elinikeziwe phansi kweZulu eningasindiswa ngalo, kuphela iGama likaJesu Kristu.” “Unegama lokuthi uyaphila, kodwa ufile,” lokho kunalelohlelo.

¹⁸⁶ “O, ngiyiPresbyterian,” futhi ufile! “O, ngiyiBaptisti,” futhi ufile! Uphila kuphela uma ufika uphile kuKristu Jesu. Kunjalo. Imibhaphathizo yenu yamanga, amanzi, umbhaphathizo wamanga; ukufafaza, ukuthelwa, esikhundleni sokucwilisa; nisebenzisa “uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” esikhundleni seGama leNkosi uJesu Kristu. Zonke lezozinto zamanga ziza zehla ngqo, iBhayibheli likhuluma, njengokukuthululela kukho nje kakhulu ngamandla akho onke. Futhi lapha siyababekezelela sihambisane nabo ngqo, “Awu, ibandla lami liLikholwa *kanje*.” Kodwa iBhayibheli lisho *Lokhu*. Niyabo? Azikho izinto ezinjalo. Ayikho into enjalo.

¹⁸⁷ Futhi akukho-ndawo eBhayibhelini abake bakhhipha ulimi lwabo base bethatha isidlo esingcwele iYukharisti, nompristi aphuze iwayini bese ekubiza ngoMoya oNgcwele. Abazange eBhayibhelini bake baxhawulane bese benikeza isandla sokudla senhlanganyelo, bese bekubiza ngoMoya oNgcwele. Akuzange kubebikho noma yimuphi umuntu osukumayo bese ethi, “Manje ngiyikholwa,” wase emukela uMoya oNgcwele. Uma kwakwenza, nansi indlela iZenzo 2 ebeziyofundeka ngayo, “Futhi kwathi uSuku lwePhentekoste selufike ngokugcwele, nakhu kuza umpristi wamaRoma ezansi nomgwaqo, futhi wayebhekise ukhololo wakhe emuva. Uyakhuphuka, wayesethi, ‘Nonke khiphani ulimi lwenu manje bese nithatha isidlo esingcwele iYukharisti, isidlo sokuqala.’” Bekungeke yini leyo kwaba yindlela ethize yokufunda iZenzo 2 na?

¹⁸⁸ Awu, nina maProtestane nibabi kanjalo nani. Niyabuya lapho bese nithi, “Manje sizokwenyukela kini maMethodisti, sibabeke ngakwesokudla, sibanikeze isandla sokudla senhlanganyelo, nezinyanga eziyisithupha zokuvivinyelwa umsebenzi.” Nikufundaphi lokho eZenzweni 2 na? Niyabo? Nikutholaphi lokho na? Niyabo?

¹⁸⁹ Lathi, “Kwathi bonke besandaweni eyodwa, benhliziyonye!” Akuzange kukhuphuke-mbhishobhi futhi wenza *lokhu*, futhi akuzange kukhuphuke-mpristi wase enza *lokhu*. “Kodwa kwavela eZulwini inhloko kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla, futhi Yona yagwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo.” Nanso indlela abaMemukela ngayo, yebo, mnumzane, njengokuvunguza komoya onamandla uvela eNkazimulweni. Hhayi enhla nomgwaqo noma kwelinye ihlelo.

. . . *uegama lokuthi uyaphila*, kodwa *ufile*.

¹⁹⁰ Niyabo, izivumokholo zenu namahlelo kuvimbele uNkulunkulu kude kanjalo, kwaze kwathi, “Sikholwa yi *lokhu*, futhi sikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedule.” Ngumprofethi wamanga osho lokho. Ngumprofethi wamanga onitshela, ukuthi, “Ningaxhawulana bese nemukela uMoya oNgcwele.” Ngumprofethi wamanga onitshela ukuthi, “Nemukela uMoya oNgcwele mhla nikholwa.” Ngumprofethi

wamanga onitshela ukuthi, “Nifanele nithelwe futhi nifafazwe esikhundleni sokubhaphathiza.” Ngumprofethi wamanga onitshela ukuba “Nibhaphathizwe eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” kube kungekho-mBhalo wakho eBhayibhelini. Kunjalo. Akukho-mBhalo eBhayibhelini onitshela ukuba nibhaphathizwe, lapho kukhona noma ubani owake wabhaphathizwa, kuphela eGameni likaJesu Kristu. Kuphela, abafundi bakaJohane; futhi babedingeka ukuba beze, baphinde babhaphathizwe, eGameni leNkosi uJesu Kristu, ukuba bathole uMoya oNgcwele. Kunjalo. Manje, leyo akusiyo imfundiso yeJesus Only. Ngiyayazi imfundiso yeJesus Only. Akusiyo leyo. Leyo nje yiMfundiso yeBhayibheli. Kunjalo.

¹⁹¹ Kodwa nakho lapho okhona. Nenzani ngayo na? Nango unina wenu. Nango unina walezozivumokholo.

¹⁹² Manje, nibheka emuva ngqo eBhayibhelini futhi ningitshela lapho khona noma ubani owake wafafazwa. IMethodisti, iPresbyterian, iKatolika, ngitsheleni lapho umuntu oyedwa owake wafafazwa khona, eBhayibhelini. Ngitsheleni lapho oyedwa owake wathelwa khona, eBhayibhelini, kukho ukuthethelelwa kwesono. Kushoni. Ningakuthola na? Uma nikuthola, wozani kimi, futhi ngizohamba ngehle ngalesistradi nesayini emhlane wami, futhi ithi, “Umprofethi wamanga! Bengisephutheni.” Noma, tholani indawo eyodwa kulolonke iBhayibheli lapho khona noma ubani ake abhaphathizwa eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, indlela amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili enu abhaphathizwe ngayo. Ngitholeleni umBhalo owodwa lapho khona noma ubani ake abhaphathizwa ngaleyondlela, futhi ngizobeka isayini emhlane wami, “umprofethi wamanga,” bese ngehla ngomgwaqo nayo *kanje*. Futhi ngikhombiseni lapho khona noma ubani ake abhaphathizwa, eBandleni elisha, ongadingekanga ukuthi afike futhi aphinde abhaphathizwe futhi, e...hhayi egameni lika “Jesu” yedwa, kodwa eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu. Kunjalo. Bonani ukuthi lokho akunjalo yini.

¹⁹³ Futhi, lapha, kuyini na? Wayengunina wezifebe. Yini eyamenza abe yisifebe na? Yini eyamenza abe yisifebekazi na? Imfundiso yakhe! Yini eyazenza zibe yisifebe na? Imfundiso yakhe!

¹⁹⁴ Futhi yingalesosizathu singabekezelelani namahlelo azo nemfundiso engaphikiswa yazo. Sihlala sihlanzekile naleliBhayibheli. Angazi ukuthi niLiphila kahle kanjani, kodwa niyaLifundiswa, noma kunjalo. Kunjalo. Lokho kukini. Ngeke nganenza ukuba niLiphile. Nginganitshela kuphela ukuthi liyini iQiniso. Kungakho singesilo ihlelo. Benginge—ngefune ukuba sizone thina ukuba singene ezintweni ezinjengalokho, bese sizidela phansi kolunye uhlobo lombhedesho. Ngingaqoka

ukuthatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Ngingaqoka ukuhlala ngihlanzekile futhi ngimsulwa phambi kweZwi noNkulunkulu, futhi ngime lapho futhi ngithi, “Akukho-gazi-lamuntu engutsheni yami.” Kungakho sihlala eTabernakele likaBranham. Kungakho singesiyo iAssemblies. Kungakho singesiyo iOneness. Kungakho singesiyo iJesus Only. Kungakho singesiyo iMethodisti. Kungakho singesiyo iBaptisti. Yitabernakele e—elincane nje lapha. Asinahlalo nhlolo. Sikhululekile, kuKristu. Kungakho sihlala ngendlela esenza ngayo. NoNkulunkulu usibusisile, uNkulunkulu esisiza.

¹⁹⁵ Manje, singanitshela ukuthi kungani sithatha isidlo, sinitshele ukuthi kungani sithatha ukugezana izinyawo, kungani singenakuwavumela amalunga ukuba asithathe uma sazi ukuthi asesonweni. Kungakho, kuleli amaviki amabili noma amathathu edlule, bengisuka elungeni elilodwa ngiya kwelinye, lapho ebeninokuqophisana kwenu okuncane macala onke, futhi. Ngihambahamba, omunye engakhulumisani nomunye, futhi bedlulane emgwaqeni futhi uphendule ikhanda lakho. Ngiyakudabukela wena, othathe isitsha sikaNkulunkulu esibusisiweyo wanqamula kulokhu, ialtare lapha, futhi ebiza nina bafowethu nodadewethu, bese-ke nishaye ucingo futhi nithilileka ngomunye nomunye. Anifanele ukubizwa ngamaKristu uma niyileyondlela. Kunjalo. Sukani kulezozingcingo; uma ningenakukhuluma okuhle ngomunye umuntu, ningakhulumi nhlobo. Khumbulani, uNkulunkulu uzonethwesa icala. Inqobo nje uma lolohlobo lomoya lusekini, niyazi ukuthi anilungile kuNkulunkulu. Uma ningazizweli . . .

¹⁹⁶ Uma umuntu esephutheni, hamba uye kuye futhi nibuyisane. Uma ningenakubuyisana, thatha omunye kanye nawe. Akumangalisi uNkulunkulu engenakuliqondisa izigwegwe iBandla laKhe, ngoba anikwenzi ngokuyikho. Esikhundleni sokushaya ucingo futhi nikhuluma ngalona, ukuthi kwenzekeni, nezinkoloze ezincane kanjalonjalo, ngokuzungeza kanjalo. Esikhundleni sokwenza lokho, anenzi ngani okushiwo yiBhayibheli na? Uma omunye umfowethu eficwe esephutheni, hamba uye kuye futhi ubone ukuthi ungethole yini ukuthi ubuyisane naye. “Awu, manje, ukwenze kimi!” Angikhathali ukuthi wenzeni, hamba uye kuye noma kunjalo! Alishongo ukuthi akeze kuwe. Wena hamba uye kuye uma esephutheni. Wena uthi, “Awu, uyena obesephutheni. Ubefanele eze kimi.” Lokho akusikho okwashiwo yiBhayibheli. IBhayibheli lathi akuhambe wena uye kuye. Uma esephutheni, hamba uye kuye.

¹⁹⁷ Bese kuthi-ke uma engayikukulalela, bese uthatha omunye abe kanye nawe, njengofakazi.

¹⁹⁸ Bese kuthi-ke uma engenakumbona lowofakazi, bese uthi, “Manje ngizothatha umelusi wakho.” Bese

uyamtshela, uthi, “Ngizokutshela ibandla, futhi ezinsukwini ezingamashumi amathathu kusukela manje, uma nina bazalwane ningakakulungisi lokho. . . Lomfowethu lapha uyavuma ukuba nokubuyisana. Ungeke ukwenze. Futhi uma ungenakukulungisa lokho phakathi kwezinsuku ezingamashumi amathathu, manje-ke yini okuzokwenzeka na? Awusesuye omunye wethu.”

¹⁹⁹ IBhayibheli lathi, “Uma engayikulizwa ibandla, khona-ke makabe kuwe njengowezizwe nomthelisi.” Niyabo, inqobo nje uma umzalwane ephansi kwalokho kuvikelwa yibandla, iGazi likaKristu liyamvikela. Yingalesosizathu singalitholi ibandla lingayi phambili ngendlela elenza ngayo. Manje, kulungile, *Lena* yiMfundiso yamaBap- . . . yebandla lamaBaptisti, noma yeTabernakele likaBranham lapha, uma uzokwenza. Niyabo, yini kunga . . .

²⁰⁰ Ufika lapha, uthi, isibonelo nje, amadoda amabili, asithi uLeo nami. Ungaba nami. . . Bese ngithi, “Awu, we—wenze iphutha kimi.” Lokho akwenzi mehluko. Ngifanele ngiye kuye. Awu, uyilunga lalelibandla. U—usephenduke waba ngumKristu. Uthatha isidlo lapha kulayini kanye nami. Futhi sibhaphathizwe eGameni leNkosi uJesus. Sahamba saqonda, njengabazalwane, phambi komunye nomunye, bese kuba khona okwenzekayo.

²⁰¹ Akusuye umuntu. Amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye esikhathi kusuke kunguDeveli engene phakathi kwabantu. Akusibo abantu. NguDeveli. Futhi inqobo nje uma uvumela uDeveli enza lokho, wena ulimaza umfowenu. Kunjalo.

²⁰² Awu, kukhona okungalungile kuLeo nami; asihambe sikulungise. Futhi uma ubona ukuthi kukhona okukhona, kungumsebenzi wakho ukuba uze kithi, bese uthi, “Nobabili bafana wozani lapha futhi nihlangane. Sizoyiqondisa lento.” Manje, kuthi-ke, uma efika lapho, bese lapho kutholakalake, ukuthi-ke, silapha. Ngithi, “Awu, into yokuqala, uma si—singenakuvumelana, bese-ke uza ebandleni kanjalo.”

²⁰³ Bese kuthi-ke uma—uma inqobo nje ungenzi lutho ngakho, nakuba, iGazi likaJesusu Kristu lisivikela sobabili. Niyabo? Kodwa-ke lowo—lowomdlavuza omdala uzoqala omunye umdlavuza, nayo yonke into izogula, ndawo zonke, lonke ibandla. Bese-ke ufika endaweni ongena ngayo ebandleni, futhi nje ubanda hleke, uzofanele ube nomlindimnyango ukuba eze abhidlize imijobuluka ka-ayisi, ngaphambi kokuba inhlango yebandla ikwazi ukungena. Manje, niyazi ukuthi lokho kuqinisele. Futhi kubanda! Umuntu ahlale ngapho, niyazi, futhi nje angasho lutho. “Awu, sasivamise ukuba semoyeni kakhulu.” Awu, kwenzekani na? Benigijima kahle, kwenzenjani na? Niyabo,

isono sakho siyakwehlukanisa. NoNkulunkulu uzonibeka icala ngakho, bazalwane. Manje ngizoyiqondisa lento.

²⁰⁴ Ayikho into eyiphutha kimi, ayikho into eyiphutha kuLeo; nguDeveli ongene phakathi kwethu. Kunjalo. Iqondise into. Hamba uye kuye. Khona-ke uma engayikulalela, noma mina ngingayikulalela, noma ngabe kungayiphi indlela, khona-ke kutshele ibandla. Uma engezi abuyisane nalelobandla ezinsukwini ezingamashumi amathathu, khona-ke uyakhishwa phansi kokuvikelwa nguJesus. Siyamdedela. Kunjalo impela. Khona-ke nibhekisise ukuthi kwenzekani. Dedelani uNkulunkulu kube nguye-ke oqondisa izigwegwe. Usususe izandla zakho. Wenze konke obungakwenza. Manje-ke dedela uNkulunkulu abe naye kancanyanyana; Uzomnikela kuDeveli. Uyoza-ke. Uma engezi, impilo yakhe iwubude obufishane nje.

²⁰⁵ Niyakhumbula eBhayibhelini, lapho okwakukhona umzalwane owayengahambi kahle kuNkulunkulu na? Bangaki olukhumbulayo udaba na? Wayehlala nosinganina, futhi behluleka ukumqondisa. UPawulu wathi, “Mnikeleni kuDeveli, kukho ukubhujiswa.” Niyathola, kwabaseKorinte besiBili, wathola ukuqondiswa.

²⁰⁶ Nginomfowethu, umngane omuhle, ngiyathanda lapha ukubiza igama lakhe, umfowethu ongumshumayeli. Nalomfowethu ongumshumayeli, igama lakhe nguMfowethu Rasmussen. Abaningi benu befundisi enihlezi lapha, kulobubusuku, igama lakhe lisemaphepheni enu. Kuyilokho okungakhethi-hlelo kwaseChicago. Futhi bukani. Wayenomfana, umfundisi, futhi wahamba futhi washada nentombazane eyiKatolika, futhi waqala ukusuka kanjalo. Futhi babezokwenza *lokhu, lokho, nokunye*, na—nakho konke okunye; wangena enkathazweni. Noyise waya kuye, wathi, “Manje buka, ndodana, uzobuyisana na?”

Wathi, “Babayi . . .”

Wabiza ibandla labo ngesigejane sabagingqiki abangcwele, uyise. Wathi, “Manje, buka, uzoyiqondisa leyonto nalelibandla na?”

²⁰⁷ Wathi, “Manje, babayi, ungubabayi wami, futhi angifuni ukungena kunoma yiyiphi inkathazo nawe.” Kulungile.

²⁰⁸ Wahamba wayeselanda omunye wabadikoni wase ehlela endlini yakhe. Wathi—wathi, “Wesley, ngifuna ukukhuluma nawe.” Wathi, “Uzoyiqondisa lento nebandla na?” Futhi umnika impendulo embili emfishane kanjalo. Wathi, “Khumbula, Wesley, ngingumelusi walelobandla. Ngingubabayi wakho, kodwa ngizokwenza lokho uNkulunkulu athi akwenziwe. Ngikunika izinsuku ezingamashumi amathathu ukuba ulungise lokho nalelobandla, kungenjalo sizokuxosha ebandleni eBukhoneni bukaNkulunkulu. Uyindodana yami uqobo; lowo nguMsindisi wami.” Wathi, “Ngiyakuthanda. Futhi uyazi ukuthi

ngiyakuthanda, Wesley. Ngingakufela khona manje. Kodwa ufanele ufike uqonde eZwini likaNkulunkulu. Uyabo?” Wathi, “Ngingumelusi. Ngingumelusi wezimvu walowomhlambi. Uma wena ungumntanami, kumbe noma ngabe ungubani, ufanele uhambisane neZwi likaNkulunkulu. Uma ungakwenzi, khona-ke angifanele ukuba ngumelusi waKhe wezimvu.”

²⁰⁹ Mfana, ngumelusi lowo. Indoda leyo. Anicabangi kanjalo na? Yindoda leyo. Watshela umfana wakhe lokho, “Futhi wamlimaza,” washo. Kodwa wathi, “Ini? Ubani ozomlimaza, umuntu, noma ulimaze uMsindisi wakho na? Ngakho,” wathi, “sase siqhubeka-ke.” Wayesethi, “Akakwenzanga. Futhi si... Ngatshela ibandla.”

²¹⁰ Wathi, “Indodana yami uqobo, uWesley, uyenqaba ukungizwa, kuloludaba. Uyenqaba ukuzwa idikoni. Futhi ungunyakazi walokhu, Mfowethu *S'bani-S'bani?*” “Yebo, nginguye.” “Kulungile. Ngelesishiyagalombili nqo, ngeSonto elizayo, amaviki amane kusukela manje, uma engakakulungisi lokho nalelibandla, sinikela uWesley, indodana yami, kuDeveli, kukho ukubhubha kwenyama. IGazi laKhe, iGazi lika... likaJesu Kristu, nalelibandla, alisamvikele.”

²¹¹ Nalobobusuku buyafika. Wama epulpiti, wathi, “Usalelwe ngeminye imizuzu emibili.” Isikhathi siyafika. Wathi, “Manje, njengendodana yami, uWesley Rasmussen, ngasho kulenhlango yebandla, kuWe, Nkulunkulu uSomandla. Senze konke esingakwenza, ngokwamaZwi aKho nezinyalo zeNdodana yaKho—yaKho, uMsindisi wethu, usishiyile. Thina manje, nginikela umfana wami, sinalelibandla kanye nami, ngale ekubhujis-...kuDeveli, kukho ukubhubha kwenyama yakhe, ukuze umphefumulo wakhe usindiswe.” Yilokho kuphela okwashiwoyo. Akuqhubekanga lutho, okweviki noma amabili, kumbe inyanga noma ezimbili.

²¹² Ngobunye ubusuku, uWesley omdala wagula. Futhi lapho esegula, waqhubeka elokhu egula. Wabiza udokotela. Udokotela uyenyuka wase emhlola. Wayenemfiva eyikhulu nanhlanu. Akatholanga sizathu sayo. Lokhu eya ngokugula nje. Udokotela wathi, “Mfana, angazi ukuthi kwenzekeni kuwe.” Wayengazi ukuthi uzokwenzajani. Wathi, “Sizobiza udokotela oyisipesheli.” Babiza udokotela oyisipesheli, nodokotela oyisipesheli uyangana lapho. Bamwezela esibhedlela, bamhlola, konke okunye. Wayesethi, “Ngeke nje ngakutshela. Umfana nje—nje ubukeka enokubulalanayo.” Umkakhe emi lapho, ekhala, yonke into kanjalo. Nabantwana bemi bezungeze umbhede nandawozonke kanjalo. Wathi, “Uyamuka. Yilokho kuphela.” Wathi, “Ukugquma komthambo wakhe nokuphefumula, kulokhu kwehla nje ngasonke isikhathi.”

²¹³ Wathi, “Bizani ubabayi.” O, yebo. Yileyondlela yokukwenza. Yilokho-ke. “Bizani ubabayi.” Nobabayi wakhe waphuma

wagijimela lapho esibhedlela, ngokukhulu ukushesha, ukuyombona. Wathi, “Babayi, ngingeke manje, kodwa uNkulunkulu uyawezwa amazwi ami. Ngizolungisa yonke into. Ngizokulungisa. Yebo, ngizokulungisa.” Yebo, mnumzane, mfowethu. Ngaso lesosikhathi ukuphefumula kwakhe kuqala ukubuya kube ngokwejoyelekile.

²¹⁴ Futhi ngeSonto elilandelayo, wayephezulu phambi kwebandla. Wathi, “Ngonile phambi kukaNkulunkulu, ebukhoni balelibandla. Ngenqaba ukuzwa amazwi omelusi. Nge—ngenqaba ukuzwa idikoni lapha.” Wayesethi, “Ngicela lelibandla ukuba lingithethelele ngobubi engibenze kanjalo.” Wathi, “UNkulunkulu usindise impilo yami.” Nginyanitshela, waqonda ngqo. Ya. Kufanele wenze njalo-ke, niyabo. Niyabo? Wena, uma nje uzokwenza ngendlela kaNkulunkulu! Niyabo?

²¹⁵ Manje, niyabo, indlela esenza ngayo, sinomhlangano webhodi, futhi sithi, “Awu, manje, singagcina...” Angisho lona itabernakele, kodwa ngiqonde thina bantu abangamaProtestane. Sinomhlangano webhodi, futhi, “Nicabangani ngoJones? Nicabanga ukuthi angaba yilunga elihle kabi kwiMethodisti kunoma enza kithi.” Nakho lapho okhona. Lokho, yiphutha lelo. Yingalesosizathu singadingi ukulandela amasiko abo; nombhishobhi othize, esifanele simbize, ilunga omunye... Nimbiza ngokuthini, indoda yesifunda kulelibandla lePentecostal na? Igosa lesifunda, ibizwe ukuba izobona ukuziphatha kwalendoda.

²¹⁶ IBhayibheli liyasitshela ukuthi asenzi. Yingalesosizathu singazenzi izithutha ngamahlelo abo. Sihlala sikhululekile kuleyonto. Amen. Anihlanyi ngami, ninjalo na? Ningakwenzi. Kulungile. Mhlampe ngizothola eminye imibuzo emihle kabi kusasa ebusuku. Kodwa, awu, kunjalo. Niyabo? Khumbulani. Yazini...

²¹⁷ Ngisho lokhu manje. Nina bantu olapha enivela emabandleni amahlelo ehlukeni, ihlelo lenu, futhi, mfowethu, angisho ukuthi awusuye umKristu. Angisho ukuthi ihlelo lenu alisizo izinkulungwane zamaKristu athandekayo phakathi lapho. Ngizama ukusho ukuthi isizathu sokuba singesilo ihlelo. Isizathu, ngeke nje ngakumela lokho. Qhabo, mnumzane. Impela bencingeke. Bazama ukunitshela ukuthi yenzani ini. Uma uNkulunkulu angibizela ukuba ngishumayeke iVangeli, manje-ke ngiLishumayela ngendlela uNkulunkulu angitshela ukuba ngikwenze ngayo. Leyo nje yiyo impela, indlela okubhalwe ngayo lapha kuleliBhayibheli. Kungaqondani naLokhu, khonake kuyilokho oku... UNkulunkulu uzongehlulela ngakho. Kodwa uma ngi—uma ngi—uma ngibona impisi iza, noma isitha siza, futhi ngehluleke ukubeluleka, khona-ke uNkulunkulu

ukubiza kimi. Kodwa uma nginexwayisa, khona-ke kukini-ke. Niyabo?

²¹⁸ Khumbulani, “Lapho ngezinsuku zokugcina, ukuthi izikhathi ezinengozi kakhulu ziyofika, abantu bayoba ngabazithandayo, abaqhoshayo, abazidlayo, abahlambalazayo.” Niyabo, abahlambalazayo, “O, bona bayisigejane seziphukuphuku. Izinsuku zezimangaliso sezedlule. Ayikho into enjalo.” Ungumprofethi wamanga omdala. “Manje, siyazi ukuthi abesifazane bakithi unomqondo ophusile impela nje njengabesilisa bakithi.” Angikuphikisi nakancu lokho, kodwa iBhayibheli likaNkulunkulu lathi angasondeli epulpiti. Lokho—lokho kunganele du, niyabo. Lokho kuqinisile. Kulungile. Niyabo?

Futhi bathi, “Awu, manje, amahlelo ethu, sinabo nje nathi abantu abaningi abanomoya omuhle njengoba nawe unabo laphaya etabernakele.” Angikusho nakancu lokho, kodwa iBhayibheli liyawagxeka amahlelo. Kunjalo. Futhi, ngakho, angisho ukuthi aninawo amalunga amahle ebandleni lenu. Lokho kuhle kakhulu. Bangabantu abahle. Abanye babantu abahle kakhulu, ngidibana nabo kubobonke, amaKatolika nabo bonke kuze kuyophuma le. Bonke, ngidibana namalunga amahle.

²¹⁹ Manje, indlela esizoletha ngayo lokhu manje, bangane, uma iNkosi ithanda, kulokhu ukutadisha okuthi akube kubili okuzayo, mhlawumbe... Ngizonazisa kusasa ekuseni ukuthi sidingeka sigijime yini kusasa ntambama noma qha, niyabo, ukukukhipha. Isizathu sokuba sizame ukukwenza, ngifuna ukukwehlisela endawaneni manje. Manje, uma kukhona ofuna ukumletha, wemukeleke ngokuphelele ukuba ukwenze. Kodwa khumbulani manje, ninga—ningahambi futhi nizama ukuthola iphutha. Niza lapha... Ngikhuluma nenhlangano yebandla lami—lami nje, niyabo. Angikufundisi lokhu ngaphandle kwenhlangano yebandla lami lapha, ngoba lowo ngumsebenzi weny’indoda. Ukuthi, ingumelusi wezimvu yalowomhlambi. Futhi—futhi nje ngiyi... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²²⁰ Sibuyele ngqo kuGenesisi, uyokudonsa kwedlule ngqo, bese ebona ukuthi kukuphi. Manje sibuyela emuva kuGenesisi, ukuba sithole ukuthi kungani umntwana ozalwe ngaphandle komshado wayengangeni enhlanganweni yebandla leNkosi esizukulwaneni seshumi nane. Ukuthi kuthatha kanjani... Lokho bekuyoba yiminyaka engamakhulu amane ukuba lesosono siphume. Ukuthi sizothola kanjani ukuthi u—ukungalungi kwabazali kuhanjelwa kanjani kubantwana nabantwana, ukuthi kwaqala kanjani lokho kuGenesisi, kanjalonjalo.

²²¹ Futhi ni... khona-ke nizobona ukuthi kukanjani lokho, kuhamba kuya emuva le, ukuthi uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngaphambi kokuba iatomu elilodwa

lize lisakazeke, emuva lapho ngaphambi kokuba kuze kubekhona inkanyezi ehudayo ekhanyayo ukuba ize ibe khona, uNkulunkulu wayezazi zonke izidalwa nakho konke okwakuyoke kube semhlabeni. Ngabe ukhona noma ubani lapha...Beningeke nichaze ukuthi lithini igama, futhi nilihlaziye, futhi nisho ukuthi igama loku “ngenasiphelo” lichaza ukuthini. Njengokuphendula ikhamera yakho nje ekubeni i—ingabi nasiphelo. Nje, isukela lapho nje iqhubeke njalo, yilokho kuphela. Niyabo? Ngenasiphelo! Futhi singeke, emqondweni onesiphelo, sike sikubambe lokho umqondo Ongenasiphelo ongakumumatha. Niyabo, ngeke sakwenza lokho. Wena, ngeke wakwenza. Niyabo? Kodwa uma nje nizobhekisisa, nibambelele eMoyeni, ningakuzwa kude le lapho. Bese—bese nibuyela emuva lapha emBhalweni futhi nizobona manje, niyabo, le ngaphambi kokuba kuze kubekwe isisekelo sezwe.

²²² Manje, iBhayibheli lathi uJesu Kristu wayeyiWundlu likaNkulunkulu. Manje lalelisisani impela, ngakho, uma abanye benu bengeke babekhona kusasa, ukuzokuzwa sesiqeda. IBhayibheli lathi uJesu Kristu wayeyiWundlu likaNkulunkulu, elihlatshiweyo kusukela ekusekelweni kwezwe. Kunjalo na? Wahlatshwa nini na? Kusukela ekusekelweni. Lelo yizwe, uma lenziwe ngesixheke sama atomu aqhekezekile, ahosheka elangeni ngaleya, ngaphambi kokuba kube yilokho. Beseke, ngaphambi kokuba kuze kube khona iatomu ukuba lize liqale liqhephuke elangeni, uma lena kwakuyinkanyezi ehudayo eyasuka elangeni, okwakungaba yikhulu lesigidigidi lesigidigidikazi lesigidigidikazi lezigidigidikazi zeminyaka emuva ngaphambi kokuba kuze kubekhona ngisho inkanyezi ehudayo yokukhanya eyodwa, uKristu wahlatshwa. Ngenkathi umqondo omkhulu kaNkulunkulu wakha entweni eyodwa, kungumkhiqizo osuqediwe. Ngenkathi uNkulunkulu ethi, “Makube-khona,” sekuvele kuqediwe. Uma kuthathe iminyaka eyikhulu lesigidigidi ukuthi kuphume, sekuvele kuqediwe ngokushesha nje Esekushilo. “Futhi ngenkathi iWundlu lihlathwa kusukela ekusekelweni kwezwe,” iBhayibheli elifanayo, uMoya ofanayo waloba wase ethi, “amagama ethu afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe.”

²²³ Ngakho umuntu owabhala iculo, “Kukhona IGama Elisha Elibhalwe Phansi ENkazimulweni,” wawunezincazelo ezinhle, kodwa wayengekho ngokombhalo. Niyabo? Lelogama labhalwa phansi eNkazimulweni ngenkathi izwe... ngenkathi ngaphambi kokuba izwe lize liqale. Ngenkathi iWundlu lihlathwa, amagama ethu abekwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu.

²²⁴ Ake—ake nginitholele nje umBhalo omncane owodwa. Nizoke nime umzuzu owodwa nje na? Kufika emqondweni wami nje. Ngicabanga ukuthi ngingawuphenya ngqo.

Anginasiqiniseko. Futhi manje ngiyaxolisa ukunihlalisa lesisikhathi eside, kodwa nginitshelile ukuthi kuzoba phakathi nobusuku; akukubi kangako. Kodwa ngi—ngithanda nje uku—ukuthola lokhu, umBhalo owodwa nje kulokho.

Phenyani kanye nami manje eNcwadini yabaseRoma, futhi ngifuna nifunde lokhu kanye nami. Manje, ake sibone, kwabaseRoma, uma ngingakuthola, kuthi nje akube khona lapha. Manje asithole kwabaseRoma 8, futhi—futhi asiqale evesini 28 lesahluko 8 kwabaseRoma. Futhi ngifuna nje nikufunde ngokukhuleka kanye nami manje. Lalelani lapha ukuthi nje uNkulunkulu wathini manje.

Futhi siyazi ukuthi kwabamthandayo uNkulunkulu konke kusebenzelana kube ngokuhle, kulabo ababiziweyo ngecebo lakhe.

Ngokuba labo ayebazi ngaphambili, . . .

225 Lokho kuninika . . . Ningafunda kanye nami na? “Ngokuba u . . .”

Ngokuba labo ayebazi ngaphambili, wabamisa ngaphambili futhi (kulungile) bafane nesimo seNdodana yakhe, ukuze yona ibe-yizibulo phakathi kwabazalwane abaningi.

Labo abamisile ngaphambili, ubabizile futhi: nalabo ababizile, ubalungisisile futhi: nalabo abalungisisileyo, ubaphile nenkazimulo futhi.

226 Kusukela ekusekelweni kwezwe! Ngenkathi uNkulunkulu ebuka phansi . . . Manje, uNkulunkulu akaliphathi iofisi laKhe, athi, “Awu, manje, Ngizo . . . O, sizokwenzenjani manje na?” Niyabo? Akukho lutho . . .

227 Khumbulani, ukungalungi, isono, singukulunga kuphendukezelwe. UDeveli akakwazi ukudala. Ngabe wonk’umuntu, bonke, bayakuqonda lokho na? Leyo yiMfundiso yalelibandla. UDeveli akakwazi ukudala. Angaphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile. Manje, yini impendukezelo na? Lapha, nonke nibukeka nibadala, ikakhulu. Lalelani lokhu. Singabantu abaganene. Nani nina besilisa abaganiwe nani nina besifazane eniganile ningahlala ndawonye njengendoda nomfazi, nalabo besifazane bayafana nje sengathi abakaze . . . Bayizintombi inqobo nje uma uhlale nendoda yakho. Kunjalo. Manje, lokho kusemthethweni futhi kungokomthetho, futhi kulungile. Kumiswe nguNkulunkulu ukwenzenjalo. Omunye wesifazane angenza isenzo esifanayo somkakho; omunye wabo, ulungile ebusweni bukaNkulunkulu; nesenzo esifanayo komunye wesifazane, ulahlwa ngecala phambi kukaNkulunkulu, ekufeni. Kuyini na? Ukulunga kuphendukezelwe, niyabo, ukulunga kuphendukezelwe. Manje,

uDeveli akakwazi ukudala, kodwa uphendukezela lokho uNkulunkulu asevele ekudalile.

²²⁸ Yini amanga na? Yiqiniso eliphendukezelwe. Omunye wathi, “O, buka, kwakunguMgqibelo ebusuku, ngelesishiyagalolunye nqo, yebo, uBill Branham wayeseJeffersonville,” kuyiqiniso. “Ezansi enkantini ka Antz, edakiwe,” amanga. Kwakuyini na? NgangiseJeffersonville. Yiqiniso lelo. Kwakungukulunga kuphendukezelwe emangeni. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Niyabo, amanga aphendukezela okuyikho. Kuyinto eshilo ukuthi ngangikuphi. Manje, uma kuthe, “Ebandleni, ngishumayela,” kuyiqiniso. Lokho ukulunga. Wakhuluma iqiniso. “Etaveni, ephuza,” amanga. Kuphendukezelwe; niyabo, iqiniso liphendukezelwe. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Konke ukungalungi kungukulunga kuphendukezelwe.

²²⁹ Ukufa, kuyini na? Ukuphila, kuphendukezelwe. Ukugula? Impilo, iphendukezelwe. Ufanele ukuba ekahle, indoda eqinile. Kulungile. Uma uhlala ngokugula, kuyini na? Impilo yakho iphendukezelwe. Niyabo? Yilokho kuphela okukukho. Kuyini na? Nanivamise ukuba ngabasha, abesifazane abahle; nabaqinile, amadoda amahle. Manje seniba-mbimbi, niyaguga. Kuyini na? Ukuphila, kuphendukezelwe, niyabo, niza nijikeleza nibuya ngqo futhi. Niyabo? Futhi kufanele kubuye. Malibusiswe iGama leNkosi! UNkulunkulu wethembise ukukubuyisa. Futhi ngokuqinisekile ngempela nje njengoba ku—njengoba kunjalo (siyazi kulapha), ngakho ngokuqinisekile impela njengoba kunjalo, uNkulunkulu uzokubuyisa futhi. Wethembisa futhi ufungile ukuthi Uyokwenza. Yilokho okusinika khona.

²³⁰ Manje, kanjani, nhloboni yabantu esifanele ukuba yiyo na? Manje qaphelani ukuthi lezizinto zenzeka kanjani. Manje, labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; labo Ababizile, Ubalungisisile labo. Nini na? Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngaphambi kokuba izwe lize liqale. Manje, uma besingathatha lomBhalo futhi ngempela siwulungisise, besingathatha amahora kuwo, kodwa a—asifuni ukwenza lokho. Kodwa konke lokhu ukungalungi lapha, ngukulunga kuphendukezelwe ekungalungini. Yilokho uDeveli akwenzayo.

Manje, uma senifika ebangeni lokwethweswa umthwalo, futhi niyazi ukuthi yini okungalungile nokulungile, nifanele ukuphenduka ekungalungini kwenu. Ngoba, nizalelwe esonweni, nabunjwa ebubini, niza ezweni nikhuluma amanga. Manje-ke ni—nizalwa ngempela njengesifiso socansi, manjena-ke nifanele nizalwe ngokusha, ukuze nemukele ukuZalwa okusha, ukuba ningene eZulwini. Ngoba, loluhlobo lokuzalwa eninalo lapha. . .

²³¹ Niyabona ukuthi uFakazi kaJehova ubengaba sephutheni kude kanjani lapho, ukucabanga ukuthi ukuZalwa ngokusha

kungukuvuka komzimba na? Niyabo, bekungeke. Niyabo? Kufanele kube yinto ethize. . .

²³² Wena, usendaweni yesikhathi. Nento kuphela ePhakade yinto eyayingenasiqalo noma nasiphelo. Noma yini ePhakade yayingakaze ibe nesiqalo, noma ayisoze ibe nesiphelo. Niyabo? Ngakho uma uyingxenywe kaNkulunkulu, uMoya okuwe awuzange ube nesiqalo noma awusoze ube nesiphelo, futhi wena uPhakade kanye noMoya okuwe. Niyabo? Njengo—ngo—ngothando iAgaphawu, bese-ke kwehlela othandweni ifiliyo, bese-ke kwehlela othandweni lwenkanuko. Lulokhu nje lwehla njalo lwehla njalo, kuphendukezela kwehla njalo sekuze nje kwafika esibumbatheni kwimfucumfucu eyodwa. Awu, indlela kuphela, uJesu wehla ngalelolada elifanayo, phansi lapha ukucosha futhi abuyisele emuva futhi esimweni esiphakeme ukwedlula sonke, kusuka esimweni esiphansi ukwedlula sonke; kusuka ekufeni kuya ekuPhileni, kusuka ekuguleni kuya empilweni, kusuka ekungalungini kuya ekulungeni. Niyabo? Yena uba ngosuka ekuPhakameni okwedlula konke aye kokuphansi ukwedlula konke, ukuze Alethe ophansi ukwedlula konke aye ekuPhakameni okwedlula konke. Uba yimi ukuze mina, ngomusa waKhe, ngibe nguYe, indlalifa yesiHlalo sobukhosi eNkazimulweni. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Lezozinto.

Manje bukani. Emuva le ngaphambi kokuba lelizwe liqale kulawoma-atomu emuva ngaleya, ngenkathi uNkulunkulu esebonile ukuthi kwakuzokwenzekani, khona lapho Wakubona wena, Wangibona mina, Wabona onke amazeze, zonke izimpukane, onke amaxoxo, zonke izinambuzane. Yonke into eyoke ibe semhlabeni, Wayibona ngaso lesosikhathi. Impela, Wayibona.

²³³ Manje, Akazange athi, “Ngiyothuma iNdodana yaMi phansi futhi ngidedele Yona ife, futhi mhlawumbe omuny’umuntu uyoYizwela. Futhi kuyoba wudaba oludabukisayo impela, mhlampe mhlawumbe omuny’umuntu angahle asindiswe.”

²³⁴ Wazi ngaphambili ukuthi ubani owayezosindiswa! Yebo, mnumzane. Wathi, “UESawu Ngiyamzonda, noJakobe Ngiyamthanda,” engakabikho oyedwa owayeseke waba nethuba ukufakazisa ukuthi babeyini, ngoba Wayebazi ukuthi babeyini. Wayazi. Wazi yonke into. Wayazi ukuthi wena wawuzokwenzani, ngaphambi kokuba uzalwe, noma nangenkathi izwe liqala.

²³⁵ Manje bukani. Njengoba nazi, ngi—ngi—ngingumdubuli ngesibhamu. Ngi—ngiyazithanda izibhamu. Nomunye wesifazane eTexas, ngikholwa ukuthi yiTexas, wangilethela iSwift, ithu-thwenti Swift. Ngangihlale njalo ngiyifuna eyodwa. Ngifuna ukuyihlola. Ingumbayimbayi omncane wokudubula onamandla amakhulu kakhulu. Ingeyevinhlamvu ezingamashumi amabili-nambili, inhlamvu yezinhlamvana

ezingamashumi amane-nesishiyagalombili. Futhi ungasilayisha leso ngesandla. Manje, ifektri ithi, “Ungakwenzi; kuyingozi kakhulu.” Kodwa ungayibamba leyonhlamvu emafidini ayizinkulungwane ezinhlanu ngomzuzwana, ube usalokhu uyibambe endaweni yayo. Amafidi ayizinkulungwane ezinhlanu ngomzuzwana, lokho yimayela ngomzuzwana. Ngamany’amazwi, uklebe ohlezi, emayadini angamakhulu amabili. Udubula uklebe, bese ubona amaqubu endiza ngaphambi kokuba umbayimbayi uze ukhahlele wena. Niyabo? Lokho, kodwa kuthathe, ingxenye eyisicaba yothi lokuvungula, bese uluthululela kuphawuda wakho, bese uthela omningi kakhulu *kangako* phakathi lapho, owenele nje obungawubamba ngothi lokuvungula; futhi udubula ingulube yaphansi ihlezi ekugcineni kwalesisakhiwo lapha, futhi ihlala nje futhi ikubuke. Yin’indaba na? Inhlamvu iyabuthuka, igijima kakhulu. Futhi—futhi ungabeka ishidi phakathi kwalapha nalapho, futhi ungeke neze ubone ngisho nawodwa amathambo amancane asaguquka aba ngamatshe ewa eshidini. Ibuyela emuva nje; hhayi e—emilotheni, imilotha yentabamlilo, kodwa iqhubekela phambili kunalokho. Ibuyela emuva kuma esidi asekuqaleni okwenza ikhopho nomthofu ophakathi lapho. Ibuyela emuva njengoba yayinjalo eminyakeni eyikhulu lezigidigidi eyedlula. Manje, nansi inhlamvu encane, izinhlamvana ezingamashumi amane-nesishiyagalombili zenhlamvu ngiziphethe ngesanhlama sami, nomzuzwana olandelayo isiphenduke yaba yilokho eyayiyikho eminyakeni eyikhulu lezigidi eyedlula. Futhi uma izwe belingama mhlawumbe eminye iminyaka eyikhulu lezigidi, ibizobuya ibe yinhlamvu futhi, ibingabuyiselwa emuva ngqo, ngokuba ibingabumbeka ekhopheni impela.

²³⁶ Manje bukani ukuthi uNkulunkulu wenzani, nizobe seniMthanda-ke. Khona-ke nizoya ekhaya, bese kuthi ekuseni nilale sekuleyithi kancane. Futhi—futhi nizoMthanda kakhulu kunanininini. Manje, uNkulunkulu ungusoNkontileka. Bangaki okwaziyo lokho na? UnguMakhi. Kulungile. Lalelisisani ngempela. Manje, uNkulunkulu emuva ngaleyana, noma, bathi... Manje sizothatha umbono wabahleli bezikhathi zokwenzeka kwezinto emlandwini ngakho. UNkulunkulu, eminyakeni eyikhulu lezigidigidi eyedlula, ngenkathi Ezokwenza izwe, awu, Waqala nje. Manje, Wayene... Wayenombono emqondweni waKhe.

²³⁷ Manje wena uzothi, “Uma Emkhulu kangako, Mfowethu Branham, waze Wamvumela kanjani uDeveli ukuba enze isono na?” Awu, Wayazi, ngaphambi kokuba uDeveli aze adalwe, ukuthi wayezoba nguDeveli. Udumo! Manje ngizwa ngigcwala ezenkolo. O, he! Wayazi, ngaphambi kokuba uDeveli adalwe, ukuthi wayezoba nguDeveli. Manje wena uyabuza, “Uthini ngalokho na?” Wena uthi, “Wamvumelelani abe nguDeveli na?” Ukuze Afakaziswe ukuthi unguNkulunkulu. Kungakho

Akwenza. “Kungani kwaze kwabakhona abangalungile na? Ngani na?”

²³⁸ Yikuphi okwaba ngokokuqala, uMsindisi noma isoni na? Yikuphi okwaba ngokokuqala na? UMsindisi. Yikuphi okwaba ngokokuqala, umphilisi noma umuntu ogulayo na? Kwavunyelelwani ukuba kube nesoni na? Ngoba izingxenywe zaKhe ezingehlukaniseki inguMsindisi. Ukuba sasingakaze sibekhona isoni, Wayengeke neze aziwe njengoMsindisi. Haleluya! Angenza zonke izinto zisongeleke enkazimulweni yaKhe. “Umbumbi angasho yini ku...Noma, ibhodwe lingasho yini kumbumbi ukuthi, ‘Wangenza kanje?’” Ubani osesondweni na? Ubani onobumba na? Izandla zikabani ezikulo na? UPawulu wathi, “O, ndoda eyisiwula, Akashongo yini ukuthi Waphakamisa uFaro enzela yona lenhloso impela na?” Impela. Wayekwazi. Ngaphambi kokuba kubekhona izwe, Wayazi ukuthi ubani owayezoba yini. Futhi Wavumela ukuba kubekhona isono, ukuze Abe nguMsindisi. Wavumela ukuba kubekhona ukugula, ukuze Abe nguMphilisi. Wavumela ukuba kubekhona inzondo, ukuze Abe wuThando. Impela, Wakwenza. UnguNkulunkulu, nalezo yizingxenywe zaKhe ezingehlukaniseki. Futhi Uzofanele abe nento ethize ukuveza obala izingxenywe zaKhe ezingehlukaniseki.

²³⁹ Wawuyoze wazi kanjani ukuthi kwakukhona ubusuku, wawuyoze wazi kanjani ukuthi babukhona na? Ukuba konke kwakuyimini, wawuyoze wazi kanjani ngenkathi kwakungubusuku na? Kukhona ubusuku, ukuze bufakazele imini. Impela, bukhona. Amen. Niyabona ukuthi Wenzani na?

²⁴⁰ Kodwa ngenkathi Engemuva ngaleya, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngaphambi kokuba Athathe lelilanga elidala Wase eligudluza lizungeza lenkanyezi endala esihlala kuyo manje, lomhlaba, futhi Wawubumba ngapha ngelanga, wase ewubeka uzungeze ilanga. Asithi, *nanti* ilanga. Wawubumba *ngapha*, wase ewuyeka ulenga lapho iminyaka eyikhulu lezigidigidi. Wayenza ini na? Amagesi athize. Wagudluza *ngapha*, Wenza eny'into. Wayenza ini lapho na? Isakhamzimba ipotashi. Wawugudluza *ngapha*, futhi Wayenzani lapha na? Enza isakhamzimba ikhalsiyamu. Wayenzani na? Wayenza wena nami. Wayenzani na? Njengosonkontileka ekhiphela obala onke amapulangwe amathu-bayi-fo akhe namathu-bayi-eyithi akhe, ukhethe lwakhe, isayidi lakhe, wayazi nje ukuthi zingaki izakhiwo ayezozakha. Futhi senziwe ngezakhamzimba eziyishumi nesithupha zomhlaba, futhi Wayenza thina sonke, futhi esibeka obala lapho ngaphambi kokuba izwe lize lingene. Futhi U...Ungahle ukuba wona wawukade ungumhubhe ngalesosikhathi; angazi ukuthi wawunjani. Wayelenzelani igolide, nekhophu, nethusi, namanzi, nazozonke lezozinto na? UngusoNkontileka. Angahle... UMakhi, Wayekhiphela obala yonke into lapho, enayo

yonke into isikiwe futhi yalungiswa. Lapho Esekwenze konke, kwakungokukhulukazi nje ukuqubuka kwentabamlilo. Wadedela lokho kufukamela kwezintabamlilo ezindala phezulu lapho iminyaka eyikhulu lezigidi, ukwenza isakhazimba ikhalsiyamu ethile. Kuyini na? Yingxenyeyakho.

²⁴¹ Kwase kuthi-ke, ngaphambi kokuba kubekhona elilodwa ichashaza lokuphila kulomhlaba, imizimba yethu yayilele lapha. Haleluya! Ngaphambi kokuba kubekhona ithonsi elilodwa lomswakamo ukuba lize lifike emhlabeni, sasilele lapha. Ngenkathi uAdamu ehla enyuka ensimini yase-Edene, ngangilele lapha. Amen. Yebo, mnumzane. O, udumo! Ngenkathi amaKherubi, izinkanyezi zokusa zihlabelela kanyekanye, namadodana kaNkulunkulu ahlokoma ngokujabula, ngangilele lapha nje ngilindele umphefumulo wokuphila ukuba ufike. Ngangilapha. Wangenza lapha, enomzimba wami ulele lapha. Yebo, mnumzane. Uma kwakungesikho, wawungavelaphi na? Ehhe? Wafika kanjani lapha na? UNkulunkulu wayenawo ulele phakathi lapha. UNkulunkulu wawenza. Thina senziwe ngezakhazimba eziyishumi nesithupha; ipetrolyamu, ipotashi, nokukhanya komhlaba nezulu, nanoma yini okunye. Niyabo, sasilele lapha.

²⁴² Kwase kwenzekani-ke na? Wase-ke uNkulunkulu ethi kuMoya oNgcwele, sizokuthatha ngesimo sesifanekiso nje, “Manje wena hamba phambili, futhi uyokwenza uthando kulelozwe. Ngoba, Ngiwuthando, naWe ungumkhiqizo waMi, ngakho manje Wena hamba wenze uthando ezweni.” NoMoya oNgcwele omkhulu, siyacabanga, uphumela lapho; esimweni sesithombe nje manje. Kwakungesikho ngaleyondlela. Kusobala, uMoya oNgcwele noNkulunkulu yinhloso yakhe uqobo efanayo, inhloso yakhe uqobo efanayo, uMuntu. Uxolo. Futhi asithi nje Waphonsa amaphiko aKhe emhlabeni jikelele, Uqala ukufukamela. Kuyini lokho kufukamela na? Njengesikhukhukazi emachwaneni aso, sikukuza, senza uthando, “kukuku, kukuku, kukuku.” O!

²⁴³ “O kuphila, vela!” Wadazuluka. Waqalaza. “Ngifuna ubuhle kulomhlaba. Vela, kukhanya!” UMoya oNgcwele unyakaza. Futhi lapho Ekwenza, ngibuka; kuza, nakho kwenzeka umfudlana wehla ngegquma ngaleya, ngaleya kuza ikhalsiyamu ithululeka phansi, futhi ixubana nepotashi. Kusongeleka kuphi na? “Kuphila, vela!” Nembali encane yePhasika imisa ikhanda layo iphuma phansi kwedwala. “Woza lapha, Baba, awubheke lokho.”

²⁴⁴ “Lokho kubukeka kukuhle. Qhubeka nje ufukamela.” Wafukamela kwaphuma izimbali. Wakhapha zonke izimila. Wakhapha impilo yezilwane. Izinyoni zandiza ziphuma othulini. Emva kwesikhashana, nakhu kukhuphuka owesilisa nowesifazane; kukhuphuka owesilisa, nowesilisa wayeyikho

kokubili owesilisa nowesifazane. Akusuye uncukubili, manje. Nje, kwakukuye nje, kwakukhona umoya wobufazane.

²⁴⁵ Uma uthatha owesilisa osasitabane impela, angaba kahle, ame kahle, kodwa kukhona okungalungile. Futhi uma uthatha owesifazane, efuna ukunquma izinwele zakhe futhi agqoke iovaloli, futhi aphumele lapho, futhi, “Akabusiwe uNkulunkulu, ngizokutshela!” Kukhona okungalungile. Owesifazane unomoya wobufazane, nowesilisa uyisilisa. Siyakwazi lokho. Nani niyakwazi lokho. Ngabe owesifazane ubukeka kahle yini, ozama ukuba njalo, aziphathise okowesilisa na?

²⁴⁶ Ngani, ngake ngahlala ngesinye isikhathi, ngangingumqaphi wezinyamazane lapha, futhi ngahlala ebhasini ngase ngenyukela lapho futhi ngangimpansa lowo wesifazane emlenzeni, ngesandla sami, ngikhuluma naye, futhi ngangingazi ukuthi kwakungowesifazane. Wayefake elinye lalamakepisi omshiseli, nezinkulu izibuko zamehlo *kanjalo*, futhi ngangihlezi khona emuva laphaya, futhi wayexoxa ngenye into mayelana nenye into eyenziwe. Wathi, “Uyazi,” wayesethi, “futhi izolo ebusuku,” ebukeka nje engesulekile impela, ebhema usikilidi. Wathi, “Izolo ebusuku, ngiyakutshela, lowomfo uthe nyelele, wenyukela esiqongweni saleyonto. Wathi, ‘He!’ Uza eshelela ephumela lapho.” Wathi, “Angikaze ngihleke kangaka empilweni yami.”

²⁴⁷ Futhi ngangihleka, uyazi, *kanjalo*. [UMfowethu Branham wenza umsindo wokumpansa—Umhl.] Ngathi, “Mfana, kwakuyilokho, kwakungesikho?” Ehlezi lapho ekhuluma *kanjalo*. Futhi ukuba akayikhumulanga leyonto wase enikina ikhanda lakhe, futhi wayenesihluthu phezulu lapho, ukuthi wayengowesifazane. Angikaze ngizizwe ngimncane kangaka empilweni yami. Nga—ngathi, “Ungowesifazane na?”

Wathi, “Ngani, impela!”

²⁴⁸ Ngathi, “Ngiyaxolisa.” Angikaze ngimbone onje. Manje, lokho, lelo yiqiniso.

²⁴⁹ Ngibone isayini ngoluny’usuku, yayithi ayingixhuxhumise. Yayinesayini enkulu phezulu, yayithi, “Amanenekazi alungiselela ukugqoka izingubo.” Ngacabanga, “Akadunyiswe uNkulunkulu ngalokho.” Niyabo? Kodwa, sengizothola ukuthi, kwakuwuhlobo nje lwezingubo abase bevele bezenzile, niyazi. Nga—ngangicabanga ukuthi babezokwembatha izingubo ngempela. Impela ngangicabanga *kanjalo*. Yayithi, “Amanenekazi aselungele ukugqoka izingubo.” Ngathi, “Akadunyiswe uNkulunkulu ngawo. Lokho kule. Lokho, impela ngiyayibonga iNkosi ngalokho.” Kodwa, niyabo, kwakuwuhlobo nje oluthize lwezingubo abase bevele bezenzile, into ethize. Kwakungaba yinto ethize engumhlola, kwakungeke yini, kulelizwe na? Kulungile.

250 Kwase kuthi-ke lapho uAdamu ekhuphuka. Kwase kuthi-ke uAdamu wabukeka enesizungu, ngakho Uthathe ubambo ohlangothini lwakhe wase enza uEva, umkhiqizo ovele kamuva wakhe. Wenza . . . Ukhiphe umoya wobufazane kuAdamu, wase ewufaka kowesifazane, umoya wothando, ubufazane, onomusa, onobubele. Wase Eshiya umoya wobulisa kuAdamu. Manje, uma kukhona noma yini ehlukile, kukhona impendukezelo ndawo ndawo. Manje, futhi manjena-ke bobabili wayemunye.

251 Futhi ngakho ake nje sithathe umdlalo wasesiteji omncane-ke ngaphambi kokuba sivale. Nakhu kufika . . . Lapha, nguAdamu ebamba uEva ngengalo base bephuma. Ngiyayithanda nje lendaba. Futhi bayaphuma, niyazi. NoEva wathi, “O, s’thandwa, usho ukuthi unakho?”

“Yebo, ngakwetha igama lokho.”

“Kodwa ukubiza ngokuthini lokho na?”

“Lokho kubizwa ngehashi. Ehhe.”

“Yini leyo na?”

“Leyo yinkomazi. Ehhe.”

“Wakwetha igama lokho na?”

“Ya. Ehhe.”

252 “Ukubiza ngokuthini lokho lapho, lezo ezimbili ezihlezi lapho amakhanda azo endawonye na?”

“Lokho yizinyoni zothando.”

253 “O, ngiyabona. Ngiyabona.” Futhi beqhubeka kanjalo. “Futhi yini lokhu okungapha na?”

“Lokho ngikubiza, *lokho*, nalokhu lapha.”

254 Futhi, “O, ngiyabona. Ehhe. Lokho kuhle.” Nebhubesi liyabhonga. “Ukubiza ngokuthini lokho na?”

“Lelo yibhubesi.”

“Yini *le*?”

“Ingwe.”

255 Futhi, o, njenge . . . “O, ngiyabona.” Njengemthinyane nje, uyazi, futhi ihamba ithi miyawu.

256 Ngakho, emva kwesikhashana, uyaqalaza. Wathi, “S’thandwa, awubheke laphaya, ilanga seliyashona. Sekuyisikhathi sokuya endlini yokukhonzela.”

Niyazi, kukhona okuthize nje mayelana nelanga uma selishona, ufuna ukukhonzela. Uma ungayi endlini yokukhonzela ngalobo busuku, uthanda ukuhamba ungene ekamelweni, ufunde iBhayibheli. Bangaki kothanda ukwenza lokho, usuke ube wedwa na? Niyabo? Kukumuntu nje ukwenza lokho. Nifanele nikwenze lokho.

“Sekuyisikhathi sokuya endlini yokukhonzela.”

257 Manje, abazange bathi, “Manje, awulinde umzuzu manje, manje, uJones usonta eAssemblies, futhi thina sisonta e...” Qhabo, kwakungelutho olwalunjengalokho ngaleyonkathi, ngakho bavele nje banyuka. Babengenayo indlu yokukhonzela, isihlalo esihle sokuhlala njengaleso. Bavele nje benyukela phansi kwelikhulu ihlalabhishobhi lehlathi, base beguqa phansi.

258 NaleyoNdingilizi yokukhanya yayilenga ngaleya ehlashaneni. Niyabo? Sengiyalizwa iPhimbo likhuluma phansi futhi lithi, “Ngabe abantwana baMi bazijabulisile phezu komhlaba, namhlanje, usuku iNkosi uNkulunkulu wenu eninike lona na?”

259 “Ya, Nkosi, sizijabulisile namhlanje.” “Asizange, s’thandwa na?”

260 “Yebo. Yebo, s’thandwa, sizijabulisile.” “Nkosi, impela siyaKuthokozela. Manje sengiyacambalala ukuba ngilale.” Niyabo? Futhi welula ingalo yakhe enkulu, naye owesifazane ucambalala phansi, engalweni yakhe owesilisa, futhi ulalisa phansi ingwe nehubesi phansi, nayo yonke into phansi ukuba ilale; ngokukhulu ukuthula.

261 Ngakho uNkulunkulu uyehla futhi Wehlisa, o, isigejane seziNgelosi, uGabriyeli, okudaliweyo kwaKhe kwaseZulwini. Ngakho ziyehla futhi ziyacokama kalula impela zingena ekamelweni lokulala, niyabo, ziyaqalaza. UGabriyeli wathi, “Woza lapha, Baba. Woza lapha. Buka lapha. Nangu. Lapha, nakhu kucambalele abantwana baKho bacambalele lapha.”

262 Bangaki phakathi lapha abake baya eceleni kombhede, abanye benu bomama, wena nobabayi ndawonye, futhi nabuka umfana omncane, intombazane encane, bese nje niyakhumbuzana, “Aka—akafani nawe, ngalendlela nangaleyondlela na?” Senake nakwenza lokho na? Ngani, isikhathi esiningi ngiyaye ngihambe bese ngithi kuMeda, ngisho ngoJoseph. Uyothi, “Bill, unesiphongo esikhulu njengawe.”

263 “Ya. Kodwa, Meda, unamehlo amakhulu njengawe.” Ngani na? Uyingxenywe yowethu umkhiqi-...Ungumkhiqizo wokuhlanganiswa kwethu—kwethu.

264 Manje, noBaba wathi, angasho lokhu ngalokhu. Wathi, “Uyazi...” NoGabriyeli wathi, “Uyazi, ufana naWe nje.” Ubukeka kanjalo-ke uNkulunkulu; zibuke wena. Ubukeka kanjalo-ke uNkulunkulu. Ufana nawe. Wena uyinzalo yaKhe. Bangaki okwaziyo lokho na? Niyabo?

265 Manje bhekisisani. Yiluphi uhlobo lokuphila oluphansi kunalo lonke esinalo na? Yixoxo. Yiluphi uhlobo lokuphila oluphakeme kunalo lonke na? Umuntu. Impela. Futhi yiluphi uhlobo oluphakeme kunalo lonke na? Lwaluyilokhu nje luqhubeka lusuka kokuphansi kunakho konke, lukhuphuka, kusuka exoxweni kuya ku *lokhu* naku *lokho*, bese

kuya enyonini, kuze kuthi, kanjalonjalo, ezinhlotsheni eziphakeme kakhulu zokuphila, kuze kufike ohlobweni oluphakeme kunalo lonke olwalungafika kulo, lwase-ke lwenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu. Nakho lapho okhona. Nowesifazane akenziwanga ngomfanekiso kaNkulunkulu, kodwa ngomfanekiso wowesilisa. Niyabo?

Manje, manje, nakho lapho bekhona. NoNkulunkulu wababuka, wayesethi, “Yebo, babukeka—babukeka bethandeka.”

²⁶⁶ Kwakuyini lokho, mfowethu na? Babengezokufa neze. Lelo nje kwakuyibinza lokuqala lekhalsiyamu, ipotashi yokuqala, nayo yonke into yaqala ukusuka kanjalo. Akukuhle na? Kodwa isono siyafika futhi sasonakalisa isithombe. Manje, ngabe uNkulunkulu... UNkulunkulu wasivumela ukuba senzeni na? Wasivumelani ukuba sibe njengoba besikhuluma ngaso esikhashaneni esedlule na? Wasivumela ukuze Akwazi ukufakazisa ukuthi WayenguMsindisi. Ukwenzile. Wavumela ukugula kwenzeke, ukuze Akwazi ukufakazisa ukuthi WayenguMphilisi. Wavumela ukufa kwenzeke, ukuba afakazise ukuthi WayengukuPhila. Niyabo? Wavumela zonke lezizinto ezimbi ukuba zenzeke, ukufakazisa ukuthi Wayemuhle, lokho Ayeyikho. Sizoo... .

²⁶⁷ Nikhuluma ngokucula indaba yokuhlengwa! Ngani, mfowethu, lapho uJesu efika, leli—leliBandla liyoma ngaleya ezinqenqemeni zalomhlaba futhi licule izindaba zokuhlengwa, lapho iziNgelosi ziyokhothamisa ikhanda lazo, zingazi ukuthi sikhuluma ngani. Awu, zazingakaze ilahleke. Azazi ukuthi sedlule kukuphi. Siyazi ukuthi kusho ukuthini ukulahleka nokutholwa. O, singedazuluke yini ngezindumiso zaKhe! Akasuye uMsindisi kuzo. Azizange zidinge-kusindiswa. Wayengesuye uMphilisi kuzo. Qhabo. Udumo! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kahlanu—Umhl.] Akasikho—Akasikho ukuPhila kuzo. Impela akasikho. Zazingakaze zife esonweni naseziphambukweni. Thina sasinjalo, futhi senziwe saphila. Nakho lapho esikhona. Siyothini, nemiqhele yethu yethuliwe, “O, unguMfu. uS’bani-bani na”? Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo. Lonke udumo luya kuYe! Yilokho-ke. Nakho lapho okhona. Khona-ke siyoxoxa indaba ukuthi siinqoba kanjani. Siyokuqonda kangcono masinyane.

²⁶⁸ Khona-ke, khona-ke kulokho lapho, khona-ke kwenzekani na? Ngabe uNkulunkulu-ke wathi nje, “Awu, kungcono ngivele nje Ngibhubhise yonke ipotashi yaMi nekhalsiyamu. Konke sekonakele na”? Qhabo, qhabo. Wayazi ukuthi kwakuzoba ngaleyondlela.

Manje, manje, uma uMoya oNcwele wangenza ngaba yilokhu engiyikho, futhi ngidla ukudla bese ngikubuyisela emzimbeni wami, bese kwakha lokho engiyikho manje. Manje,

nokho, ngenziwa ngesimo. Sonke isithombe uNkulunkulu asibonayo, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, siyavuthwa, siyaphatheka. Niyabo? Uvela kowesifazane, njengoba Athi uyoba njalo; isikhathi esilandelayo, uvela kuNkulunkulu. Ufika ngalesosikhathi, ngowesifazane; ufika ngalesisikhathi, ngowesiLisa. Niyabo? Ufika ngalesosikhathi, ngesifiso socansi; ufika ngalesisikhathi ngeZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe. Niyabo?

²⁶⁹ Lapho, manje, kukhona noma yini okungangilimaza na? Qhabo, mnumzane. Akukho lutho olungasilimaza. UPawulu wathi, “Akukho-zinto ngisho ezikhona, izinto ezizayo, ukugula, ukufa; akukho okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu.” Akukho lutho olungasehlukanisa.

²⁷⁰ Njengoba ngixoxe indaba encane. Senginezinwele ezithi azibe nhlanu nje ngokuba nempandla, ngokugcwele. Futhi ngangikama lezo ezimbalwa lapha esikhathini esithize esedlule, umkami wathi, “Billy, usunempandla cishe impela.”

Ngathi, “Kodwa angilahlekelwanga nangolulodwa lwazo.”

Wathi, “Zikuphi na?”

²⁷¹ Ngathi, “Zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole na? Niyabo? Noma yikuphi lapho ezazikhona ngaphambi kokuba ngizithole.”

Manje, zake zabakhona ngesinye isikhathi, eminyakeni eyikhulu eyedlula, lezizinwele zazingekho lapha nhlobo, kodwa zazingaphandle lapha othulini. Ngabe kunjalo na? Kwase kuthi cishe eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, ziqala ukuza ekhanda lami. Zivelaphi na? Othulini. Futhi manje sezibuyela emuva lapho ezazikhona. Ngabe kunjalo na? Zazingekho, zase ziba khona, futhi manje azisekho. Kuyini na? Yini eyazenza zaba yilokho eziyikho na? UNkulunkulu! Nango-ke. Wapenda isithombe, wathi, “Yileyondlela eNgimfuna ngayo.”

²⁷² “O Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?” Ungangingewaba ngolunye lwalezizinsuku lapha. Angazi. Kodwa, mfowethu, ngiyobe ngingafile. Ngizokutshela lokho. Qhabo, mnumzane. O!

Siyovuka! Haleluya! Siyovuka!

Ngalokho kusa kokuvuka, lapho imigoqo
yokufa yepfulwa,

Siyovuka! Haleluya! Siyovuka!

Ayikho into engangivimba ekuvukeni. Abekho odeveli abenele kuso sonke isihogo abangangivimba ekuvukeni. Akukho lutho olwenele alukho-ndawo lokuba lungivimbe ekuvukeni. Nginesithembiso sikaNkulunkulu. NginoMoya oNgcwele. Nginge Zoe, ukuPhila okuPhakade kukaNkulunkulu, kuphumule phakathi lapha. Lesisidumbu esidala sivela lapho,

noNkulunkulu wangifukamela ngiphuma emhlabathini. Futhi uma Lowo Angifukamela ngiphuma emhlabathini . . .

²⁷³ Lapho sengikhulile, manje, njalo uma ngizwa insimbi yasesontweni, kukhona Into eyayikhuluma nami, umfanyanyana omncane. INgelosi yakhuluma ehlathini, yathi, “Ungalokothi uphuze noma ubheme. Nginomsebenzi ozowenza. Ungawoni umzimba wakho, noma wehle wenyuka nabesifazane nezinto. Wena, Nginokuthize ozokwenza uma usukhulile.”

“Ungubani Wena na? Ungubani Wena na?”

²⁷⁴ “Uzokwazi kakhulu ngalokho kamuva.” Emva kwesikhashana, nansi Iza. Ilenga ngaleya embhaphathizweni. Iyazibonakalisa Yona. Iyazimemezela Yona. Iyaphendula. NgiyaYibona imi ngaleya, ndawo zonke, macala onke.

²⁷⁵ Uzoba kanjani, uma Angenza ngaba yilokhu engiyikho, ngaphandle kokuba ngibe nokukhetha nhlobo . . .? Angizange ngibuyeke emuva lapho bese ngithi, “Manje, Charlie Branham, wena shada noElla Harvey bese ningizala emhlabeni.” Qhabo, mnumzane. Angizange ngibe nokukhetha kwalokho. UNkulunkulu wakwenza lokho.

Futhi uma Angenza ngaba yilokhu engiyikho, ngaphandle kokukhetha; kakhulu kangakanani, lapho lowoMoya oNgcwele uhamba uyofukamela phezu kwami, bese ngithi, “Ya, Nkosi, UnguMdali wami. NgiyaKuthanda, futhi ngiyaKwemukela njengoMsindisi wami!” Uzongibamba kanjani othulini na? Ngeke nje wakwenza, mfowethu. Ngeke nje wakwenza.

²⁷⁶ UNkulunkulu akazange abumbe uphisi owodwa walekhalsiyamu, noma ipotashi, kumbe noma yini enye, eyayiyoke i—imosheke. “Konke uBaba aNgiphe khona, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kuyoza kiMi.” Whewu! Ngizizwa kuthi angimemeze; ngempela kuthi angimemeze. “Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi, futhi akukho nakunye kukho okuyolahleka, kodwa Ngiyokuvusa futhi ekuvukeni.” NgiMzwile ebiza, ngenkathi ngiza kuYe. Bangangigcina kanjani ngisothulini lomhlaba na? Akukho-bangcwabi abenele ezweni ukuba bangimbambathe ebusweni ngefosholo, abayoke bangigcine ngisothulini lomhlaba. Ngizivuka ngolunyusuku futhi ngime ngifana naYe, ngigezwe eGazini laKhe, ngizalwe nguMoya waKhe! Haleluya! Yiba nawo onke amahlelo ofuna ukuba nawo; ngizothatha uJesu. Amen!

²⁷⁷ Indoda yomshwalense iza kimi. UWilmer Snyder, umngani wami olungileyo. Wathi, “Billy, ngifuna ukukudayisela ipholisi yomshwalense.”

²⁷⁸ Ngathi, “Sengivele nginawo.” (Umkami waqalaza, sengathi uzothi, “Uwaqambelani amanga, mfana na?”)

Wathi, “Unawo umshwalense na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Wathi, “Owayiphi inkampani onayo? Uyini na?”

279 Ngathi, “Isiqiniseko esibusisiweyo, uJesu ungowami, o, ukuzwa kungakenzeki okunje pho kwenkazimulo yaPhezulu! Indlalifa yensindiso, ngithengwe nguNkulunkulu, ngizelwe ngoMoya waKhe, ngagezwa eGazini laKhe.”

280 Wathi, “Kuhle lokho, Billy, kodwa ungeke ukufake emangcwabeni.”

281 Ngathi, “Uyongikhipha.” Haleluya! Angikhathazwa ukufika lapho; kungukuphuma.

282 Ngakho, ngizitholele umshwalense ongitshela ukuthi, “Ngiyonyusa. Konke uBaba aNgiphe khona kungokwaMi.” Angikhathali ukuthi ubaba wami wenzeni, ukuthi umama wami wenzeni, ukuthi noma yini yayiyini. “Konke uBaba aNgipha khona kuyoza kiMi, futhi akekho umuntu ongeza uma uBaba waMi engamdonsi.” Haleluya! Wabadonselani na? “Ngabazi ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngenkathi Ngihlaba iWundlu, Ngamhlaba kanye naLo.” Amen. “Ngalimisela ngaphambili iBandla.” Yini enokumiselwa ngaphambili na? IBandla. Ningena kanjani eBandleni na? “NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Mzimba munye.” Wayazi, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuthi sasizoba khona. Nalabo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile. Labo Ababizile, Ubalungisisile. Labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile.

283 EziNcwadini zikaNkulunkulu, Useshilo ukuthi Uyohlangana nami khona lapho. Abekho bonke odeveli abaphuma esihogweni abangaze baze babavimbe kunoma yiyiphi enye indawo kodwa ukubavimba ekutheni beze khona lapho, ngoba uNkulunkulu usevele usho njalo, nalokho kuyakuxazulula. Uma...Iminyaka eyikhulu lezigidigidi ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe, izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye namadodana kaNkulunkulu ahlokoma ngokujabula, ngaphambi kokuba kube khona isisekelo sezwe. Niyabo? Ngaphambi kokuba kube khona isisek-... NalezosiNgelosi nakho konke kwakujabule, kuhlokoma ngakho, ngaphambi kokuba kube khona isisekelo sezwe. UDeveli uzoke angivimbe kanjani othulini lomhlaba na? Nje ngeke akwenze. Uqinisile.

284 Ake sibone, manje. Lesi yisikhathi sosekela intando yeningi enginaso, ngapha. Lena yimizuzu engamashumi amabili ukuba kushaye eleshumi nanye. Leyo yimizuzu engamashumi amabili kuphela ukuba kushaye eleshumi. Ngabe kunjalo, Mfowethu Wood na? Kunjalo, imizuzu engamashumi amabili ukuba kushaye eleshumi. Wonk'umuntu ujabule na?

O, kuthi angihambe ngiqhubeke,
 Kuthi angihambe ngiqhubeke;
 IKhaya lami laseZulwini likhanya bha,
 Futhi kuthi angihambe ngiqhubeke.

O, kuthi angihambe ngiqhubeke,
 Kuthi angihambe ngiqhubeke;
 IKhaya lami laseZulwini likhanya bha,
 Futhi kuthi angihambe ngiqhubeke.

²⁸⁵ Niyawathanda lawomaculo amadala njengalelo na? Kwakuvamise ukuba nelidala esasivamise ukucula ngalo, into ethize ngokuthi, “Umusa nesihawu kwangifumana. Lapho iNkanyezi yoKusa yakhanya.” Yiliphi lelo, Dadewethu Gertie na? Ake sibone. Kanjani... Yiliphi, Mfowethu Neville na? Niyabo, into ethize, “Umusa nesihawu kwangifumana. Lapho iNkanyezi yoKusa neKhanyayo yakhombisa ezaYo...?... okungizungezile.” Ehhe. Ya. “Esiphambanweni.” Sinike indlela kulelo, dadewethu, lelo, *Eduze KwesiPhambano*. Yenyukela lapha, Mfowethu Neville. O, ngiyawathanda lawa. Bangaki othanda lawomaculo amadala aphefumulelwe na? Ungaba nabobonke odum-dum bakho bokugxuma phansi-naphezulu obafunayo. Nginike leli, “Nakhu lapho umusa nesihawu kwangifumana khona.” Yilokho-ke. Kulungile, kamnandi manje.

Jesu, ngigcine eduze kwesiphambano,
 Lapho umthombo oyigugu,
 Ukhululeke kubo bonke, umfudlana
 wokuphulukisa,
 Ugeleza uvela entabeni yaseKalvari.
 Esiphambanweni, esiphambanweni,
 Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
 Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
 Ukuphumula ngaphesheya komfula.

²⁸⁶ [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Eduze KwesiPhambano*—Umhl.] O, limnandi kanjani! Licabange! Ukuba-ke uMsindisi wayengekho na? Ukuba-ke sasingenalo leliZwi na? Ukuba-ke Wayengakubizanga na? Ukuba-ke Wayengakwazanga ngaphambili, futhi wawungaphandle lapha kulokhu ukuphumula kwezwe kulobubusuku na? Niyamthanda na? O, he! Ningazikhohlwa izinkonzo ekuseni, manje, ligamenxe elesishiyagalolunye.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
 Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
 Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
 Ukuphumula ngaphesheya... .

²⁸⁷ Manje sinike indlela kwelithi *Indawo eMthonjeni*. Leliculo elidala elimnandi, “Ikhona indawo eMthonjeni.” Bangaki olaziyo na? “Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,

indawo eMthonjeni.” Uma nikwenza manje, ngokukhulu ukuthula yeluleka nje, ngapha kwakho, futhi uxhawulane nalowomfowethu. Niyazi, ikhona indawo manje yawo onke amaMethodisti. Ikhona indawo yamaBaptisti. Ikhona indawo yePhentekoste. Ikhona indawo yethu sonke manje, eMthonjeni. Bangaki olaziyo iculo elidala na? O, impela niyalazi. Abanye benu zinsizwa ezindala manje, leli elimnandi, iculo elidala laseKentucky manje.

Indawo, indawo, (xhawulani), yebo, ikhona indawo,
Ikhona indawo yakho eMthonjeni;
Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,
Ikhona indawo yakho eMthonjeni.

O, indawo, indawo, ikhona inqwaba yendawo,
Ikhona indawo yakho eMthonjeni;
O, indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,
Ikhona indawo yakho eMthonjeni.

²⁸⁸ Manje, nginokuncane okuzonimangaza. Zonke izintshumayelo zakamuva, nezincwadi, nakho konke, kuzobe kudayisa kwenye indawo esekugcineni kwendlu yokukhonzela, ngeviki elizayo, emihlanganweni; amateyipu nayo yonke into, nakho konke, kusesimweni sencwadi enhle efundwayo. Kuzobakhona itafula emuva lapho ngemuva, kwelinye lamakamelo. Futhi incwadi efundwayo, izintshumayelo zakamuva, neminye yemibhalo emihle esihambe ingeyasekuqaleni, ezincwadini ezintsha, ezicindezelwe kabusha, zonke zizobe zihleliwe, futhi eku—ekugcineni kwesakhiwo, ngalobubusuku bangoLwesithathu oluzayo.

Futhi sibheke isi—isikhathi esimnandi eNkosini. Wozani, nikhuleka, manje. Manje, nibize abagulayo nabahluphekile benu, nibabhalele incwadi. Nibangenise lapha. Nje sizo... UNkulunkulu nje uzonyakaza ngamandla. Futhi siyazi ukuthi Uzokwenza manje.

²⁸⁹ Futhi manje ngiye kuwo wonke umuntu ebengazi ngaye, abebenokuncane okuthize. Uma ikhona noma yini into ephumile endleleni manje, khumbulani, nganitshela kudala, besizokuqondisa. Futhi ngiyazi ukuthi niyazi ukuthi kukhona umoya ohlukile lapha kunalowo obukhona. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Kunjalo. Manje, ningawuvumeli ukuba uphinde usuke. Ngiyaniyala phambi kukaJesu Kristu, ningawuvumeli ukuba usuke. Hlalani khona lapha nawo, niyabo, gcinani nje yonke into iayinwe phansi ngqo futhi niqhubeke ngqo. Ningabazalwane. Akusuye neze umfowenu noma udadewenu owenza noma yini eyiphutha; yilowomoya kaDeveli ongena phakathi lapho. Niyabo, uhamba ujikeleze. Futhi nje mzwela umfowenu noma udadewenu, futhi wazi ukuthi nguSathane ongena phakathi nendawo. Uma ninomuzwa othile ngakho, kukhipheni lokho

kini ngokukhulu ukushesha, niyabo, ngoba kuzokudlavuza. Yebo, kuzokwenza. Ngakho, kubalekele. Khumbulani nje.

Ikhona indawo, indawo, inqwaba yendawo,

Ikhona indawo yamaMethodisti, indawo yamaBaptisti, indawo yePresbyterian. Ikhona indawo yabo bonke.

Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,

Ikhona indawo yakho eMthonjeni.

²⁹⁰ Bangaki oikhumbulayo iculo lethu elidala lokuphuma, manje-ke na?

Hamba neGama likaJesu,

Mntwana wokudabuka nowosizi;

Liyakukunika injabulo nentokomalo,

Lithathe noma uyaphi.

Ngifisa sengathi beningahlala nathi, Mfowethu Jeffreys, wena noDadawethu Jeffreys, nabafana lapho, nabo bonke.

Bese kuthi-ke ngeGama likaJesu
siyakhothama,

Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe; (O, he!)

INKosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,

Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Hamba neGama likaJesu,

Lithathe njengesiHlangu namhlanje;

O, uma isilingo sisondele,

Phefumula leloGama eliNgewele

ngomkhuleko.

O, ngiyakuthanda lokho. Anikuthandi na? LeloGama elimangalisayo likaJesu! Manje, asisukume khona manje, sisacula manje. Kulungile.

Hamba neGama likaJesu,

Mntwana wokudabuka nowosizi;

Liya . . .

[UMfowethu Branham ukhuluma noMfowethu
Neville—Umhl.]

O limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;

Gama eliligugu (O Gama eliligugu), O
limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

²⁹¹ Lokhu kungokwehlukile kancane manje. Asikhothamise amakhanda ethu nje manje, futhi, ngokuthula impela, asiphakamise isandla esisodwa. Sithi:

NgeGama likaJesu siyakhothama,

Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,

INKosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,

Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Yebo, Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

²⁹² Amakhanda ethu elokhu eqhubeke nokukhothama, sithi . . .
[UMfowethu Branham uqala uyahamisha *Hamba NeGama
likaJesu—Umhl.*]



KUNGANI SINGESILO IHLELO? ZUL58-0927

(Why Are We Not A Denomination?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoMgqibelo kusihlwa, ngo Septemba 27, ngo 1958, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org